

IMIBUZO NEZIMPENDULO

EZIMPAWINI

 [Umfwowethu ukhulumu ngoluny'ulimi. Omunye umfwowethu unikeza incazo. Ibandla likhuleka kakhulu—Umhl.]

Baba wethu oseZulwini, sibonga ngempela ngalesikhathi ukuthi singaphinde sihlanganye ngaseZwini likaNkulunkulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Sibonga kakhulu ukuthi Wena unathi, kulokhu ukusa, ukuba usisize futhi usibusise. Sicela intethelelo yezono zethu, ukuthi izibani zethu zigcwaliswe ngamaFutha, futhi zilungiswe futhi zivutha, ukuthi Uzosisebenzisa manje ukuba kuhlonishwe iGama laKho elikhulu. Ngokuba sikucela eGameni leNdodana kaNkulunkulu ethandekayo, uJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

² Bengisanda kungena nje ngenkathi ngizwa lowomlayezo uphuma. Ngakho ngi... Kuyiqiniso ukuthi sidinga ukugcina izibani zethu zigcwalisiwe, sigcine ezethu... Niyazi, nxa i... Lapho nivutha, ungeke waqhubeka kokwenzile, manje. Uyabo? Ngoba, umlilo, uvutha emafutheni, wenza isikhutha ikhabhoni. Ngakho yingalesosizathu ukulungiswa kwe... nilungisa izibani zenu, ngoba isikhutha ikhabhoni phezu kwe—kwentambo yesibani. Abanigi benu bantu abathi ababe ontanga yami, ngenkathi sisavame ukusebenzissa i—isibani samafutha amalahle, niyabo, zi... Sa—sa—sasiba nesikhutha ikhabhoni phezulu, uma sivutha, futhi ngakho-ke sasiphazamisa ukukhanya. Ngakho ufanele ulungise kusuke sonke isikhutha ikhabhoni, futhi ukuze “sijonge phambili, siqonde emgomeni wokubizwa kwaphezulu kuKristu.”

³ Manje, kungo—kungokukhulu, ukusa okuhle, ngaphandle naphakathi, njengoba lenkathi yonyaka yePhasika isondela manje.

⁴ Futhi—futhi manje senyukela oPhawini lokugcina, kulobibusuku, iNkosi ithanda. Futhi LuwuPhawu oluyimfihlakalo ngempela, ngempela, ngempela, ngoba Alukho ngisho—Aluphattha ngisho emiBhalweni akukho-ndawo, akukho zifanekiso, noma yini ukubambelela kuyo. Lufanele luvele ngqo eZulwini.

⁵ Futhi ku—kulu—uhlobo lwehora eliwubunzima kimi. Bekuyilo, iviki lonke. Manje lokhu ngokwami... kuba wusuku lwami lwesishiyagalombili ngisekamelweni. Futhi ngiqaphelile phakathi lapha, eziningi, kulezizicelo, ngidingeke ngithi ukukhetha. Bezininingi ezazo ebefuna ingxoxiswano yangasese.

Futhi ngi—ngiyakuthanda lokho. Ngithanda uku—ukunikeza lokho manje, niyabo, kodwa a—angeke khona manje. Isizathu, niyaqonda, ukuthi i—konke okwalokho esizama ukukwenza manje ngukuthola isambulo sentando yeNkosi, niyabo. Manje-ke sinengoxoiswano, bese-ke ikudonsa usuke, ngale kwelinye icala lenye into, niyabo.

⁶ Futhi, bese, futhi njengasemkhulekweni wabagulayo, lokho kwehluke ngakho konke. Wena... Yimibono nezinto; ufundisisa okwehluile, futhi u—ugcotshwe ngokwehluile. Kunjengoba kwasho iBhayibheli nje lapho, “U—umuthi otshalwe ngase—semifuleni yamanzi.” “Imifula yamanzi,” niyabo, amanzi afanayo, kodwa kunentuba eqhamuka ngalendlela, ngalendlela, nangalendlela. Kuya ngokuthi yiyiphi intuba. NguMoya ofanayo.

⁷ UPawulu, kwabaseKorinte bokuQala 12, wenza into efanayo, wakhuluma ngakho, “Ziningi iziphiwo, kodwa nguMoya ofanayo.”

⁸ Ngakho, niyabo, uma usebenza, okunjalo, ngento eyodwa, bese-ke ushintshwa ukuba uze nganeno kulena enye into *ngapha*. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. U—ufundisisa wehle ngalowomugqa, uthola abantu... Futhi manje izinhliziyo zabo zonke zihlezi, “Ziyini leziziMpawu na?” Ukunaka kwabo, “LuYini na?” Ubusuku nobusuku, uma ngingena lapha, kunokushaqeka okukhulu, ngize ngidinge ukuba ngikhulume ngenye into; ukuthi nje ukuthola—ukuthola ukukuthulisa, niyabo, futhi, bese kuthi-ke, kuze kuba uMoya oNgewelete uqaqa uPhawu. Bese-ke—bese ngidingeka, ubusuku ngabunye kanjalo. Bese kuthi-ke uma sishintsha lokho siye ekuphiliseni noma enye into, niyabo, u... Abantu bonke bahlezi entweni eyodwa. Akunzima ukuthi ukushintshele emuva kokunye, khona manjalo.

⁹ Bese—bese kuthi-ke, futhi, ngokwazi ukuthi phakathi kwenu ngqo izinto ziyenzeka, niyabo, ukuthi ngi—ngivele nje... ngi—ngiyazi. Ngiyazi a—anikuboni, niyabo. Ngiqinisekile nje anikuboni, niyabo. Futhi nithi, “Mfowethu Branham, kuyinto el’khuni kuwe ukuba usho lokho.” Ngiyazi kuyiyo.

¹⁰ Kodwa, bukani, ake ngisho lokhu nje manje. Ngikholelwa ekutheni lokhu nje ngamateyipu ethu uqobo, nakanjalo njalo. Kodwa ake ngikusho, niyabo. Lokho, a—ani... Anikutholi, niyabo, futhi anifanele nikuthole. Ngakho ningazami ukuhumusha noma yini, niyabo. Ningazami ukubeka ukuhumusha kukho; kuphela ni—kuphela nideda kakhulu. Thathani isiluleko sami nje, uma ningikholwa manje, uma uNkulunkulu e—enginike umusa ebusweni benu.

¹¹ Futhi niyazi, ukuthi, lezosambulo nezinto. Kade ngi—nginani lapha isikhathi eside, niyabo, futhi bekuhlala njalo kuqinisile. Futhi manje ukukufakazisa ngokuphindiwe,

kuqinisisile, kuhhukeka phakathi ngqo neZwi. Niyabo? Ngakho, niyazi kungu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo impela. Niyabo, Kufakazisile kini.

¹² Manje thathani iseluleko sami, njengomfowenu. Ningafaki ukuhumusha okungokwenu kunoma yini. Qhubekani nje futhi niphile impilo enhle yomKristu. Isizathu, kuphela niyozisonga nina niqhele entweni yangempela uma nikwenza. Uyabo? Nina, nizosonga indlela yenu futhi niqhele entweni.

¹³ Futhi nonke ninokuzwa futhi uyazi ukuthi kukhona into eyimfihlakalo eyenzekayo. Futhi iyenzeka. Futhi ngiyazi ukuthi iyini. Manje, angisho khona nje lokho; ngumusa kaNkulunkulu ongivumele ngazi ukuthi yini. Kuyinto enkulu kakhlulu. Futhi isihambile khona manje, futhi ayikho indlela ezweni ukuba wena ukubone. Futhi ku... Ngi... Kodwa, ngakho ngisize, naleliBhayibheli esandleni sami, ngiyazi ukuthi kuyini. Nitsheliwe khona, ngaphambili. Ngakho nje—ungazami nje ukubeka noma yikuphi ukuhumusha, kodwa ngikholtwe nje, njengomfowenu. Uyabo? Siphila ehoreni elikhulu. Siphila esikhathini lapho i... Awu, si...

¹⁴ Manje, thobeka ngempela nje, yiba ngumKristu, futhi uzame ukuphilela uNkulunkulu. Futhi uhlale ngobuqotho nomfo wakini, futhi uthande labo abangakuthandi. Ungazami ukwenza noma yini... Uyabo, wenza, kuphela ukwenza kube yinto eyimfihlakalo, bese wona uhlelo lwangempela lukaNkulunkulu. Uyabo?

¹⁵ Izolo ntambama, kukhona into eyenzeke ekamelweni lami, engi—ngingasoze ngakwazi uku—ukuyiyeka, niyabo. Futhi ngakho u... Cishe emavikini amabili edlule, kukhona into eyenzekile, ayisoze yakwazi... Inqobo uma ngisaphila kulomhlabo, angi—angisoze ngakwazi ukusuka kuyo, niyabo. Futhi, ngakho, kodwa...

¹⁶ Futhi i—ibandla, awufanele ukwazi lezizinto, ngakho ungabeki kuhumusha kunoma yini. Uyabo? Qhubeka nje futhi ukhumbule okutshelwayo. Phila impilo yomKristu. Yana ebandleni lakho. Yiba ukukhanya kwangempela noma ngabe ukuphi, futhi nje uvuthele uKristu, futhi utshele abantu ukuthi uMthanda kanjani. Futhi nje udedele ubufakazi bakho bubenothando, ngasosonke isikhathi, nabantu. Niyabo? Isizathu, uma ungakwenzi, uzisonta wena uphumele kwenye into lapho, bese-ke u—usukile emzileni osuvuthiwe. Niyabo, njalo uzamile ukukwenza, ukwenzile lokho. Niyabo? Ngakho ungakwenzi nje, ungakwenzi, ungazami ukwenza ukuhumusha.

¹⁷ Futhi ikakhulukazi, kulobibusuku, uma lolophawu selwenyuka phambi kwakho, uyabo, nje ungazami ukuLuhumusha. Qhubeka nje futhi nje uzithobe, futhi uhambe uqhubeke ngqo noMlayezo ochachile.

¹⁸ Manje wena uthi, “Mfowethu Branham, ngabe lokho... Thina, siyiBandla likaNkulunkulu ophilayo, asifanele yini...” Awu, njengoba bengizama...Bukani lapha, ngifuna ukuthi... Uthi, “Awu, mina ngingekwenze ngani na? Bengifuna ukuba ne...” Qhabo. Manje, ungenzi.

¹⁹ Khumbula, ngisho lokhu ukuba kusizakale nina. Niyabo, ngisho lokhu ukuze nizoqonda. Uma ningikholwa, manje, lalelani enginitshela khona. Niyabo? Niyabo?

²⁰ Manje, lapha, manje nasi isigxobo, futhi, lokho kungukuthi, sizokubiza lokho ngokuthi isigxobo sokulalela, niyabo. Futhi kukho ngukuthi, unomsakazo, uyabo, futhi kunezixwayiso nezinto ezingenziwa. Njengenkemba esandleni sakho, uyabo, ingacosha kokubi noma icoshe kukho kuphela lapho i...ithola umlayezo wayo, niyabo.

²¹ Manje, kodwa manje, isibonelo nje, kumuntu ojwayelekile, kubeneziningi kakhulu izinkoloze nezizwe zasigodi sinye eziqubukayo, phezu kokuthululwa okuncane koMoya, abantu baze bathi bonke basetshenzwa iqembu elincane esixhekeni sento, baphume bese beqala omunye umnyakazo omncane, futhi, niyazi, nento. Niyabo? Anifuni ukwenza lokho manje. Niyabo? Manje, khumbulani nje, hlalani nje ngendlela eniyiyo.

²² Futhi wena uthi, “Awu, iNkosi ikhombisa...” Qhabo. Manje qaphela nje, uyabo.

²³ Bukani lapha. Ake nginikhombise into ethile, niyabo. Benazi yini ukuthi kunezinkulungwane eziyishumi zamaphimbo kulendlwana khona manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngokwangempela, amaphimbo abantu eliza ngamagagasi kagesi womsakazo! Yini ningawewza na? Ngamaphimbo. Kunjalo na? [“Amen.”] Ahamba amagagasi edabula khona lapha manje. Kunezithombe zabantu nemizimba kuhambahamba kuyo lendlwana manje. Kunjalo na? [“Amen.”] Awu, aniwaboni ngani na? Niyabo? Alapha, amaphimbo angempela njengephimbo lami. Awu, anilizwa ngani na? Niyabo? Lifanele lishaye entweni ethize kuqala, ukulembula. Niyabo? Manje niyaqonda na? [“Amen.”]

²⁴ Manje ningahumushi lutho nje. Uma uNkulunkulu efuna wazi noma yini, Uyoyithumela kuwe. Uyabo? Ngakho yiba njengoqine ngempela, ome ngempela manje. Bambelela uthule, ikhona into eyenzekile. Futhi manje yiba nje ngempela... Niyaqonda ukuthi ngichaza ukuthini, aniqondi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi nje yiba...Ungazami ukuzenza oyinqaba, ukuba ngumKristu, ngoba u—uzisusa wena kuNkulunkulu. Futhi u—u—u...

²⁵ Uma ungakuqonda, lona yilowo Mdonso wesiThathu. Niyabo? U—ufanele ngabe ukubambile lokho, ngoluny’usuku. Niyabo? Ngakho manje-ke, khumbulani nje, akuyikubakho ukulingisa njengoba kwakukhona kweminye emibili. Niyabo?

Ngakho, lokho kungangokuthi u—ufanele wazi manje. Nje—nje kukhumbule lokho . . .

²⁶ Niyabo, manje, kukhona okwenzekayo kulendlwana, futhi kukhona Into ethize lapha. Kukhona—kukhona, ngempela, kulendlwana, iziNgelosi, iPhimbo likaNkulunkulu. Niyabo? Kodwa ukwenza kanjani . . . Ungeke . . . Uma ungenakulizwa iphimbo lemvelo, ngaphandle kwento ethize yokulithumela, uzolizwa kanjani iPhimbo lokomoya na?

²⁷ Manje ungazenzisa ukuthi umuntu othize ucula *leliculo* elithize. Bangahle bangabibikho ngisho nalapho, niyabo. Kodwa uma ngempela lishaye ingilazi ekhanyayo elifanele lishaye kuyo, khona-ke linikeza ukuhumusha okuqiniseleyo, futhi kukhombisa, kukuqinisekisa ngokukhombisa isithombe. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁸ Manje, uMoya kaNkulunkulu, uma Ukhulumu ngeZwi leqiniso, Uyaziqinisekisa, ukuZikhombisa wona uqobo, ukuthi Uqinise. Seniyaqonda manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

Manje asikhuleke, nje futhi.

²⁹ Baba waseZulwini, sesizo un . . . vula izivalo zaleNcwadi, futhi njengengxenye yokwenyama yo—yokuzama ukubuyisela kulokho Osivulele khona endaweni yesigaba sokomoya. Namanje ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzongisiza ukuba nginikeze ukuhumusha okuyikho kulemibuzo. Ukuze kushiwo ukuthi—ukuthi i . . . Ingeyokusiza abantu. Ingeyokubanikeza ukuqonda. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzongipha ukuqonda, ukuze ngiLithumele kubantu baKho, ukuze babenokuqonda, ukuthi sindawonye siphile enkazimulweni nasodiumweni lukaNkulunkulu, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

³⁰ Manje, bengifuna nje ukusho lokho.

³¹ Futhi ngicabange lento *lapha* ilawule lawomateyipu, kodwa ayenzanga, niyabo. Futhi lokhu ngukukhanya kwe—kwedeski. Futhi ngicabange ukuthi isilawuli seteyipu sasivamise ukuba lapha. Kodwa ngitshelwe ukuba ngiqhwebe nje kubazalwane e—endlwaneni lapho, indlwana yokurekhodela, futhi bazokwazi ukuthi amiswa nini amateyipu, nokuthi bangawamisi nini.

³² Niyabo, amateyipu anenkonzo yomhlaba wonke ndawo zonke, niyabo, ndawo zonke. Iya kulolonke uhlobo lwezilwimi nakho konke. Ngakho kunezinto ebisingazisho khona lapha, ebisingeke sazisho kwenye indawo, niyabo, futhi yingalesosizathu siyimisa.

³³ Manje, ukuphendula imibuzo kuyinto ngempela. Ngakho, ngi—ngi manje . . . E—e—empendulweni yalokhu, iningi impela layo, iningi impela lemibuzo, ngaphandle kwe . . . Manje, wonke umuntu . . . Eminye yayo ayiphathelene ngisho nanoMlayezo,

nhlobo, kodwa ngizo...noma iziMpawu nhlobo, kodwa ngizozama ukuyiphendula. Futhi ngiyinikiwe, futhi njengoba ishiwo. Ngitshelwe iningi elikhulu layo. Noma, inqwaba enku lu yayo ubumayelana nezicelo zomkhuleko, nabagulayo nabahluphekile. Ne—nezinto ezehlukene ezinjalo, kuyaqhubeka, futhi ngakho bekungaphathelene nanoma yini kunoma yimuphi umbuzo ukuba uphendulwe. Yase-ke i...Nginikwe isixha ebesi—ebesimayelana nezinto ezehlukene, umBhalo nezinto; kodwa mhlawumbe, uma sinesikhathi, sizozama ukuyiphendula ngokwedlula konke esingakwenza. Manje, futhi uma ngenza iphutha, ngani, khumbulani, akuhlosiwe ukuba kwenziwe iphutha.

³⁴ Ngakho ngabe wonke umuntu uzizwa ekahle na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. Ngabe lokhu akunjalo... Khuluma ngezindawo zaseZulwini kuKristu Jesu, indawo eyisimangaliso kanje pho, isikhathi esiyisimangaliso kanje pho!

³⁵ Kuzo zonke izikhathi ekade ngingazo emva kwepulpiti etabernakele, angikaze, kaze, kunoma yisiphi isikhathi senkonzo yami, ngike ngisebenzele ezindaweni zamazinga kaNkulunkulu nezindawo zamazinga okomoya ebenjengalesisikhathi; ngaphambili le kwanoma yini engake ngayenza kunoma yisiphi isikhathi senkonzo yami, kunoma yimuphi umhlangano noma kuphi, njengalesi. Ikakhulu, isekuphiliseni. Lokhu ngukwembulwa kwamaQiniso, ngoMoya ofanayo, uMoya ofanayo.

³⁶ Futhi kade ngi—ngingedwa, ngakho konke, futhi kade ngiqashele ukudla endaweni, noma ngehla ngidla endaweni. Futhi kade ngingedwa nje, ngakho bekuyisikhathi esihle ngempela.

³⁷ Futhi manje, khona nje, kuphakathi kokuthi ekuseni, noma ukusa okulandelayo, ngi...Mhlampe, uma singaqeda ngesikhathi, ngizovele ngikhulekele abagulayo nje kulokhu ukusa, uma lemibuzo ingahlali isikhathi eside.

³⁸ Ngakho ngi—ngifanele ngibe ngedwa isikhashanyana, niyabo. Umqondo womuntu ungama kuphela kangaka. Niyabo? Futhi uma ufika endaweni lapho ohlala khona ihora, undikindiki ngoBukhona bukaNkulunkulu, neNsika yokuKhanya ilenga lapho phambi kwakho, u—ungeke uhlale isikhathi eside kakhlulu kangako, niyabo. Isidalwa esingumuntu singeke, ngeke sakumela.

³⁹ Futhi ngakho, manje, lemibuzo mihle ngempela. Ngiyathokoza, nokuhlakanipha nezinto abantu abazisebenzisayo. Manje, kungokokuqala. Futhi ngizozama ukuyiphendula. Bese kuthi-ke uma ngi—ngingayitholi kahle, awu, ni—ningithethelele-ke.

⁴⁰ Futhi uma unokuhumusha okwehlukile, futhi ukholwa ukuthi umbono wakho ngakho uqinisile, awu, qhubeka nje

uye phambili. Lokho ngeke kulimaze, ngoba akukho kuphela kodwa cishe owo dwa noma emibili yayo ophathelene nanoma yini ensindiswени. Kuphela ku... .

⁴¹ Iningi kakhulu lemibuzo ngukuthi, ebuziwe, ngakulolu olunye uhlango hi lwe tri... noma ngokuHlwithwa kweBandla. Ngakho, niyabo, ngumbuzo ngapha, okuzayo nokuzofezeka, ngapha ngakwezinye izihlangothi. Isizathu, manje sesingaphambili le konyaka webandla, ezimfundisweni zethu e—eNcwadini. Singaphambili le, ngale ngesikhathi sokubizwa kwezinkulungwane eziyikhulu namashumi amanenane. Manje owokuqala lapha:

1. Ngabe izintombi ezinhlanu ezihlakaniphileyo, zikaMathewu 25, ziyyizikhonzi ku—kuMlobokazi, noma ngabe zinguMlobokazi na? Uyabo? Uma lezizintombi ezihlakaniphileyo ziyyizikhonzi kuMlobokazi, uphi uMlobokazi na?

⁴² Niyabo, manje, ngokuqonda kwami okwedlula konke, lezizintombi ezinhlanu... Zaziyishumi zazo, niyazi, ezaphumayo, niyabo. Futhi lokhu lapha yisifanekiso kuphela, noma umfanekiso, niyabo, e—engizonitshela. Niyabo, kwakukhona eziyishumi zazo. Kusobala, kwakukhona ezingaphezu kweshumi. Lokho kwensiwa inombolo nje. Kodwa, manje—ke, i—izintombi ezihlakaniphile zazinamaFutha ezibanini zazo. Ezingahlakaniphile zazingenawo amaFutha ezibanini zazo.

⁴³ “Ngakho uma lelo shumi lapho, likaMathewu, uma...” Lona ngumbuzo wo—womuntu. “Uma lezo eziyishumi, lapho, ngabe lokho kwakuchaza ukuthi lokho kuyoba yi... noma lezi ezinhlanu, njalo, lokho kungaba ngezinhanu nje, niyabo, abantu abahlanu nje na?” Qhabo, akuchazi khona lokho.

⁴⁴ Yisifanekiso nje, sezintombi, niyabo, sentombi ezaphuma namaFutha esibanini sazo. Ziyingxenyana yallowoMlobokazi. Futhi ngokuqonda kwami... .

⁴⁵ Besé—ke niyaqaphela, manje, ukuthi zaziyizintombi zomlindo wokugcina. Zehla njalo ngemilindo, kwakukade kunemilindo eyisikhombisa. Futhi ngomlindo wesikhombisa, ihora laphakathi nobusuku, njengoba sisekushayeni manje, niyabo. Manje, kulumlindo waphakathi nobusuku, lezizintombi zavuka zase zilungisa izibani zazo, zase ziyongena; ngenkathi intombi elele... .

⁴⁶ “Manje lengxenyé lapha, le enhlanu,” uma leyo kuyincazeloyombuzo, ukuthi kwakuchaza ukuthini, “ngabe zazinhanu nje na?” Futhi sineminingi imibuzo phakathi lapha, cishe i—izinkulungwane eziyisikhombisa, kanjalo njalo. Manje, lokho, lokho kwakuyisifanekiso nje, ingxenyé yazo. Nazo zonke lezo ezavuka kulonyaka wokugcina lapha, umlindo wesikhombisa, o... “Uma kwakungekho kodwa—kodwa ezinhlanu ezavuka

ngalesosikhathi, ezahlwithwayo, zayongena noMlobokazi, kanjalo njalo, uMyeni na? Manje uma zona uqobo lwazo...”

⁴⁷ Lokho akuchazi ukuthi zizoba nhlanu kuphela. Ngoba, zilele, konke kusukela phansi eminyakeni; njengoba sifikile kuleliviki, niyabo.

⁴⁸ Ngezinsuku zika—kaPawulu, ingelosi yebandla e-Efesu; uPawulu, ethola lelibandla, eyisithunywa kulo. Khumbulani, uPawulu, ethola ibandla e-Efesu, eba isithunywa kulelobandla. Futhi uMoya, wawusezweni ngalesosikhathi, kwakunguMoya wengonyama. Nengonyama iyiNgonyama yesizwe sakwajuda, okunguKristu, noKristu uyiZwi. UPawulu, neZwi lalowonyaka! Izinkulungwane zalala ngalowonyaka. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁴⁹ Besé kufika unyaka olandelayo, nesikhathi ibandla elathola ukuzinza ngawo ngo—ngonyaka wesikhathi sobumnyama, kwaphuma uMoya wenkabi; umsebenzi, ukushikashikeka, nomhlatshele, futhi benikela izimpilo zabo. Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zalala, phansi kokufel’ukholo nayo yonke into. Zilindile, niyabo.

⁵⁰ Besé-ke, nonyaka olandelayo uyafika, iLuthela, unyaka wenguquko. Nakho kuphuma okuhlakaniphe ukudlula konke, ekuhlakanipheni okunobuqili komuntu. Uma niqaphela, umuntu waphuma nalokho, futhi, ngenkathi enza, wenezela ubuqili bakhe uqobo. Yilokho okwamganisa kwenye ingxenye, niyabo. Niyabo? Ukuba wayehlale nje nokuhlakanipha kukaNkulunkulu, nje eguqula futhi ehosha... Kodwa wenzani na? Emva kwalowomuntu owayenomlayezo, uLuther; emva kokufa kukaLuther, baba nenhlango yamaLuthela.

⁵¹ Emva kokufa kukaWesley, baba nenhlango yamaMethodisti. Niyabo? Lapho, uqhubeka nokuhamba leyondlela. Ku—ku nje... Kwenza lokho. Manje ngifuna ni—niqaphele lokhu, niyabo. Manje omunye angahle abuze ngePentecostal, okwaku—kungunyaka wesithathu.

⁵² Niyabo, ngamunye waleyominyaka uthathe kuphela ukudipha kuMoya oNgewe. Ukulungisiswa kungumsebenzi kaMoya oNgewe; ukungeweliswa kungumsebenzi kaMoya oNgewe; kodwa umbhaphathizo *nguMoya* oNgewe. Yingalesosizathu kwathatha umProfethi wobuprofethi ukuba ehle. Akukho-sithunywa onyakeni, ngoba uMoya oNgewe wazifikela Wona, ekugcwaleni kwaWo, wombhaphathizo.

⁵³ Kodwa ekupheleni konyaka, njengoba njalo uphelela kweminye, siyathola lapho, manje-ke, isithunywa sathunywa. Nawo onke lamathizethize nezinto zizobekwa ezindaweni zazo kanjalo, bese-ke uHlitho lufikela iBandla.

⁵⁴ Kodwa njengabaningi wabela zonke lezizinto ezechlukene, “Ilanga liphenduka liba-mnyama, inyanga...” Babeka leyondlela emuva lapha onyakeni wamaKristu. Bayehluleka nje

ukubona leyomibuzo emithathu owabuzwa iNkosi yethu lapho, niyabo, ngenkathi Eyiphendula.

⁵⁵ Manje, izolo ebusuku, ngicabanga ukuthi akukho mbuzo nhlobo. Sithathe ngamunye waleyomibuzo sasesiyifaka ngqo phansi kweziMpawu. NeziMpawu yiNcwadi yonke ihangene, qobo lwaYo.

Uyakukholwa lokho, dokotela na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.]

⁵⁶ Niyabo, yonke into isongelwe ndawonye nje. Futhi sathatha lokho okwashiwo nguJesu lapha. Babuza imibuzo emithathu, niyabo, "Lezizinto ziyakuba nini na? Siyoba yini isibonakaliso sokuFika kwaKho na? Futhi kuyini ukuphela kwezwe na?" Futhi Ufika wehla ngqo... Futhi sayidonsa, yonke, phansi kwalokho, kodwa owodwa. Bekuyimuphi lowo na? UPhawu lwesiKhombisa. Ngani na? Niyabo, alwaziwa. Yilokho-ke. Yonke eminye yayo iphuma ngqo. Ngiyenze yahamba ngokulinganisana, khona impela, emuva naphambili.

⁵⁷ Futhi, mina, ngenkathi ngibhala izolo ebusuku, ngase ngingena lapho futhi ngafika e... Ngabuyela emuva ukuba ngibheke enothini lami elidala ngathathela—thathela emuva lapho. Awu, ngibonile lapho engifake khona omunye endaweni yomunye, kanjalo. Ngayiphambanisa, emuva naphambili. Yilokho engikwenzile. Ngiqagele nikubambil. Nina, niyakubamba na? Niyabo?

⁵⁸ Bengibhale phansi lapha ebengikubhala ngapha ngakulolu olunye uhlangothi, futhi ngakubhala *ngapha*. Ngayibeka—beka yomibili, 9, 11, noma 9, 6, noma ini... noma 6 no 11, no—no—no 9 no 11, obekungenjalo. Bekuphambene, ivesi elilandelayo phansi kwalo. Niyabo? Futhi bekuyilokho, i—impendulo, phakathi kwesifo esingumashaya abhuqe nempi, niyabo. Bekulapho-ke.

⁵⁹ Ngakho bengijabule kakhulu! Bengiqhubeka nje njenge—nge... Bengijabulela ukuvuselelw amandla esambulweni. Ngakho, ngi—ngiyakubeka, lokhu ngapha. Ngahlala lapho nepensela, noma ipeni, ngase ngibeka phansi u 11 ezindaweni zombili, kanti bekungafanele. Ngicabanga ukuthi bekungu 9 esikhundleni sika 11 wolunye uhlangothi.

⁶⁰ Kodwa manje nibonile yini ukuthi ihamba ngokulinganisana ngokuphelele kanjani na? Manje, ningakukhohlwa lokho. Kuhambisana ngokulinganisana kwehlele kolwesiThupha, kwase kuyama, niyabo. Futhi bhekisisani u—bhekisisani ukuvulwa kweziMpawu; kuza kwehlela kolwesiThupha, bese kuyama. Nje, "Ukuthula du eZulwini," yilokho kuphela okwakushoyo, "isikhathi esiyingxenye yehora."

⁶¹ Manje—manje, kulena, niyabo, ngi... Ngizodinga ngisheshise bese ngiphendula lena. Ngoba, niyabo, ngamunye wayo yintshumayelo, amaviki amane ubude, niyabo, ku—kulowo ngamunye, futhi nje uchezukela kwenye into ethize. Kodwa a—

angiqondile ukwenza lokho, ngoba ngifuna ukuthola umbuzo wawo wonke umuntu, ngengingakwenza.

⁶² Lezizintombi, niyabo, zenziwa yi... Leyo nje yingxenye yazo, ngalowonyaka, niyabo. Unyaka ngamunye unezintombi. Niyabo? U—uPhawu...

Ingelosi iza ebandleni. “Kuyo ingelosi yebandla lase-Efesu loba.” Niyabo?

⁶³ Bese-ke kufika ngapha, bese-ke emva kokuloba kulo ibandla lase-Efesu, qhathanisa lokho emuva, uPhawu luyavulwa. Leyo yindlela nje esiluletha ngayo, ngizama ukukuletha konke kini, (niyabona ukuthi ngichaza ukuthi ni na?), uma iNkosi ithanda.

⁶⁴ Babanani kuqala na? Iminyaka yeBandla. Kunjalo na? Into elandelayo, umlayezo kuyo iminyaka yebandla. Wonke umuntu ukuthola ngokucacile lokho manje na? Niyabo?

⁶⁵ Kuqala, sithole iminyaka yebandla, sase sithola umlando, sendlala phansi imikhandlu yaseNayisiya nemikhandlu yangaphambi kweNayisiya, nayo yonke into ebasingayithola emlandwini, futhi sathola ukuthi ukuhunyushwa okuqinisile kweZwi kwakuhambisana impela nomlando. Futhi sikuletha sikwehlisele njalo kulolusuku, kuleLawodikeya. Futhi a—awudingi ukuba nomlando walokho; lokhu ngukwenza umlando manje, niyabo. Nakho. Futhi, manje-ke, sakħombisa ukuthi kuyoba yini kulonyaka.

⁶⁶ Manje sibuya neziMpawu, bese sivula loloPhawu. UNkulunkulu usivulela loloPhawu. Yini leyo na? Kuqala, kukhona isithunywa, unyaka webandla; okulandelayo yiziMpawu eziyisiKhombisa.

⁶⁷ Manje, sithola ukonakala okushayayo onyakeni webandla wesikhombisa. Kodwa uPhawu lwesiKhombisa alwembuli lutho, oluzokwenzeka kukho. Niyabo? Ngoba, ekupheleni kwalowonyaka webandla kuzofika isiphiwo sobuprefethi ukwembula lezizinto. Niyabo? Niyakulandela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Manje qaphelani zikanjani ngalunye lwalezoziMpawu...

⁶⁸ Bese-ke ngiza ngapha, naleyomibuzo emithathu yabuzwa uJesu Kristu, “Ini, ziayakuba nini lezizinto, ‘Okungayikushiywa nalinye itshe phezu kwelinye?’ Kuyokwehliswa nini lokhu na, lesenta yomhlaba yezenkolo, nenyi imiswe na? Niyabo, kuyoba nini na?” Ukugibela komphikukristu! Niyabo? Futhi yini eyaphuma ukuyohlangabezana nakho na? IZwi, iZwi limelene nezwi.

⁶⁹ Kwase-ke kuzinza kwezombusazwe nakho konke okunye, futhi lapho kwaphuma umshikashika wenkabi. Niyabo? Lolo yilo impela olwesibili lapha. NoJesu washo njalo, kuMathewu 24, niyabo. Bese-ke sehla sisuka kulokho, ekuhlakanipheni kobuqili kwabaguqli, iSilo esingumuntu

saphuma ukuyohlangabezana nakho. Yilokho okwenzekile. Bese-ke sehla, okulandelayo, kuya oPhawini lweSine, lapho umphikukristu eba yizibumbatha, futhi wayenegama, "Ukufa."

⁷⁰ Manje bhekisisani ukuthi uJesu wathini, "Futhi uyomphosa emililweni, futhi abulale ngisho nabantwana bakhe." Lokho ukufa, ukugibela. Lokho yikho kokubili amaProtestane neKatolika, uphawu lokufa phezu kwalowo ngamunye wabo. Niyabo, "Yena nabantwana baKhe babhujiswe." Ngakho uma uthembele ehlelweni lakho, kungcono usuke kukho khona manje.

⁷¹ Beso kuthi-ke uma sekufika oPhawini lwesiKhombisa, uJesu wama khona lapho ngqo. Wavula uPhawu lwesiThupha, ngokuthi, "Inyanga iyophenduka igazi, nobumnyama nayoyonke into." Lezizinto zazizokwenzeka. Siza ngqo ngapha futhi sivule uPhawu lwesiThupha. Emva kokuba sekuvulwe uPhawu lwesiThupha, khona-ke sishwibeka sibuyele emuva ngqo futhi sikhombise into efanayo.

⁷² Nakho lapho okhona, nezindawo ezintathu ezechlukene emBhalweni, ngakubophela ndawonye nesambulo. Niyabo? Bhekisisani. Indawo uJesu asho njalo; indawo ukuthi ngenkathi Evula iNcwadi, yayifihliwe kusukela ekusekelweni kwezw; kwase kuthi-ke isambulo salolusuku lapha, sikubeka ngqo phakathi lapho, kubopha okuthathu ndawonye. Nesithathu ngubufakazi. Ngakho, kuquinisile. Kuquinise ngokoqobo.

⁷³ Manje, lezizintombi ezizangapha, yizo ezilalayo, bese kuthi-ke wonke umzimba wenziwe wahlangana ndawonye waleloqembu. Lokho kuhamba kuyokwenza u...niyabo, ukwenza i—izintombi ezihlakaniphileyo. Nezintombi ezingahlakaniphile ziyileyo eyaqala emuva lapho ngesikhathi esifanayo izintombi ezihlakaniphile ezaqala ngaso, umphikukristu, futhi yizo ezama ukuthenga amaFutha.

⁷⁴ Manje bukani lapha nje bese nibona ukuthi kuphelele kanjani, ndawo zonke oya kuzo. Ukuba bengingama lapha futhi ngixoxe izinto embulwe kulelokamelo, ngianitshela, bekungabhuksidisa amakhanda enu ngapha nangapha. Kodwa nizokwenza kanjani, nxa ninayo yonke into lapha na?

⁷⁵ Bese kuthi-ke wena, ngandlela thize enye, uma usuka kubantu, khona-ke kuqala ukwembula izimfihlakalo. Bese-ke ubona izinto ongalokothi ukuba uzisho kubantu, futhi. Isizathu, niyabo, uma bekungenza, bebengaqla izifundiso ezincane ezigqamileyo.

⁷⁶ Bese kuthi-ke ake sibuke ukuthi lesisiphiwo esincane sokuphilisa senzeni, ukuthi silidide kanjani ibandla. Wonke umuntu waba nedlingozi, wonke umuntu waba nalokhu; futhi phansi ngqo enhliziyweni yami, (uNkulunkulu uyazi kuyiqiniso), ngangazi ukuthi kwakungalungile, ngoba Wangitshela kanjalo. Niyabo? Kodwa kungukulingisa okungamanga, ukuphosa

kuphela abantu basuke. Manje, lokho kunjalo. Manje, kodwa, niyabo, ungeke wazisho lezozinto. Kungcono kunakho konke nje ukukushiya kanjalo.

⁷⁷ Futhi niyawukhumbula uMdonso wesiThathu na? Wathi, "Ungatsheli-muntu." Ngathi kwakuyini na? Bangaki okukhumbulayo lokho na? Impela. Ngiyakhumbula, ngimi lapho, ngizama ukufaka intambo yesicathulo embotsheni yayo kulesosicathulo esincane, embonweni na? Wathi, "Ungeke wafundisa izingane zamaPentecostal izinto ezingaphezu kwemvelo."

⁷⁸ Ngathi, "Lokhu kuzoba nguMdonso wesiThathu, futhi Awuzukwaziwa, ngakho ngisize, ngomusa kaNkulunkulu."

Manje—manje, si—siphansi ngqo ekupheleni kwesikhathi manje. Ngeke kube kade kuze kuthi isiHlalo soMusa sizoba yisiHlalo sokwaHlulela. Nisabona lezizinto zingena, nalababantu bengena, kungcono ningene, nani, uma ningakangeni vele. Niyabo?

⁷⁹ Manje, "Sibuthene ezindaweni zaseZulwini," niyabo, kanti futhi kusho okungaphezu kokuthokoza nje. "Ezindaweni zaseZulwini," uma ngempela nibuthene kuKristu, kuyinto esabekayo.

⁸⁰ Ngimi ngase...leyoNgelosi yeNkosi, nicabanga ukuthi beningamemeza nje futhi nidazuluka. Lokho, lokho akusikho. Kukuthusela ukufa, cishe. Niyabo? Ngakho, niyabo, kuno—kunomehluko ekuthokozeni nje nokusina kokugxumagxuma, okungukuthi kulungile, bese—ke wehlela entweni yangempela. Niyabo? Niyabo? Kulapho—ke ukwesaba. Kuyinto esabekayo. Akusikho ukuthi wesaba ukuthi ulahlekile; kodwa ngempela phambi kwesiDalwa sengelosi, noMoya oNgewe qobo lwaWo umi lapho.

⁸¹ Manje, leyo kuyoba yingxenye yoMlobokazi. Yilokho okuyohamba kukwenze, niyabo, zonke lezo ezilele. Futhi singeke yini ngokoqobo sabona . . .

[Into yokuqophapha iyehluleka. Akuqoshwa eteyipini—Umhl.] . . . siyakhuleka manje ukuthi Uzopha ukuphiliswa kwabantu, ngalamaduku, abekwa phezu kwabo. EGameni likaJesu. Amen.

Manje, sekulungile manje na? [Abazalwane bathi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga. Ukhona onyathele okuthize na? [Umflowethu uthi, "Kuneziqophi eziningi kakhulu kulowolayini."] Iziqophi eziningi kakhulu zibeka okuningi ukucindezelu kuwo. Niyabo? Kulungile, shintshanisani nje. Tholani iteyipu nje bese nishintshanisa iteyipu, bese niyenza kuleyo. Manje, qaphelani manje umbuzo olandelayo.

2. Bafanele yini abavangeli baqhubeke ensimini na?

⁸² "Ngalelihora," kusobala, abakuchazayo. Impela, ngakho konke. Ningashintshi lutho. Uma uJesu ezofika ekuseni,

shumayelani namhlanje kube sengathi bekuzoba yiminyaka eyishumi kusukela namhlanje, kodwa niphile sengathi kuzoba ngalelihora.

⁸³ Ninga—ningatholi ukuba mathize-thize manje. Yilokho engizama ukunexwayisa ngakho, niyabo. Nje ningabi yinqaba, abangejwayelekile. Ningashintshi lutho. Kodwa uma nenza okuthize okungalungile noma nenza okubi, phendukani, niyabo, buyelani kuNkulunkulu. Qhubekani enkonzweni yenu yobuvangeli njengoba benihlale nenza nje.

⁸⁴ Uma wakha indlu, yikhuphule. UJesu efika kusasa, tholakala wethembekile emsebenzini owumiselwe. Uma wakha indlu yokukhonzela, qhubeka, yikhuphule. Ngingaqoka ukubeka imali yami entweni enjengaleyo, kunoma ngitholakale nginayo ephakatheni lami. Niyabo?

⁸⁵ Ngakho nje—qhubeka nje, qhubeka njengoba unjalo. Wonke umuntu uyaqonda manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Qhubekela phambili ngqo, futhi nje uye phambili ngqo njengoba unjalo. Manje, nje—nje ungami. Ungenzi lutho...Qhubeka nje ngqo njengoba unjalo. Yiba ulokhu ukhonza iNkosi.

⁸⁶ Manje, isibonelo nje, ukuba ubu—ukuba ubusebenzela umuntu, futhi ubuwazi ukuthi bekuyimizuzu eyishumi nanhlanu ngaphambi kwesikhathi sokuyeka. “Awu,” ubungathi, “a, imizuzu eyishumi nanhlanu nje ngaphezulu, ngakho sengingavele nje ngiye ngale bese ngahlala phansi.” Ubungaphulelwya leyomizuzu eyishumi nanhlanu.

⁸⁷ Uma utshala ukolo; tshala ukolo wakho. Umba amazambane; qhubeka, ambe uwakhiphe. Uthi, “Awu, akekho ozowadla”? Lokho akwenzi mehluko. Ambe uwakhiphe, noma kanjani. Uyabo? Ya. Qhubekela phambili nje njengoba unjalo.

⁸⁸ Ngathola incwadi evela komunye ngoluny’usuku. Omunye wabatshela, wathi, “Awu, isikhathi sesiseduzane. Thengisa iplazi. Manje awusakudingi ukudla ophila ngakho, eplazini,” wathi, “ngoba lesisikhathi seminyaka eyiNkulungwane sesizoqala, futhi ungeke ukudinge. Ngakho qhubeka nje... Futhi ngenkathi isikhathi seNhlupheka siqhube, abantwana bakho akasindisiwe, ngakho nje badeledele...Dedela—dedela abantwana babe neplazi, lapho bengadla kulo, kodwa nonke thengisan iplazi lenu,” futhi—futhi, noma into efana naleyo. Futhi, o, babenakho...

⁸⁹ Ngathi, “O, he!” Ukuba bengazi ukuthi Ubezofika kusasa, futhi bengingumlimi, bengingafaka ukudla kwami okusanhlamu namhlanje. Impela. Uma Engenze umlimi, ngizohlala emsebenzini engimiselwe wona. Kunjalo. Uma Engenze umakhenika, wathi ubani...

⁹⁰ Omunye washo, ngoluny’usuku, wathi, “Umfo uyangena wayesethi, ‘Awusho, mfowethu, uyazi uk’thini?’” Wathi, ‘Ngizokunika isethi eyisekeni yokhiye. Ngithenge imoto

entsha.' Wathi, 'Ngizokunika isethi eyisekeni yokhiye,' watshela umelusi wakhe. Wathi, 'Ngizokunika isethi eyisekeni yokhiye, ngoba uHlitho lungahle lufike, uyazi, futhi,' wathi, 'Ngeke ngisayidinga.'" Umelusi wayezolugeja, niyabo. O! Lokho ngukulungiselela, akusikho na? Kulungile. Kodwa leyo—leyo yindlela okuyiyo, niyabo, asifanele sibe yileyondlela.

⁹¹ Sifanele sibe ngo—ngosile, umKristu oqinile, niyabo, ukuthi ngibekwe lapha ukuba ngisebenze ngqo kuze kube ngumzuzu wokugcina. Nginomsebenzi engiwenzayo, futhi ngiyotholakala ngethembekile emsebenzini omiselwe. Uma Efika kulokhu ukusa, ngifuna ukuba ngibe khona lapha epulpiti.

⁹² Wena uthi, "Mfowethu Branham, ukuba Ubezofika kulokhu ukusa, awufanele yini ukuba ubephandle *lapho* na?" Qhabo, mnumzane!

⁹³ Lena yindawo yami yomsebenzi. Ngiyobe ngimi khona lapha, ngishumayela, uma Efika, ngisho into efanayo engiyiyo. Manje-ke, uma Efika, ngiyooqhubekela phambili ngqo ngiphume naYe, niyabo.

⁹⁴ Uma ngilima amazambane ngegeja, ngiyobe ngilima ngegeja nje, ngawo onke amandla ami nje. Uma Efika, ngiyovele ngiwise igeja bese ngiphakama.

Niyakhumbula ngonyaka weJubili na? Uma babelima ngegeja—belima ngegeja, babeqhubeka nje nokulima ngegeja. Babazi ukuthi mhlawumbe unyaka wejubili wawusasele ngemizuzu eyishumi, necilongo liyokhala ngonyaka wejubili. Babeqhubeka nje nokuphosa ifolishi, noma ngabe yini ababeyenza. Kodwa ngenkathi kukhala icilongo, base-ke bewisa imfologo yokuphosa, base bemukile. Niyabo, yilokhoke, qhubeka nje nokuphosa ifolishi kuze kukhale icilongo. Kulungile.

[Kuzwakala umsindo entweni eseduzane—Umhl.] Umbuzo, "Ngokokuvulwa . . ." Ngabe lowo . . . Kukhona okwenzekayo na? Hhe? Kwe—kwenze umsindo phezulu lapha. Umbuzo:

3. Ngokokuvulwa koPhawu lwesiHlanu—Hlanu, uMose noElija bazo—zodingeka bafe. Kuthiwani ngoEnoke na?

⁹⁵ Angazi. Niyabo? A—a . . . Uma ngingazi, ngizonitshela nje ukuthi angazi. Niyabo? A—anga—angizazi zonke izimpendulo, bafo. A—angazi. Futhi uma ngingazi, ngizonitshela ukuthi angazi. Uma ngazi . . . Angeke nganitshela ngize ngazi, niyabo. Kodwa a—angazi.

⁹⁶ Bengimangala kaningi ngalokho, qobo lwami. Kwakukhona uEnoke . . . Ngibona uMose efika, noElija ebuya, futhi bayabulawa, niyabo, kodwa manje uEnoke wahlwithwa ngaphambi kwesikhathi. Bengicabanga kaningi, futhi ngimangala, qobo lwami, "Awu, ini, kuthiwani ngalokho na?"

⁹⁷ Kodwa, manje-ke, nansi induduzo kuphela engingayisho, yilokhu. Manje qaphelani, uMose wakhonza uNkulunkulu kuphela iminyaka engamashumi amane. Niyabo? Wayeyi-wayenekhulu namashumi amabili. Kodwa iminyaka engamashumi amabili...Iminyaka yokuqala engamashumi amane, ngiqonde ukusho njalo, wayethola imfundu yakhe. Kunjalo na? Iminyaka yesibili engamashumi amane, uNkulunkulu wayeyikhapha kuye. Neminyaka yesithathu engamashumi amane, wakhonza uNkulunkulu. Niyabo? Kulungile. Kodwa uEnoke wahamba iminyaka engamakhulu amahlanu phambi kukaNkulunkulu, futhi wayengenasici. Niyabo? Niyabo? Ngakho, uMose ubuyela ukuzokhonza esinye isikhathi esiningi; yena noElija.

⁹⁸ Manje, lokho, angisho ukuthi lokho kuqinisiile, niyabo. Ngininika lokho nje kube ngumcabango, niyabo. Kodwa ukusho nje ukuthi ngxenyeni, angazi. Ngempela angeke ngakutshela ukuthi yini-ukuthi kwenzekani lapho, noma ukuthi uNkulunkulu uyokwenzani.

4. Yiliphi i—igama le... eliyoba kubantu beSambulo 3:12 na?

⁹⁹ A—angazi. Ya. Wathi, “Abanike igama elisha.” A—a—angazi ukuthi yiliphi, niyabo. Mhlawumbe liyokwaziswa uma sifika lapho, kodwa a—angazi ukuthi liyiliphi manje, niyabo. Niyabo, Uzokwenza lokho. Niyabo? Ubanika igama elisha a—abalazi nje, qobo lwabo. Niyabo?

5. Manje, Mfowethu Branham, ngabe ukhona yini nayimuphi umBhalo ovumela umshado emva kwesahlukaniso na? Lokhu kusemqoka kakhulu.

¹⁰⁰ Kuthi, “Kusemqoka.” Awu, yingalesosizathu... Bekungaphathelene nalokhu. Ngokubona kwami, mfowethu, noma dadewethu, noma kungahle kube ngubani, awukho, ngaphandle uma isithandwa sakho sesifile. Ngoba, iBhayibheli lathi, “Sibophelezeke kubo inqobo nje uma besaphila.” Niyabo?

¹⁰¹ Ngakho, mayelana—mayelana nokuthi “ukhona yini nayimuphi umBhalo na?” Yilokho okubuzwe lapha, “Ngabe ukhona umBhalo na?” Niyabo? “Ngabe ukhona nayimuphi umBhalo na?” Awukho ukuthi bengingawuthola, niyabo, awukho ukuthi bengingawuthola.

Isizathu, uPawulu washo ukuthi a—abashadikazi, “Uma isithandwa sesifile, khona-ke bakhululekile ukushada noma ubani abayoshada naye eNkosini.” Kodwa kuze kube ngaleyonkathi, kodwa, bhekisisani, kuthathe, “Size sehlukaniswe ukufa.” Yilokho-ke. Senivele nithathe isifungo phezu kwalokho, niyabo.

¹⁰² Ngakho, angicabangi ukuthi ukhona. Manje, uma kukhona i... Uma ukhona owutholile, futhi uma ukhorekthi, ngani, ku-kulungile. Kodwa, mayelana nami, a—angiwutholi.

6. Kuchaza ukuthini ukuthi “kepha amafutha newayini ungakoni,” eSambulweni 6:6 na?

¹⁰³ NguMoya oNgcwele. Niyabo? Sisanda kwedlula kulokho. Mhlambe omunye umuntu, niyazi, ungena kamuvanyana ngoMlayezo, ba... awu, ngamany’amateyipu, uyabo.

“Ungoni amafutha newayini.” Kuchaza ukuthini ukuthi amafutha newayini na?

¹⁰⁴ AmaFutha, njengoba sikuthathe ngesifanekiso, kuchaza uMoya oNgcwele. Niyabo? Iwayini liyi... namafutha, kuxhumene ndawonye, eBhayibhelini, ekukhonzeni. Niyabo? Newayini, njengoba sibeka, yilapho engithole khona umqondo, “Ukuvuselela amandla.” Iwayini livuselela amandla. Futhi iwayini, kulokho oku—okungafanekisi lona kokwemvelo yalo, ekuvuseleleni amandla, yisambulo.

¹⁰⁵ Manje cabangani nje. Yini evuselela amandla iBandla na? Isambulo. Niyabo? Ngakho, iwayini, iwayini elisha, belingaba yi... Manje bhekisisani. Amafutha newayini kwakuhambisana, emhlathelweni; kwakuhambisana, e—ekukhonzeni kwebandla. Manje qaphelani, kwakubuthana ndawonye, kwakuxhumana ndawonye.

¹⁰⁶ Uma unesikhomba-mbhalo, ubuka futhi ubone lonke uxhaxha lapho iwayini namafutha kuhlangana ndawonye ekukhonzeni. Uma une—ne Cruden’s, ngani, iyasho phezulu lapho.

¹⁰⁷ Manje qaphelani kulokhu. Kodwa manje, niyabo, amafutha njalo anguMoya oNgcwele. Siyakuthola lokho ngale kuHezekeli. Futhi siyakuthola eTestamenteni eliDala. Siyakuthola kulo lonke iTestamente eLisha.

¹⁰⁸ Sibagcobelani abagulayo ngamafutha na? Siggoba abagulayo ngamafutha ngoba afanekisa ukuthululwa kukaMoya oNgcwele phezu kwabo. Niyabo? Futhi, intombi ehlakaniphile yayinamaFutha; engahlakaniphile yayingenawo amaFutha, uMoya, niyabo. Manje, lawo amaFutha. Bese kuthi—ke iwayini, li—liyi... Uma amafutha emele, emele uNkulunkulu. UNkulunkulu unguMoya. Niyabo?

¹⁰⁹ UNkulunkulu yiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi; uLizwi wayekuNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, nalowo kwakunguNkulunkulu.” Manje, bese—ke, uma iZwi manje e... lihlala lapha esimweni semvelo manje, iwayini lifana namanzi, lokho, nomu isambulo elembula lokho kuhunyushwa kweZwi, esivuselela amandla ekholweni, niyabo. He, bathi nje, “Angikaze ngiLibone ngaphambil! He! Uduomo!” Lokho yini na? Niyabo, ekuvuselela amandla, niyabo, kwesambulo.

¹¹⁰ Beningakwazi lokho kwaze kwaba ngoluny’usuku, ngihlezi lapho, nami. Niyabo? Manje, lokho ngukuthi, “Kushoni amafutha newayini...” Bekuyilokho, “Bona ukuthi ungakoni.”

Lowo kwakungumgibeli wehhashi elimnyama. Nalokho kwakungesikhathi sezikhathi zonyaka wobumnyama, unyaka wesithathu we—webandla. Qaphelani. Futhi, phakathi lapho, “Kunokuncanyana kwaKho okusele, okuncanyana okusele, kodwa ungaKoni.”

¹¹¹ Futhi ngikholwa ukuthi uma uthola lokho, u—uPhawu lwesiThathu, eteyipini, uzo...ubungakuthola lapho, lapho esikuchaze khona ezihlaziyweni, noma ekuhlaziyeni, njalo.

7. Mfowethu Branham, ngabe iNcwadi yokuPhila yeWundlu, neNcwadi yokuPhila, iNcwadi efanayo na?

¹¹² Impela, niyabo, ngoba yilapho lapho konke ukuhlengwa kulotshwe khona, kuleNcwadi. Niyabo? Amagama abo akuYo. Wena uthi, “Awu, igama lethu libekwe iNcwadi yokuPhila yeWundlu, Mfowethu Branham. Nga—ngaba nalo libekwe khona, ngobunye ubusuku.” Qhabo, awuzange. Qhabo, awuzange. Uthole nje ukuthi laliLapho, ngobuny’ubusuku, uyabo, ngoba amagama abo alotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyabo? Yilokho, konke kuyiNcwadi efanayo, niyabo.

8. Manje, Mfowethu Branham, ngabe kuyiqiniso yini ukuthi—ukuthi wonke umJuda, ozelwe selokhu kwafika uKristu, uyoSindiswa na? Futhi obani abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane na? Ngabe bayilabo abamiselwa ngaphambili ukuba babekwe uphawu ngoMoya oNgcwele na? Futhi yini ukuthunywa kwabo na?

¹¹³ Kunemibuzo emithathu kowodwa, lapho. Kodwa, lapha, owokuqala:

Ngabe—ngabe kuyiqiniso yini ukuthi wonke umJuda ozelwe selokhu kwaba nguKristu, ofike wangena ezweni, uzosindiswa na?

¹¹⁴ Qhabo. Akukho okuyosindiswa, labo kuphela amagama abo abekwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, umJuda noma oweZizwe. Niyabo? Yilokho kuphela. INcwadi iphethe leyomfihlakalo, neNcwadi kuphela iyalisombulula manje; hhayi igama lomuntu ngamunye, kodwa lokho imfihlakalo yeNcwadi eyikho, ngenkathi isabiza lawomagama. Ekugcineni seniyakuthola lokho manje na? Niyabo?

¹¹⁵ INcwadi ayisho ukuthi, “Manje, uLee Vayle uzosindiswa ngesikhathi salonyaka webandla, noma—noma uOrman Neville,” noma—noma ngabe ubani. Qhabo, ayikusho lokho. Ikhombisa nje imfihlakalo, isombulula imfihlakalo yalokho into eyikho. Kodwa thina, uqobo lwethu, ngokukholwa, siyaYikholwa. Yilokho engakusho ngobunye ubusuku.

¹¹⁶ Omunye wathi, “Awu, asikho isidingo kimi ngikuzama. UMfowethu Branham wathi uzoba munye kuphela ozosindiswa eJeffersonville.” Niyabo? Manje, niyabo, kukhombisa

umfanekiso. Lokho—lokho—lokho akusikho, lokho—lokho akusikho. Kungahle kube nezinkulungwane ezsindiswayo. Angazi. Ngethemba ukuthi bonke basindisiwe, niyabo, kodwa angazi.

Kodwa nansi indlela engifuna ukuyikholwa, “Ngiyilowo.” Kholwa okufanayo ngawe. Uma ungakwenzi, khona-ke kuhkona okungalungile ngokukholwa kwakho; awuqinisekile ukuthi wenzani.

¹¹⁷ Unge—ungenyukela kanjani lapho ebusweni bokufa, uma ungaqinisekile kakhulu ukuthi ngabe usindisiwe noma qha na? Niyabo? Ungehlela kanjani lapha futhi uthi kulendoda ekhubazelekile elele lapha, ephuphuthhekile nesontekile, “ISHO KANJE INKOSI. Sukuma! UJesu Kristu uyakusindisa”?

¹¹⁸ Ungama kanjani, lowomzimba omdala osubanda osulugodo ulele lapho, ofile, futhi sekungamahora ngamahora ufile, futhi ulele lapho, usubanda futhi usulugodo; futhi uthi, “ISHO KANJE INKOSI, sukuma ume ngezinyawo zakho”? Ungcono, ufanele wazi ukuthi ukhuluma ngani. Uyabo?

¹¹⁹ Awu, uthi, “Ukuva kudla yonk’into. Konke akusekho.” Ya, kodwa uma iZwi likaNkulunkulu lembulwa, futhi wazi ukuthi nguNkulunkulu, lokho kuguqula izinto. Kunjalo.

¹²⁰ Manje, yebo, lamaJuda awa... Akusiwo onke amaJuda ayosindiswa. Qhabo, mnumzane. Awayikusindiswa; yilabo kuphela abo... Uma Ekhuluma ngo—ngomJuda, “umJuda,” njeneggama nje abanikwa lona emva kokuba sebesuke... ngikhulwa ukuthi, uNebukadnezari, ngale, uqala ukubabiza nge “Juda,” kuqala, ngoba isizwe sakwaJuda sathathwa lapho. Futhi banikwa igama lokuthi “umJuda,” manje, ngoba beza neno bevela eJudiya, base bethola igama lokuthi umJuda.

¹²¹ Kodwa, manje, uIsrayeli wehlukile. UIsrayeli, nomJuda, wehluke phaqa. Wonke umJuda—wonke umJuda akasuye uIsrayeli, niyabo. Qhabo, ungumJuda nje. Kodwa, manje-ke, uIsrayeli... UPawulu akazange athi onke amaJuda ayosindiswa. Wathi, “Wonke uIsrayeli uyoindiswa.” Ngani na? Igama likaIsrayeli, lelo yi—lelo yigama lokuhlengwa, kusuka le emuva. Niyabo? Futhi wonke uIsrayeli uyoindiswa, kodwa hhayi lonke iJudiya—ubuJuda buyosindiswa. Niyabo?

¹²² NjengabeziZwe nje, kuyoba khona i... Kunezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane za—zabantu, yebo, ngokwangempela izigidi, kulezizinhlangano, futhi bakubiza ngokuthi “umKristu, ibandla likaKristu,” nawo onke amabandla anjengalelo. Lokho akusho neyodwa into. Akusiyo... Lokho akuchazi ukuthi ayosindiswa.

Abantu bathi, “Manje, ufanele ube ngowakule noma *leyo*, inhlangano, inhlangano ethize. Uma igama lakho lingekho ebhukwini lethu, ulahlekile.” Manje, *leyo* yinkoloze. Niyabo? *Leyo* yinkoloze. Niyabo?

¹²³ Kunendlela eyodwa kuphela ongasindiswa ngayo, futhi, lokho kungukuthi, "Akuyi ngothandayo, noma ogijimayo, o... Manje-ke, nguNkulunkulu Okhombisa isihawu." Futhi uNkulunkulu, ngokwaziphambili kwaKhe, wamisela ngaphambili iBandla enkazimulweni yaKhe, futhi yilabo osindiswayo. Kunjalo. Manje, ukukholwa kwakho kugxilise okwehange kakhulu Lapho!

¹²⁴ Wena uthi, "Awu, ukukholwa kwami kugxilise okwehange Lapho." Futhi buka ukuthi nhloboni yokuphila oyiphilayo. Uyabo awukufanele ngisho ukuba Lapho. Ihange lakho alilungle. Ulifake esihlabathini esikhundleni sedwala. Igagasi elincane lokuqala liyolintshinga. Ehhe.

¹²⁵ Ake iZwi lembulwe entweni ethize. "Ibandla lami alikufundisi Lokho!" Lokho kukhombisa ngayo leyonkathi ubungagxilile okwehange edwaleni. Ubusesihlabathini. Ehhe. Kunjalo. Ngakho, manje uyabo, manje.

Nezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, ngabe zingezimiselwe ngaphambili na?

¹²⁶ Yebo, mnumzane. Lowo nguIsrayeli, uIsrayeli kamoya.

¹²⁷ Cabangani nje, kuyoba nezigidi zabo phakathi lapho. Angazi ukuthi bangaki ophakathi lapho manje; ngiqagele iqembu lonke, kodwa abayikusindiswa bonke ngoba baseJudiya. Niyabo?

Ngabe seninawo umqondo ukuthi bangaki olapho manje na? Angazi. Kodwa mhlambe ba... Emva kokuba lokhu ukuhlushwa okulandelayo kuqala ukuvuka... Banqwabelwa yi... Niyazi, ngingeteyipu ngabo, ngithathe intshonalanga nami manje ko-kooyedwa we—we—webandla leCovenant elise...

¹²⁸ Ngelidala nje... O, ngiyakhhohlwa manje. Laqala i... Banabo ezansi lapho eAfrika. IDashi Reform. Yibandla iDashi Reform, iCovenant injalo. Manje, uma kukhona noma yimuphi wenu ohlezi lapha, ngizonitshela ukuthi kungani. Nisalokhu nibambelele kuleloKhathekizima elidala iHeidelberg, futhi yingalesosizathu impela nisalokhu nise... niseyiDashi Reform. Ngakho, ningahle nipholishe ngegama laseMelika. Yileyo—yileyonto emva kwalo, ngoba nifundisa kulelokhathekizima elifanayo, iHeidelberg endala. Buzani umelusi wenu ukuthi lokho akunjalo yini. Niyabo? Ngakho, manje, qaphelani lokhu.

Izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, zingabamiselwe ngaphambili ukuba zibekwe uphawu ngoMoya oNgcwele na?

¹²⁹ Yebo, mmumzane. Kunjalo impela. Kulungile. Manje uma kukhona... Manje uma ngi...

Uma ngingaphendulanga, ukukwenelisa, ngani, mhlawumbe ngi... Bengingeshaye khona, niyabo. Kodwa, lokhu, kungokolwazi lwami olwedlula konke, niyabo. Lokhu kungokolwazi lwami olwedlula konke.

9. Mfowethu Branham, njengoba uhambe uhambo noma tra-...ngenzalo yenyoka enobuqili... (A-ho, angizange ngiwuqaphele lona. Lona ungiphunyukile)...inzalo yenyoka enobuqili kuleliviki, ngabe kuzokuba senqubweni ukubuza lombuzo na? Abangani bami bangicele ukuba ngichaze uGenesisi 4:1, futhi angikwazi. Ungangisiza na?

¹³⁰ Ku—kuphumile odabeni. Kodwa, empeleni, ngizo—ngizo—ngizozama ngawo onke amandla ami, ngosizo lukaNkulunkulu. Ake sibone manje. Ake ngipholishe, kancanyana nje. Ngicabanga ukuthi yilapho athi, “Ngitholile indodana eNkosini.” Ngi—ngikhola ukuthi yikho. Ngicabanga ukuthi uEva wakusho lokho lapho. Ngizohlola, ukuqiniseka.

¹³¹ Isizathu, ngasho, ngobunye ubusuku, isikhombisa... esikhundleni se...amakhulu ayisikhombisa esikhundleni sezinkulungwane eziyisikhombisa. Ngakho kungenza ngibe novalo kakhulu, niyabo, futhi ufanele nje ube ngobhekisisayo. Nesitha macala onke, futhi u—unokukuzwa lokho, uyabo. Yebo, yilokho-ke.

UAdamu wamazi umkakhe uEva; weyesekhulelwa, wayesezala uKayini, wayesethi, ngitholile indoda eNkosini.

¹³² Manje, ngizokuphendulela umbuzo nje, mfowethu, noma dadewethu. Futhi manje, khumbulani, kungesikho—sikho ukuphosa kuwe, qhabo. Ngizama ukukusiza, uyabo. Ngiyakuthanda, futhi ngiyamthanda umuntu ongahle ukuba ube ngumgxeki kukho. Kodwa angicabangi ukuthi lomuntu unokugxeka. Bathe, “Ngisize,” niyabo, ngoba abantu uyakukholwa, kodwa nje ababekiwe ngokwenele esikhundleni, nguMoya, ukwazi ukuthi athini kumuntu obabuze lokho.

¹³³ Manje, uyasho lapha ukuthi umbuzo uyini, akungabazeki, ukuthi bathi, “UEva wathi utholile lendoda evela eNkosini.”

¹³⁴ Ucabanga kanjani ukuthi ukuphila kwakungake kufike kanjani uma kwakungavelanga eNkosini, noma ngabe kungokulungile noma okungalungile na? Ubani owathuma—ubani owathuma uJuda Iskariyothe ezweni na? Ngitshele lokho. IBhayibheli lathi wazalwa “eyindodana yokulahlwa.” Babuze lowo nje; yiba njengesibungu kulamula, uyabo. Niyabo? Manje, uyabo, bangeke—ngeke...Kuyikho.

¹³⁵ Qaphelani, manje-ke, uma ufunu ukubathatha ngesu elithe xaxa kancane. Bukan. UEva wakhuluma lapha, uma ufunu ukukuthatha ngolwimi okungalo lapha, okulotshwe ukuze kufihlakale esweni, elihlakaniphile nelinokuqonda. UEva, lapha, indlela okufundiswa ngayo, ukuthi uNkulunkulu kwakunguYe ayithola ngaye lendodana. Futhi UNGUMoya, futhi angekwenze. Niyabo? Manje bhekisisani lapha, uma nifuna ukuqaphela lokho. “Ngitholile i—indoda eNkosini.” Niyabo, ungeke wakwenza kuzwakale nganoma yini...Kodwa

kuzofanele kube nokuhumushwa kwakho, niyabo. Yebo, mnumzane. Qhabo, mnumzane, uma lokho, bese-ke umoya . . .

¹³⁶ Futhi silandela njalo imvelo yomzali wethu. Niyakwazi lokho. Bukani ingane, imvelo. Awu, manje-ke, uAdamu wayeyindodana kaNkulunkulu; uEva wayeyindodakazi kaNkulunkulu; kunjalo, into yokuqala yokudaliweyo kukaNkulunkulu, okwakungeke kwabakhona nelilodwa ichashaza lo—lobubi nomaphi ngakho. Ububi babungakaziwa ngisho.

¹³⁷ Manje-ke kungani uKayini wayengumqambilanga, umbulali, nakho konke okunye na? Lokho kwavelaphi na? Zibuze wena lowombuzo nje. Leyo kwakuyinzalo yenyoka enobuqili. Niyabo? Alisho yini kanjalo iBhayibheli na? Bhekisisani inzalo yakhe kusukela phansi le. Kulokho, uba . . .

¹³⁸ Izwe ngelikabani na? Udeveli. Ubani olilawulayo manje na? Udeveli. Kunjalo impela. Udeveli ulawula izwe. Watshela uJesu, wathi, “Uyalibona ukuthi lihle kanjani, yonke inkazimulo na? Ngizolinika Wena uma Uzokhuleka kimi.” Niyabo, ungumlawuli walo. Manje lingelakhe.

¹³⁹ Manje bhekisisani, abantwana bakhe bahlakaniphile; abantwana bakadeveli. Noma, thatha abantwana bakaKayini, uma ufunu, bese ukuletha phansi ngqo ngezizukulwane, futhi uthole ukuthi babengamadoda akhaliphile, bonke.

¹⁴⁰ Kodwa manje-ke ngenkathi ebulala uAbela; futhi uNkulunkulu umbuyisa ewuSeti, wayengumfanekiso wolungileyo, ukuhlenga; engofile, wabuye wavuka. Futhi kusukela lapho . . . Manje bhekisisani. Hhayi ovela enzalweni yokuqala, yemvelo; bafa. Manje ninayo ivulekile imiqondo yenu na? Niyabo? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Inzalo yokuqala, yenzalo yemvelo, inhle ngokwejwayelekile nje, yayifanekisa ibandla lesimodeni, uAbela. Ukuze kulondolozwe lowolayini uza wehla, lowo wafa ukuze kuvuke omunye, niyabo. Ngakho, kuzofanele kube ngukuphind’uk’zalwa, futhi. Niyakubamba na? [“Amen.”] Kulungile, ukuze nje nikuthole, niyabo. Niyabo?

¹⁴¹ Nakho lapho okhona, umfanekiso ophelele. Ngakho ngisho nomuntu wemvelo, ozalwa ngu—nguAdamu, uyise, kukhombisa inkambo yemvelo. Ingeke isebenze; umuntu wemvelo akaziboni izinto zikaNkulunkulu. Ngakho kwakukhona uMuntu ofika ngokwemvelo, futhi wafa, ukuze abuyisele lokho futhi; futhi umelwe ekufeni kuka—ka—ka—Abela, nokufaka esikhundleni u—uSeti.

¹⁴² Futhi bhekisisani ukuthi hlobo luni lwabantu lolo olwaluyilo, manje, lowomoya owalethwa uvela kuye; abathobile, abalimi, abelusi bezimvu. Bhekisisani ukuthi okuvele kulokhu ukuhlakaniphia kwezwe lapha; amadoda akhaliphile, abakhi, ne—nezinto ezisansimbi, nazo zonke izinhlobo zobuhlakani obukhaliphile nezinto. Bukani ukuthi baphethelaphi.

Babesezansi lapho, noNkulunkulu wababhuhisa bonke, bonke, wayesesindisa abathobile. Akashongo yini uJesu, kuMathewu 5, “Abathobile bazakudla ifa lomhlaba”?

¹⁴³ Ngakho, ya, ungakhathazeki. Abanalo nolulodwa unyawo abangama ngalo. Niyabo? Abamkholwa lowo eyindodana kaKayini. Kodwa sinayo iteyipu ngalokho, uma beningathanda ukukuzwa kuchazwa ngemininingwane. Niyabo? Qhabo, mnumzane.

¹⁴⁴ Futhi ngibonile banesiqephu ephepheni phezulu lapho, lapho isayensi manje izokhombisa lokho “UEva akadli lona neze iapula. Wayene aprikhothi.” Niyabo? Nginephepha enhla lapho ekhaya manje, niyabo. “Kwakuyi aprikhothi.” Bangaba kude kanjani—kanjaniabantu... Lowo umqondo wenyama, niyabo.

“Manje-ke, empeleni, uMose akazange awele amanzi. Wawela wadabula ulwandle lomhlanga; waletha uIsrayeli wawela ekupheleni ngasenhlala koLwandle oLufile. Kwakukhona isixheke somhlanga lapho, lonke ulwandle lomhlanga, yilaphoke nje amanzi ayekade ekhona ngesinye isikhathi, wehla. NoMose wathatha indlela enqamulelayo futhi wajikeleza ngaleyondlela.” Namabandla oMthetho akuvuma. Nikubonile lokho. Amabandla oMthetho akuvuma, ukuthi lokho kwakunjalo.

¹⁴⁵ O, muntu, awuyiboni leyonzalo yenyoka enobuqili, lowomphikukristu, nayo yonke into ilele khona lapho na? Impela. Yebo, mnumzane.

Mfowethu Branham, ngicela ukhulekele eyami encane... (Awu, leso yisicelo somkhuleko; ngiyasibona.) **Khulekela indodana yami engumzukulu omncane, ugula kakhulu unomkhuhlante. UseHhotela iRiverview.**

¹⁴⁶ Nkosi Jesu, lomuntu bandla lapha akazange akubhale lokho nje ngeze. Ukubonile nje ngokunakekayo ususa ngisho nemfiva yofehlane kumfana omncane ngobunye ubusuku. Uyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu omkhulu, futhi sinikela imikhuleko yethu ngalowomfana omncane. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa. Amen.

¹⁴⁷ Uma umuntu ebhala noma yini, akusilo ize. Ba—ba—bane... Akunandaba ukuthi kuzwakala kulula kanjani kithi, nokuthi kungakanani, kodwa—kodwa kunento ethize emva kwakho, niyabo; lelonenekazi, lowomfana omncane, into ethize.

10. Ngabe uElija, ofikela ukuzoshumayela kumaJuda, umuntu wangempela owaphila emhlaben, noma uzoba ngumoya kaElija komunye umuntu othize na?

Manje, lokho yi, ngi—ngiyesaba ukusho. Angazi. Uyabo? Ake ngikufunde lokho futhi.

Ngabe eElija, ofikela ukuzoshumayela kumaJuda (o, yebo), umuntu wangempela owaphila emhlabeni, noma uzoba ngumoya kaElija komunye umuntu othize na?

¹⁴⁸ Manje, uma bengingaphendula lokho ngokuyikho, bengingakutshela ngoEnoke, uyabo. Kodwa ngeke nga-ngakwenza, uyabo. Into kuphela engiyaziyo ngukuthi, nje, umBhalo uyasho ukuthi kuyoba yini. Futhi manje kungahle kube ngukuthi... Manje, ngi—ngithe ukukhothamela... Manje ake ngikusho ngalendlela. Futhi ngithemba ukuthi iteyipu, abazalwane emateyipini, bazokuqonda lokhu. Ngikhothamele ukukholwa ukuthi kuzoba ngamadoda agcotshiweyo, komoya wabo. Ngoba, niyabo, uthi, “Ngabe aku...kuElisha na? Ngabe umoya kaElija uphumula kuElisha na?” Niyabo, “umoya kaElija.” Futhi yena wenze njengoba kwenza uElija, niyabo. Ngakho, mina, uma ngi... Kodwa ngeke ngasho ukuthi lokho kuqinisile. A—angazi, niyabo. Ngiqotho kini. Angazi.

11. Mfowethu Branham, ungasiza ungiphendulele lona, mayelana nombhaphathizo na? UMathewu 28:19 ufundisa ukuthi, u “Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” NoPetru, eZenzenwi 2:38, “eGameni leNkosi uJesu.” Lwavelaphi lolushintsho eZenzenwi zabaPhostoli na? Manje, ngikhola ukuthi, “eNkosini uJesu.”

¹⁴⁹ Awu, mfowethu noma dadewethu, noma ngabe ubani owubhalile, a—akubangakhona-shintsho olwavelayo, niyabo. Ku... NoPetru wenze khona impela uJesu athi akwenze. Manje, uma kufika umuntu bese ethi, “Sebenzisa iziqu zikaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” benza lokhu uPetru athi akungenziwa, kodwa lokhu uNkulunkulu athi akungenziwa. Niyabo? Manje, uJesu washo ukuthi...

¹⁵⁰ Sizovele nje—nje sithathe okuncinyane, lapho, ngifuna nje ukunikhombisa enye into lapha. Qaphelani. Manje qaphelani, uma ulapha, umuntu. Ngizobeka ophisi abathathu bempahla lapha. Manje bukani. [Umfowethu Branham ubeka ngononina izinto ezintathu njengezifanekiso—Umhl.] *Lona* nguYise, *lena* yiNdodana, *lona* nguMoya oNgcwele; njengoba abantu bakaziqu-zintathu bebakhola, bakholwa ukuthi bangabantu abathathu abehlukene ngamunye. Bayakukholwa lokho. Niyabo? Awu, manje—ke, manje—ke ake ngi...

¹⁵¹ Bese kuthi—ke uMathewu 28:19. UJesu wathi, “Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayela iVangeli kuzo zonke izidalwa. U...” Qhabo, ngiyaxolisa. Ngicaphuna iZenzo manje, noma iZenzo 2, ngiyakholwa. Qhabo, uLuka 24:49, ngiyacaphuna. Wathi... Ake ngikufunde, khona—ke nginakho, niyabo, bese—ke... ngoba ngoluny’usuku ngasho lokho ngenkathi nginga... Ngifuna ukuqiniseka ukuthi ngikuthola kahle lokhu. Ngi—ngiyasazi isiqu salokho okushoyo lapho, kodwa ngifuna

ukuthola nje lokho Akusho. Asiqale evesini 16, lesama 29. “Kwathi abayishumi nanye behlezi ekudleni, i...”

Kepha abayishumi nanye...beya eGalile, entaben uJesu ayebayalele yona.

Sebembona, bakhuleka kuye: kepha abanye bangabaza.

UJesu wasondela wakhulumu kubo, wathi,...Phiwe amandla onke emazulwini nase semhlaben. Ngiphiwe amandla onke emazulwini nasemhlaben.

¹⁵² Manje aphi amandla kaNkulunkulu na? Ukuphi uNkulunkulu na? Uma onke amandla eZulwini, nawo onke amandla asemhlaben, anikiwe, manje ukuphi uNkulunkulu na? Nango, niyabo. Yilokho okukhuluma kuwe. Kulungile.

Ngalokho hambani, futhi nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele.

¹⁵³ Manje isikhundla sobuziqu-zintathu salokho, “Ngiyakubhaphathiza egameni likaYise, egameni leNdodana, egameni likaMoya oNgcwele.” Lokho akukho ngisho naseMbhalweni oNgcwele. Niyabo? Wathi, “Nibabhaphathize eGameni likaYise, neleNdodana, nelika...” Hhayi e...futhi babeka igama phambi kwalowo ngamunye. IGama elilodwa! Bhekisisani lapha. Akashongo ukuthi, “Nibabhaphathize emagameni.” G-a-m-a, iGama elilodwa, “EGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Niyabo?

¹⁵⁴ Manje ngifuna ukunibuza. Ngabe u “Yise” yigama na? [Ibandla, “Qhabo.”—Umhl.] Ngabe “iNdodana” yigama na? [“Qhabo.”] Bangaki oyise olapha na? Yimuphi kini owethiwe ngo “Yise”? Mangaki amadodana alapha na? Bangaki abantu abalapha na? Niyabo? Awu, yimuphi kini owethiwe ngo “Yise,” “Ndodana,” noma “uMuntu”? Niyabo?

¹⁵⁵ Njengowesifazane wake washo ngesinye isikhathi, wathi, “Mfowethu Branham, u ‘Moya oNgcwele’ yigama. NguMuntu.”

¹⁵⁶ Ngathi, “Yebo, Mnumzane. Ngingumuntu, kodwa igama lami alisuye ‘uMuntu.’ Ngingumuntu, niyabo. Igama lami nguWilliam Branham; kodwa ngingumuntu.”

UMoya oNgcwele nguMuntu. Uyilokho-ke. AWusilo igama; yisiqu soMuntu kaNkulunkulu. Niyabo? Kuyigama ebuntwini bukaNkulunkulu, lokho Ayikho. Manje—manje uma...

¹⁵⁷ Wathi, “Ngalokho hambani, futhi nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, neleNdodana, uMoya oNgcwele.” Hhayi “egameni likaYise, gama leNdodana, gama likaMoya oNgcwele.” Noma, hhayi “e magameni kaYise, neleNdodana, uMoya oNgcwele,” kodwa, “EGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Futhi uma u “Yise, iNdodana,

noMoya oNgcwele” akusilo-gama, pho-ke kuthiwani ngakho na?

¹⁵⁸ Ake sithi uma kuyi “gama,” awu, yiliphi lelo na? Ufuna ukubiza elilodwa lawo igama, yiliphi igama na? Uma ufuna ukubiza isiqu ngokuthi yigama, manje-ke liphi lona igama, yisiphi sona isiqu ofuna ukubhaphathizela kuso, u “Yise” noma i “Ndodana”? Ngubunye, niyabo.

Manje siphanya ngapha, naleyo yincwadi yokugcina kaMathewu.

¹⁵⁹ Njengoba bengihlale njalo ngikuchaza. Uma ufunda indaba yothando, futhi yathi, “uJohn noMary bahlala ngokujabula emva kwalokho.” Niyabo, yingoba awu—awumazi ukuthi uwubani uJohn noMary. Buyela emuva ekuqaleni kwendaba yakho, uthole ukuthi ubani uJohn noMary. Niyabo?

¹⁶⁰ Manje yilokho okwenzayo lapha kuMathewu. Ufundu kuhela ingxenye yokugcina yayo. Buyela emuva kokokuqala kukaMathewu bese ufunda lokhu indaba eyikho. Leso yisahluko sokugcina sikaMathewu, namavesi okugcina.

¹⁶¹ Njengokuthi ucoshe ibhuku, bese uthi, “UJohn noMary bahlala ngokujabula emva kwalokho. Lowo kwakungu John Jones no—noMary *S'bani-bani* na? Lokho kwakuyi...? Qhabo, lowo kwakungu John...? Lowo kwakungu John Henry nalowo kwakungu *S'bani-bani* na? Lona nguJohn *Othize* no *S'bani-bani*? ” Qhabo, awukazi namanje, uyabo. Into kuhela okumele yenziwe, ukuqiniseka, ngukubuyela ebhukwini bese uyalifunda. Uyabo, ungeke wacosha uphisi *lapha*. Ufanele uhlanganise yonke into ndawonye, ukwenza isithombe.

¹⁶² Manje buyela kuMathewu, isahluko 1. Futhi kuyahamba futhi kunikeza uzalo, kuza kwehla ngesahluko 1. Bese kwehlela evesini 18, kwase kuthi, “Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwaba-nje.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁶³ Manje kukhona engifuna ukunibuza khona. Manje lalelani futhi. Wena, ukubiza kanjalo. [UMfowethu Branham ukhomba izinto zontathu ngayinye njengezifanekiso—Umhl.] Ubani *lona* na? UNkulunkulu u...[Ibandla lithi, “Yise.”] UNkulunkulu u...[“Ndodana.”] UNkulunkulu u...[“Moya oNgcwele.”] Manje yimuphi *lona* na? [“uYise.”] Yimuphi *lona* na? [“uMoya oNgcwele.”] Yimuphi *lona* na? [“iNdodana.”] INdodana. Kulungile. Manje sesikutholile manje. Manje nithe wayengubani *lona*; uNkulunkulu *ubani* na? [“UMoya oNgcwele.”] UMoya oNgcwele. Kulungile. Manje, kulungile.

Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwaba-nje:
Ngenkathi... unina uMariya esemiselwe uJosefa,
bengakahlangani, wafunyanwa ekhulelisiwe u... .

¹⁶⁴ [Ibandla lithi, “UMoya oNgcwele.”—Umhl.] Manje, bengicabanga ukuthi nithe uNkulunkulu wayenguBaba

waKhe. Manje kukhona okungalungile lapha; Angeke aba noBaba ababili. Niyakwazi lokho. Niyabo? Manje kukhona okungalungile. Manje yiypipi yalamada, uma engaBantu abathathu, yiyona yiphi yaWo enguBaba waKhe na? IBhayibheli liyasho lapha, ngokucacile, “Wafunyanwa ekhuleliswe uMoya oNgcwele,” uNkulunkulu uYise wayengahlangene ngalutho nakho. NoJesu wathi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe, futhi siyazi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe. Manjeke, Wayenobaba ababili; manje Ungowesihlahla, impela ngokwanele. Manje uyabona ukuthi uzifakephi na? Manje:

Kepha uJosefa indoda yakhe, engumuntu olungileyo... ngokungathandi ukumthela ihlazo, wayefuna ukumlahla ngasese.

Esazindla ngalokhu, . . .

¹⁶⁵ Khumbulani, wayengumuntu olungileyo, manje. Nesandla seNkosi siyisandla njengamanje; labo abamiselwe ngaphambili bazokubamba. Niyabo?

Esazindla ngalokhu, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho, . . .

Niyalandela eBhayibhelini lenu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

. . . ithi, Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi . . . thatha uMariya umkakho: ngokuba lokho a . . . kukhulelwego kungo . . .

¹⁶⁶ “UNkulunkulu uYise”? Ngabe ngikufunde ngokungesikho lokho na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Kwenza impela. “Lokho akukhulelwego,” akuhlangene ngalutho noNkulunkulu uYise, ngu “Moya oNgcwele.” Futhi manje siyazi ukuthi uNkulunkulu wayenguYise. Kunjalo na? “[Amen.]” Ngakho kuyini na? UMoya oNgcwele unguMoya kaNkulunkulu, kusobala. Manje senikutholile. Niyabo?

¹⁶⁷ UNkulunkulu uYise noMoya oNgcwele nguMuntu ofanayo, kungenjalo Wayenobaba ababili. Bese kuthi-ke hlobo luni—luni lomuntu olukhonzyayo na? Hlobo luni lukaNkulunkulu onalo manje na? Uyabo? Uyabo? UNkulunkulu uMoya oNgcwele, noNkulunkulu uYise, nguMoya ofanayo uqobo.

Uzakuzala indodana, . . . (loMfo lapha) . . . uzoyiqamba igama lokuthi u . . .

In? [Ibandla lithi, “uJESU.”—Umhl.] “IGama laYo!” “[uJESU.]” Manje khumbulani.

. . . igama layo uJESU: ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ngokuba . . . ezonweni zabo.

Manje lokhu konke kwenzeka, ukuba kugcwaliiseke okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi ukuthi, kulowo iZwi eliza kuye, ukuthi,

Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana, ba . . . qamba igama lokuthi UEmanuweli, okuhunyushwayo, uNkulunkulu unathi.

¹⁶⁸ Ubani iGama likaNkulunkulu na? Ubani iGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgewelete na? [Ibandla lithi, "uJESU."—Umhl.] IBhayibheli lathi "uJESU" kwakuyiGama laKhe.

Khona-ke umfo lapha ezama ukukwenza inkulomompikiswano kanye, lapha etabernakele, wathi, "uMfowethu Branham uyaluzise bonke, kodwa ngeke kulona." Wathi, "Lapha kukhombisa abantu abathathu abehlukene, impela, ngokuphelele." Wathi, "UMathewu, isahluko 3! *Lapha* kwakunguJohane emi, eshumayela; *lapha* kufika iNdodana, ihamba yenyuka ukuba ibhaphathizwe. Yangena emanzini, yabphathizwa nguJohane; yahamba yabuyela emuva iphuma emanzini. Futhi, 'Bhekani,' wathi, 'amazulu lavuleka kuYe.' Futhi wathi, 'Kwehla kuvela eZulwini kwafika uMoya oNgewelete, njengejuba lehla. NePhimbo liqhamuka eZulwini, lithi, "Lona iNdodana yaMi ethandekayo, kuyo . . ." Abantu abathathu ngokusobala, ngaso ngqo isikhathi esisodwa." O, he!

¹⁶⁹ Ya. Kukhombisa nje ukuthi abantu abangenawo umbhaphathizo, futhi abangabizelwe esikhundleni so—som—mfundisi, akanamsebenzi wokuba sepulpiti. Kunjalo.

Bengi—ngi—ngithatha lowomuntu, manje, ngosizo lukaNkulunkulu, futhi ngibabophe efindweni liyokwenza amakhanda abo abhukude. Bukani, anginandaba ini . . .

Hhayi, angiqonde ukuthi "mina." Lokho akuzwakali kahle. Ngithetheleleni. Beningaqondile lokho, Nkosi. Angiqondanga, manje. NgiMzwile engihlola kulokho, niyabo, ngakho bengingaqondile ukukusho ngaleyondlela. Ngi—ngiyaxolisa. Ngiyakholwa ukuthi uMoya oNgewelete ubengembula kulowo muntu imfihlo ethize. Lokho kuzwakala kungcono.

¹⁷⁰ Kufana nokufaka izinsimbi ezifanayo eshunini, uma wenza into engafanele. Futhi ungakusho, njengomKristu, usho into engafanele. Akakuthandanga lokho. Niyabo, lokho bekungibeka phakathi lapho. Niyabo? Angikho esithombeni, nhlobo. Mina nje . . . angifuni ngisho ukuba yimi uqobo noma utho. Yena nje, Makenze umsebenzi. Uyakwenza ukuzwakala. Icilongo liyismungulu; iphimbo emva kwalo, lowo onikeza umsindo.

¹⁷¹ Manje, bukani lapha. Indoda yahumusha ngokungesikho iZwi. Niyabo, Ku . . . Khumbulani, "Kufihliwe emehlwensi abahlakaniphile nabankokuqonda; kwambulelwa izingane."

Manje, *lapha* yiloMuntu oyedwa, uJesu Kristu, emi emhlabenzi. Manje, amazulu; isizathu, kukhona imikhathi ephezulu. Manje bhekisisani, "Futhi uJohane uyafakaza . . ."

¹⁷² Manje lowo muntu ufanale athi, “*Lapha* nguNkulunkulu uYise; futhi *lapha* nguNkulunkulu uMoya oNgcwele, njengejuba; futhi *lapha* nguNkulunkulu iNdodana; kwenza abantu abathathu.” Kuyiphutha.

¹⁷³ UJohane, emi emuva *lapha*, azile *lona* kwakuyiWundlu. UJohane wathi, “Ngokuba ngiyafakaza, kubonakala uMoya kaNkulunkulu njengeWundlu...” *Kukhona* uNkulunkulu uMoya, njengejuba, ngiqonde lokho. Manje kukhona into efanayo engayisho ngobunye ubusuku, niyabo; esikhundleni samakhulu ayisikhombisa, sa-... Niyabo? UMoya kaNkulunkulu! Leli kwakuyiWundlu *lapha*. Futhi uMoya kaNkulunkulu, iJuba, kwakunguNkulunkulu. “UMoya kaNkulunkulu wehla uvela eZulwini. NePhimbo livela eZulwini, lithi, ‘Lo iNdodana yaMi ethandekayo, ENgithokozile ukuhlala kuYo.’”

“Onke amandla eZulwini nasemhlabeni kunikezwe esandleni saMi.” Niyabo? Niyabo? Niyabo? Lowo Nguye. Manje kwakungubani iGama laKhe na? [Ibandla lithi, “uJESU.”—Umhl.] Impela. Niyabo?

¹⁷⁴ Ngakho, ngokomcabango ongenabufakazi kamthathu, kokuba oNkulunkulu abathathu abehlukene, lokho ngubuhedeni! Okungakaze kwafundiswa eBhayibhelini. Akukaze kwafundiswa eMlayezweni webhubesi, kodwa kwamukelwa kokulandelayo, okwakungumphikukristu. Buza noma ubani ofuna ukumbuza, noma yisiphi isazi sesayense yezobuNkulunkulu. Lokho akuzanga, kuphela ngemfundiso yamaNikolawu. Lapho kungakho kwaphuma ngoMartin Luther; yingakho kwaqhubeKA ngoJohn Wesley; futhi kwehliselwa phansi kumaPentecostal.

¹⁷⁵ Ngosuku iPentecostal eyaphuma ngalo, babaneqembu le “Jesus Only.” Manje, lokho kuyiphutha, futhi. Angaba kanjani uJesu uBaba waKhe uQobo na? Niyabo? Ngakho kukushaya kukukhipha lokho.

¹⁷⁶ Kodwa kufanele kube nesikhathi esifikayo sokhozi. Niyabo? Leso yisikhathi Ukuqondisa zonke lezozimfihlakalo. Niyabo?

¹⁷⁷ “Uyise, iNdodana, noMoya oNgcwele” izikhundla zeNkosi uJesu Kristu. Bhekisisani, bonke bobathathu! UMathewu wathi, “UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” UPetru wathi, “INkosi uJesu Kristu.” Ubani uYise na? “INkosi yathi eNkosini yami, ‘Hlala ngakwesokunene saMi.’” Kunjalo na? UYise; iNdodana, uJesu; uMoya oNgcwele, iZwimcabango elaphuma kuNkulunkulu. “UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele” ngokuyikho ngempela izikhundla ezintathu zoMuntu kaNkulunkulu ebonakaliswe e-e-ezindleleni ezintathu ezechlukene, noma izingxenye ezingehlukaniseki ezintathu zaKhe uqobo.

¹⁷⁸ Futhi ukukwenza kucace, kumuntu obengekuqonde, kunjengezikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo. Empeleni, izingxenye ezingehlukaniseki ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo. UNkulunkulu eseberza kwezintathu, okwehlukile; phansi kobuBaba, phansi kobuDodana, phansi kwesikhathi sikaMoya oNgewe. UNkulunkulu uphelele kokuthathu. Niyayikhumbula inombolo yomphikukristu, isine na? Niyabo? UNkulunkulu, “UYise, iNdodana, noMoya oNgewe,” ngokoqobo i “Nkosi uJesu Kristu.”

¹⁷⁹ Uma ubhaphathiza, eGameni lika “Jesu” kuphela, lokho kuyiphutha. Nje, “Bhaphathizwa eGameni likaJesu,” lokho ngokoqobo kuyiphutha. Ngazana nabanningi oJesu. Ngani, amazwe ase Latin agcwele bona, oJesu.

¹⁸⁰ Kodwa lona i “Nkosi uJesu Kristu,” kusho ngempela ukuthi UnguBani.

¹⁸¹ Baningi oBranham, uma ufunu ukukhuluma ngami siqu sami, kodwa ngi—ngingoyedwa uWilliam Marrion Branham. Lowo—lowo yimi. Kodwa baningi abanye oWilliam Branham, nokunye nokunye, ngokuzungeza.

¹⁸² Kodwa lokhu ngokusobala ukubiza uMuntu oyedwa, iNkosi uJesu Kristu, niyabo, Ogcotshiweyo. Munye kuphela owabo. Manje, kunjalo.

Ngakho uma kukhona nomu yikuphi ukuqhubeka kwalokho, ubhala incwadi nomu okuthize, nomu—nomu ngesinye isikhathi una ngikweminye imibuzo. Ngifuna ukuzama ukuthola lokhu, ngakho ngingabona uma singathola abanye balaba bantu abagulayo abahluphekileyo, bakhulekelwe.

12. Mfowethu Branham, uma lombuzo unga—ungafithi, ungafithi e...ungawuphenduli. (Lokho kuhle. Ngiyakuthakasela.) **Abantwana abanjani—abantwana abanjani abaya oHlwithweni, uma nomu ibaphi abancane na? Ngiyabonga.**

Abasayinanga gama. Manje, uma unga, akunasidingo.

¹⁸³ Kodwa, buka. Ngenkathi uNkulunkulu ebeka igama eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, akukho-nto emhlabeni engakurabha, ngoba kubhalwe ngo-inki weGazi likaKristu. Kube ilobu ubukhulu, lobo bukhulu, nomu lobo bukhulu, nomu kungaba yini, kuhamba nje ngokufanayo. Niyabo? Bonke abantwana, lonke iBandla, yonke into ekhona, ingukuthi...UNkulunkulu, ngokwazi kwaKhe phambili.

¹⁸⁴ Manje, asazi. Wena uthi, “Mfowethu Branham, ungfakazisa ukuthi ulapho na?” Qhabo, mnumzane. Ngeke ngakufakazisa. UNkulunkulu ubengangisebenza ukuba ithuluzi lento ethize, futhi asebenzise nawe ngendlela efanayo. Kodwa ngiyakholwa, futhi ngokukholwa, ngisindisiwe. Angisindisiwe ngokwazi;

ngokukholwa! Yileyo indlela osindiswe ngayo. Yileyondlela sonke esisindiswe ngayo.

¹⁸⁵ Kodwa, khumbula, uNkulunkulu unggongesasiphelo. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ongenasiphelo! Awu, engongenashipelo, lokho kuMenza... Futhi, khona-ke, Ungowazi konke. Niyakholwa lokho na? ["Amen."] *Ukwazi konke* kusho ukuthi "Wazi zonke izinto." Angeke abe—Angeke abe ngowazi konke engongenashipelo. Niyabo, akukaze kube khona lutho kodwa Akwazi. Wayazi yonke imbuzane eyoba semhabeni, nokuthi iyocwayiza kangaki amehlo ayo, nokuthi iyokwenza uwali olungakanani, kangakanani ikwenza ndawonye. Wazi konke ukuphefumula eyokuphefumula, nokuthi kuyongena kujule kangakanani ephashini lakho. Lokho ngokungenasiphelo.

¹⁸⁶ Manje, uma Engogenousiphelo, lokho kuMenza owazi konke. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi uma Engowazi konke, lokho kuMenza abe ngosezindaweni zonke, ngoba Wazi nje ngqo umzuzu, ihora, isikhathi, ekwahlukaniseni ngokuphuthumayo komzuzwana eyizinkulungwane ezingamashumi amahlanu-nanhlanu, kuye ngenkathi okuzokwenzeka ngayo. Niyabo? Niyawuthola umqondo manje na? ["Amen."] Khona-ke, Wazi zonke izinto. Futhi kungalesosizathu Enamandla onke, wazi zonke izinto, futhi engenza zonke izinto.

¹⁸⁷ Manje ake sibone. Manje, "Futhi bonke abantwana lowo uNkulunkulu... Wonke lowo uNkulunkulu... Ngenkathi be..." Manje, khumbulani, ngenkathi uJesu... iBhayibheli lathi...

¹⁸⁸ Manje siyazi ukuthi uJesu wanqunywa cishe ama 30 A.D. [emva kokufa kukaKristu—TN]. Kunjalo na? Cishe, cishe kwakuphakathi nonyaka, ngiqagele, ama 30 A.D..

¹⁸⁹ Manje, kodwa iBhayibheli lathi Wanqunywa ngaphambi kokuba izwe lidalwe. Futhi igama lakho, ngenkathi iNcwadi yeWundlu... Ngenkathi iWundlu linqunywa, ukuhlenga ieNcwadi... Nansi into enkulu manje. Kungahle kubangele ukuvuselela amandla. Bukani. Uma i—uma i—uma iWundlu... Manje khumbulani, iBhayibheli lathi iNcwadi yokuPhila yeWundlu yalotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi igama lakho lafakwa phakathi, lalikuyeyoNcwadi ngenkathi iWundlu linqunywa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuhlenga lonke igama elalilotshiwe kuleNcwadi. Niyabo? Unakho manje na?

¹⁹⁰ Niyabo, akukho lutho oluphumile enqubweni. Kusebenza nje ngqo njengesikhathi esikhulu sikaNkulunkulu, niyabo, njengewashi lihamba lizungeza. Igama lakho lafakwa phakathi lapho ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi iWundlu lanqunywa ukuhlenga okwakukuleyoNcwadi. Futhi manje Uza

phambili futhi uthatha leyoNcwadi, ukuthatha ukuhlengwa kwaKhe.

Angifuni ukuqala lapho; singeke sisaphinde siphendule omunye umbuzo namhlanje. Kulungile. Umbuzo:

13. Ngabe isihogo, nechibi elivutha umlilo nesibabule, kuyafana na?

¹⁹¹ Qhabo. Isihogo, ukuhumusha eBhayibhelini, ngiyakholwa... Manje, kukhona izifundiswa ezihlezi lapha, futhi ngifuna ukukuhlonipha lokho. UMFowethu Iverson wethu ohlezi lapha, noMfowethu Vayle, nabanningi balabazalwane abangosiyazi bangempela bezenkolo. Igama elihunyushiwe, *ihayidesi*, lichaza i “thuna.” Kunjalo na? Igama lesi Greki lethuna. Kodwa iChibi loMlilo enye into. Ngoba, ngale eSambulweni, “Kokubili, ihayidesi nakho konke, kwaphoselwa eChibini loMlilo.” Niyabo? Kulungile. Manje ake sibone.

14. Uma kungenjalo, ngabe iChibi loMlilo, nesihogo, kuPhakade na?

¹⁹² Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Yonke into eyadalwayo aysisilo iPhakade. Qhabo. Yonke into edaliwe... Yingaleso sizathu singeke sibekhona isihogo esiPhakade. Uma noma ubani eke akutshela ukuthi uzosha phakathi esihogweni saPhakade, ngifuna umBhalo wakho. Niyabo? Ayikho into enjalo.

¹⁹³ Isihogo sadalelwa udeveli nezingelosi zakhe, somphikukristu nabantu bakhe; lowo kwakungudeveli, udeveli ongene kumuntu. Kwadalelwa lokho, ukubhubhisa. Futhi yonke into eno... Yonke into...

¹⁹⁴ Kukhona into eyodwa zwi, kukho konke, kukho konke okukhona, izwe lonke futhi nayoyonke into, yinye kuphela into ePhakade, futhi lowo uNkulunkulu. Ngaphambi kokuba kubekhona iatomu, noma ama-elethron, noma ngaphambi kokuba kubekhona ukukhanya komhlaba nezulu, ama-elethron noma yini, WayenguNkulunkulu. UnguMdali.

¹⁹⁵ Futhi yileyondlela kuphela ongabangayo Phakade, ngukwemukela ukuPhila okuPhakade. Lelogama lesiGreki lapho, ngicabanga, iZoe. Akunjalo na? Zoe. Zoe. Futhike, lokho-lokho kuPhila, uNkulunkulu ukunika wena. Njengobaba, ubaba wakho, ekunika ukuphila kwakhe, ngesifungo so—somshado nomama; futhi yena, ngalokho, ukunika, i—injabulo yokunikeza, (ngibambeni) zokunikeza ukuphila endodaneni. Futhi yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo, ukunikeza injabulo iMpilo yaKhe endodaneni. Niyabo? Futhi-ke uba yingxene yaKhe, okuyi Zoe, iMpilo kaNkulunkulu uQobo. “Ngibanika ukuPhila okuPhakade.”

¹⁹⁶ “Ngibavuse, ngomhla wokuphela.” Yinye kuphela into e... UnokuPhila okuPhakade. Futhi lokho kuPhila okuPhakade

kuyawazi umzimba waKho, futhi kufanele kuze ngaphambili. Ukuthi kunga... Akunakwenzeka kukho ukuthi kulale lapho. NjengoMoya kaKristu ufukamela phezu komzimba, uMoya kaNkulunkulu phezu kukaKristu, ngalolosuku olukhulu, wawazi uyovuka futhi; kanjalo abangcwele emzimbeni wabo.

¹⁹⁷ Manje khumbulani. UJesu, ngenkathi Efa, Waya esihogweni. Isizathu, Wayefanele aye lapho; Wayeyisivikelo sesono. "Futhi Washumayela emphefumulweni esehogweni, engaphendukanga ekubekezeleni, ezinsukwini zikaNowa." Kunjalo na? Waya esihogweni futhi washumayela emiphefumulweni, imiphefumulo eyahlukaniswa kuNkulunkulu. *UkuFa* kuchaza "ukwehlukana." Futhi bahlukaniswe kuNkulunkulu, ayisoze ibuye ibuye futhi. Futhi uJesu wahamba ukuyofakaza ukuthi WayeNguye okwakhulunywa ngaye, i—Nzalo yowesifazane.

¹⁹⁸ Inzalo yenyoka enobuqili, niyabona ukuthi inzalo yenyoka enobuqili yenzeni na? Umphikukrsitu; ukushwibeka ekufeni, ukwehlukanisa, ihhashi elibomvu. INzalo yowesifazane, ukuPhila, kugcina ehhashini elimhlophe, uJesu Kristu. Niyabo? Kuyini na? Enye iphambene nenyе; inzalo yenyoka enobuqili iphambene neNzalo yowesifazane. Niyakuthola manje na? O, besingahlala kancanyana kulokho! Ngeke kubekuhle lokho na? Kodwa asihlale nalokhu.

15. Mfowethu Branham, ngabe umgibeli wehhashi elimhlophe, uPhawu lokuQala, kugcwaliswa abaseThesalonika besiBili, "isambulo somuntu wesono"?

¹⁹⁹ Yebo. Kunjalo. Lokho kuyakwenza. Lokho kulula. Lokho kuyakwenza. Lowo umuntu wesono. Umuntu ofanayo ulokhu eqhubeka, ezigaben, egibela eqhubeka aze agibele ihhashi eliphaphathekile elibizwa ngo "kuFa." UKristu wehla edabula, ukulungisiswa, ukungcwelisiswa, eya ehhashini elimhlophe, futhi lokho ilokho kuPhila, niyabo.

16. Kwenzekani emakholweni azelwe ngokusha asemahlelwani ehlukehlukene kodwa hhayi kuMlobokazi kaKristu na? Kwenzekani kubo na?

²⁰⁰ Awu, ngicabanga ukuthi sikuchazile lokho, esikhashaneni esedlule. Niyabo? Baya ekuHlushweni. Bangabafelukholo ekuHlushweni. Bayaqhamuka ekugcineni, emva kweminyaka eyiNkulungwane, ekwahlulelweni kwabo. Niyabo? Ngoba, iBhayibheli lasho ukuthi konke okuphilayo... "Bonke abafile abaphilanga kwaze kwaphela iminyaka eyiNkulungwane." Khona-ke kwabakhona uvuko, futhi-ke kufika ngaphambili bobabili, olungile nongalungile, futhi wahluelwa nguKristu noMlobokazi. Wafika emhlabeni nezinkulungwane eziyishumi eziphindwe kazinkulungwane eziyishumi zabangcwele baKhe. Kunjalo na? UMlobokazi waKhe.

²⁰¹ Ukwahlulela kwalungiselelwa. INcwadi yavulwa. IziNcwadi yavulwa. Futhi enye iNCwadi yavulwa, okwakuyiNcwadi yokuPhila. Wehlukanisa, kusukela lapho, izimbuzi ezimvini. Kunjalo na? Lokho akuhlangene nalutho noMlobokazi. Wayemi khona lapho ekwahlulelweni, neNkosikazi yakhe... iNKosikazi neNkosi, ndawonye. "Ufika nabaNgcwele baKhe; izinkulungwane eziyishumi ziphindwe kazinkulungwane zashumayela kuYe," umkaKhe. Khona-ke ukwahlulela kwalungiselelwa, kwase kuthi-ke imvu yehlukaniswa ezimbuzini. Niyakhumbula ngokunye ukuhlwa, mina ngiletha lokho kuzindla okuncane, ngakho nizokuqonda, ukuzindla kwekhawa bhoi na? Niyabo? Nakho lapho okhona.

²⁰² Qhabo, ba, labo yibona, i—i—ibandla, abantu osemahlelweni, ukuthi ba—bangamaKristu angoqobo, omukele uMlayezo futhi abasoze neze baWubone. Awusoze washumayelwa kubo. Futhi labo ezixukwini ezixutshiwe, Oshunyayelwa kubo, Uyohamba wedlule ngqo phezu kwamakhanda abo, ngaphandle uma igama labo laliseNcwadini yokuPhila yeWundlu. Ya. Kodwa bayoba abantu abahle.

²⁰³ Futhi bayovuswa futhi futhi banikwe ukuqulwa kwecala, futhi bahlulelwelo yilo impela iqembu elashumayela kubo. "Anazi yini abangcwele bayohlulela umhlaba na?" Bayoshunyayezwa, niyabo. Bayoshunyayezwa, ngabo impela abantu abafanayo abafakaza kubo ngoMlayezo, uku "Phuma kulo!" Niyabo? Ngiyethemba kuyakuchaza. Ngineminingi lapha, ukuthi...

17. Mfowethu Branham, ngabe ingelosi yesikhombisa, enomoya kaEliya, umuntu ofanayo njengoEliya wathunyelwa ezinkulungwaneni eziyikhulu namashumi amane-nane yamaJuda ngeminyaka emithathu nengxenye emva koHlwitho na? Abanye bethu baxovekile, kulokhu.

²⁰⁴ Qhabo. Akufani. Niyabo, amadoda amabili ehlukene. UElisha ofika ngesimo sikaEliya kwakungesiye uEliya. Futhi umoya kaEliya owafika phezu kwendoda ebizwa ngoJohane umBhaphathizi kwakungesiye uEliya. Futhi indoda yesithunywa sengelosi yesikhombisa, ekupheleni koNyaka waseLawodikeya, kungebe uEliya wangempela. Uyoba oweZizwe, kubantu bakhe.

²⁰⁵ UEliya uyo, noma umoya kaEliya khona-ke, engena e... futhi kubantu lapho, uyoba umJuda, niyabo, ngoba bathunyelwa kubantu babo. Leso isambulo sami. Isizathu ngi... Kuka Tommy Osborn, ngenkathi sikuxoxa lokho, lesosikhathi, uTommy nami, angikaze ngazi. Ngangikhulekela abagulayo nje.

²⁰⁶ Futhi ngafika phezulu lapho, futhi kwakukhona inenekazi elivelwa ezansi eTabernakele iFort Wayne Gospel, isithunywa senkolo emasimini akwelinye izwe. Ibele lakheayemakhulu kangako, lalidliwe umdlavaza. Futhi lalilapho ngqo endlini encane lapho esasivamise ukuhlala khona, phezu lapha

emgwaqeni ophahlwe izindlu noma imithi. Futhi ngakhulekela udade othandekayo. Futhi waphiliswa, futhi wabuyela ensimini. Futhi ngenkathi... Uqhamuka eAfrika. Futhi wayeshiye incwadi encane lapho, ezimishini.

²⁰⁷ Nga—ngacabanga, “Awu, izithunywa zenkolo zilungile.” Futhi ngi... angikaze nhlobo ngicabange kakhulu ngezithunywa zenkolo. Futhi ngakho ngacabanga, “Awu, bayisikhundla nje sikaNkulunkulu phandle lapho. Ngakho lokho yi... Lena indawo yami khona lapha, kuMgwaqo uEighth nePenn.” Ngakho nje ngangiqhubekela phambili ngakho konke engingakwenza.

²⁰⁸ Kodwa ngelinye ilanga, ngihlezi ekutadisheni, ngacosha leyoncwadi. Futhi yayinesithombe so—sohlanga lweNigro, ubaba omdadlana omdala, futhi wayenale ndingilizi nje encane emhlophe yezinwele. Futhi ngaphansi kwakubhalwe kanje, “Muntu omhlophe, muntu omhlophe, wayekuphi ubaba wakho na? Niyabo, sengimdalala manje futhi ngibuthuntu emqondweni, futhi angiqondi kahle hle. Uma bengimazile uJesu ngenkathi ngiseyinsizwa, bengiyoMthatha ngimuse kubantu bakithi.” Awu, ngakufunda.

²⁰⁹ Futhi iNto ethize nje yayiqhubeka ithi, “Funda futhi. Funda futhi.” Ngangilokhu ngiqhubeka ngifunda. O, ubenawo izikhathi. “Kufunde uphindaphinde. Kukhona okuthize phakathi lapho.”

²¹⁰ Njengaphezulu lapho ngalolosuku eGreen’s Mill, ngenkathi ngiphuma emgedeni. Beningeke ngakuqonda lokho, ukuthi abantu bebengakhuluma kanjani ngezilimi futhi bamemeze, futhi ngoMoya oNgcwele wangoqobo, futhi bebesalokhu bengumphikukristu. Ukhulume ngezilimi, bakhuluma ngezilimi ngoMoya oNgcwele wangoqobo, futhi besalokhu ungudeveli. Kunjalo. Ngingakufakazisa lokho kini. Yebo, ngokwempela. Futhi-ke qaphelani... ngenkathi bemi lapho.

²¹¹ Ngakho, izilimi azisibo ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele. Kungokunye kweziphiwo zikaMoya oNgcwele. Niyabo? Futhi udeveli angafanisa yonke into Anayo, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu nakho konke okunye.

Wathi, “Abanangi bayoza kimi ngalolosuku, futhi bathi, ‘Nkosi, angikhiphangang odeveli na? Angi...’” Lokho ukushumayela iVangeli. “Angiyenzanga imisebenzi emikhulu eGameni laKho, nazozonke izinto lapho na?” Ngiyothi, ‘SukanikiMi, nina benzi bokubi. Angizange ngize nginazi.’”

²¹² IBhayibheli lasho, ukuthi, “Imvula inela abalungile nabangalungile, okufanayo.” Futhi ugudluthukela ofanayo, umi ensimini kakolo lapho, ungajabula futhi umemeze, ngamanzi afanayo awela phezu kwawo, njengoba zombili sithunyelwe imvula. “Kodwa ngezithelo zabo niyabazi.” Lowo gudluthukela omncanyana omdala ungama phezulu lapho, futhi ngokujabule

nje futhi umemeza njengoba ungenza, nje njengokugcwala imvula efanayo ukolo oyikho.

²¹³ Nakho lapho okhona. Ngakho bangamemeza, bakhulumengezilimi, futhi balingise yonke into abayifunayo; ngalolosuku, babizwe, "Abenzi bokubi."

²¹⁴ Njengoba nganitshela, esikhashaneni esedlule, lalelani engikushoyo! Lalelisisan. Bukani phansi emuva, zihlolisiseni qobo lwenu ngeZwi futhi nibone ukuthi nikuphi.

²¹⁵ Nina besifazane onezinwele ezimfishane, makakhule. Niggoka izikhindi; zikhumuleni. Yenzisa okwenenekazi. Nina besilisa misalokhu nibhema osikilidi, futhi nigijimela emahholweni ephuli, kuyekeni. Anginandaba ukuthi uzisho kangakanani. Uma usalokhu ukuleyonhlangano, futhi uthi, "YiLokhu, futhi yiLokho," kungcono uyeke. Bukani emuva phansi, kuhlolisiseni ngeZwi. Nithola ukuqonda ngqo nga . . .

²¹⁶ Sifanele ukuthi siphile ngaphezu kwezinwele ezimfishane nakho konke. Lonyaka manje, sibuyela emuva eNtweni ethize manje, ukuthi uNkulunkulu wembula izimfihlakalo ezifihliliwe, ebezibekwe eNcwadini ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi labo abaqaphele kulezizinto ezincane, bayoKubamba kulezi ezinye izinto. Uma bengakwenzi, Kuyohamba phezu kwamakhanda abo, njengokuqhela kwempumalanga kwintshonalanga. Kuyo nje . . .

²¹⁷ Njengo Gidiyoni, ehlukanisa abantu bakhe. Kwakukhona izinkulungwane nezinkulungwane. UNkulunkulu wathi, "Lokho kuningi kakhulu. Behlukanise futhi." Ubanika esinye isivivinyo. Futhi, "Behlukanise futhi. Behlukanise futhi." Futhi kuqhubeke kwehle, waze waba nokuncane okugcwala isandla. Wathi, "Lelo yiqemba engifuna ukwenza umsebenzi." Yilokho impela okwenzenka.

²¹⁸ Abesifazane abangamaPentecostal (beya emuva naphambili) behlezi lapho, bezwa futhi bazi, ngeZwi, lokho kuyiphutha. Ucabanga ukuthi bayobhekana naKho na? Qhabo, mnumzane. Unyaka wonke, uma ngedlula, kunabanangi abaphungule izinwele kunanoma babekhona ngenkathi ngiqala.

²¹⁹ Wathi, "Lokho kufanele kukwenze . . . Ubufanele u . . ." Omunye wathi, "Ngani, Mfowethu Branham, abantu bacabanga ukuthi ungumprofethi." Manje, angisho ukuthi ngangingumprofethi. Akekho ongizwayo ngisho lokho. Kodwa ngizoshlo lokhu, ukuthi uma—uma wakwenza lokho, uma ucabanga . . . Wathi, "Awubafundisi ngani abantu ukwemukela uMoya oNgewe, futhi ukuthola kanjani *lokhu*, futhi ukuthi uzithola kanjani iziphiwo zikamoya ezinkulu nokusiza ibandla na?"

Ngingabafundisa kanjani ongwaqa uma bengeke ngisho balalele o ABC babo na? Kunjalo. Wenza lezizinto ezincane.

Yehlela lapha ekugcineni futhi ukuhlikihle kusuke, futhi uqale kahle. Amen. Kulungile.

²²⁰ Bengikhuluma ngani, empeleni na? Ake sibone. Beningaqondile ukusuka kuleso sihloko. Ngiyaxolisa, niyabo. Kulungile. “Abanye ba...abanye bethu baxovekile. Ngabe uEliya uyafana ne...” Ya, ehhe, kunjalo.

Qhabo. Lo Eliya ozoza kwabeZizwe, uyoba oweZizwe ogcotshwe ngalowomoya, ngoba uNkulunkulu wasebenzisa lowomoya ofanayo ukuletha abantu baKhe baphume enxushunxushwini ngasosonke isikhathi. Futhi kusebenzela injongo yaKhe kahle, ngakho Ufika kukho ngqo emuva phansi futhi. Ngoba, niyabo...

Isizathu, manje, uma Esebenzisa epholishwe kakhulu, efundile, lolo uhlobo oluyokubamba.

²²¹ Uletha umuntu okulukhuni ukwazi o ABC bakhe, futhi engakwazi ukuphimisela amazwi akhe kahle, futhi yonke into kanjalo; okuthize okudala kwasendle phandle ndawondawo, futhi Ewungenisa futhi ukusunduzele phansi ngqo kulabobantu abanomqondo osobala. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe kanye—Umhl.] Futhi bayakuthola, kanjalo. Bayakuthola, niyabo. Uma Kufika, futhi ukhololo...

²²² Njengoba uPawulu wathi, “Angifikanga kini ngemfundu epholishiwe, kodwa ngifikasi kini ngaMandla ovuko.” Kwathatha uNkulunkulu iminyaka emithathu nohhafu, ezansi eArabiya lapho, ukukushaya akususe kuye, imfundu yakhe. KwaMthatha—thatha iminyaka engamashumi amane ukukukhipha kuMose. Niyabo? Ngakho nakho lapho okhona. Yilokho...

Angisho ukuthi uNkulunkulu aka... Angesekeli khona ukungafundi manje, kodwa ngi—ngizama ukunitshela ukuthi akuthathi... Imfundu ayi...

²²³ Ukuhlakanipha kwalelizwe kuphambene. Imfundu ibe isithiyo esikhulu kunazonke iVangeli elike labanaso. Uma besingenayo imfundu, besingeke saba nazo lezizikhungo ezinkulu nezinto esinazo manje. Bekuyoba ngabantu, abanomqondo olula, oyolalela iZwi. Kodwa bapholishwe kakhulu futhi baba imfucumfucu, futhi baboshelwe phandle lapho, nokho, izinhlangano zabo, kuze kuthi bazohlala nayo. Yilokho kuphela. Bathatha kulowomoya. Sewake waze wamthatha owesifazane omuhle, egane owesilisa ophansi kakhulu na? Lowo owesilisa ophansi kakhulu uba owesilisa o—omuhle njengoba enjalo owesifazane, noma owesifazane uba phansi kakhulu njengoba enjalo owesilisa. Niyabo? Kunjalo.

²²⁴ Yingalesosizathu Athi, “Phumani kubo, uma sengilungela ukuthatha lolohlitho.” Ufanele ube nohlobo lokholo oluyokuya ngaphandle kwalapha.

18. Sasinini isivumelwano, sikaDanyeli 9:27, saqinisekiswa isonto na?

²²⁵ Ingxene ye yalo yaqinisekiswa, isivumelwano, ngenkathi uJesu Kristu esemhlaben ieshumayela kubaJuda. Akayanga nhlobo kwabeZizwe, nhlobo. Futhi Watshela abafundi baKhe, "Ningayi kwabeZizwe." Lokho kwakungokwamaJuda, kuperha. Niyabo? Futhi Washumayela iminyaka emithathu nohhafu. Lokho uhhafu wesonto leshumi nesikhombisa, manje, njengoba uDaniyeli wathi Uyokwenza.

²²⁶ Manje khumbulani, Wayebonakaliswe ngokugxilile eJuden. Kodwa amehlo awo aphuphuthekiswa, ukungenisa kulendawo yabeZizwe. Aniluboni uhlelo lonke na? Niyabo? Futhi Wazifakazisa Yena uqobo, umprofethi, wenza khona impela umprofethi abengakwenza, wabakhombisa isibonakaliso somprofethi. "Okungukuthi, iZwi lakho uqobo lathi, 'Uma umuntu ethi ungowomoya, noma umprofethi, bhekisisani akushoyo; futhi uma kwenzeka, nje kulokhu kwenzeka kuqhubeke, akusho, ngokuqhubekeyo.'"

²²⁷ Njengoba, ubuka eBhayibhelini, kwathi, "Ngqongqoza, kuzovulwa; funa, thola; cela, phiya." Manje, uma uzoqaphela, o "ngqongqozayo." Ngqongqoza nje uqhubeke. [UMfowethu Branham uqala ungqongqotha epulpiti kamashumi amabilianthathu—Umhl.] Hlala lapho ngqo. Njengomahluleli ongalungile, ubengemphendule owesifazane; wayelokhu nje engqongqotha emnyango wakhe. Eti, "Ngisesandleni saKho." [UMfowethu Branham uyayeka ukungqongqotha.] Hhayi ukufuna, uthi, "Nkosi, ngithanda ukuba nalokhu. Amen." Lokho akusikho. Hlala lapho ngqo uze ukuthole. Uyazi kuzofika. Ngakho, Wakwethembisa, ngakho nje hlala lapho ngqo uze ubambelele kukho. Niyabo?

Manje, manje, engxenyeni yokugcina, isonto leshumi nesikhombisa, ingxene yakho yokugcina iyoba ngesikhathi sesikhathi seNhupheko, emva koHlitho lweBandla. Khonake nansi iminyaka emithathu nohhafu lapha, ukuthi kuyoinisekiswa kubo futhi ngabaprofethi, niyabo, uMose noEliya, iSambulo 11. Manje ake sibone ukuthi kuyini lokhu:

19. Uma ungomunye wabaKhe abakhethiwego, uyokwenyuka kuMlobokazi na? (Yebo. Ehhe. Yebo, mnumzane. Lokho kulula.)

20. Mfowethu Branham, ubuqonde ukuthi izinkulungwane eziyisikhombisa abangakhothamanga kuBali, noma amakhulu ayisikhombisa na?

²²⁸ Izinkulungwane eziyisikhombisa, bengiqonde ukusho njalo. Ngithetheleleni ngalokho, niyabo. Nje i...Nje i—indlela yokukhuluma. Nje ngangi...

Njengoba, ngasho esikhashaneni esedlule. Ningiqaphelile mina ngimile lapha, ngathi, "Futhi—futhi bayafakaza, bebona

iWundlu . . .”? Niyabo? Niyabo? iWundlu lalisemhlabeni. Niyabo? “Befakaza, bebona uMoya kaNkulunkulu ufika phezu kweWundlu.”

²²⁹ Manje, lapho, kwathi, “Lo iNdodana yami ethandekayo, Engithokozile ngaYo.” Uyabo? Manje, lokho kubhaliwe ohlobweni lwangempela lwesi Greki, kwabekwa isenzo phambi kwensiza senzo. Kodwa niyaqaphela lapha, ngokwangempela kuyilokhu. Manje thatha nje iZwi, niyabo. IBhayibheli lithi, ekuhumusheni kukaJames oNgeweles lapha, “Lo iNdodana yaMi ethandekayo, Engithokozile ukuhlala.” Kodwa, empeleni, uma besingakusho njengoba sisho namhlanje, “Lo iNdodana yaMi ethandekayo, Engithokozile ukuhlala khona.” Ubungakuphenduphendula, niyabo. Niyabo? “Lo iNdodana yaMi ethandekayo, Engithokozile ukuhlala kuYo.” Niyabo? Manje, besingakusho namhlanje, “Lo iNdodana yaMi ethandekayo, Engithokozile ukuhlala khona.” Niyabo, igama elifanayo, nje kuphenduphendule. Niyabo?

²³⁰ Manje, yebo, ngangiqonde . . . Ngiyaxolisa, ngiyacela. Ngi . . . Futhi—futhi, bazalwane, nina eteyipini phandle lapho, futhi abangani, lalelani. Beningaqondile ukusho lokho kanjalo. Ngi—ngi—ningumfundisi weVangeli. Mina, izikhathi eziningi njengoba ngakushumayela lokho, bengazi ukuthi kwakuyizinkulungwane eziyisikhombisa. Kwenzekile nje ngathi amakhulu ayisikhombisa. Beningaqondile nje amakhulu ayisikhombisa. Bengiqonde, wena . . . Beningakufundanga nje emBhalweni. Kufikele nje emqondweni wami ngisakhulum, futhi nje ngithe amakhulu ayisikhombisa esikhundleni sezinkulungwane eziyisikhombisa. Ngiyawenza amaphutha ngasosonke isikhathi. Impela ngi—ngiyimfucumfucu, ngakho ngithetheleleni. Niyabo? Beningaqondile ukwenza lokho.

21. Ngabe uMlobokazi kaKristu, noMzimba kaKristu, uyafana na?

²³¹ Yebo, mnumzane! Niyabo? Manje, lapha, manje niyabo, angifuni ukuqala lokho, ngoba ngithola intsh- . . . ukushumayela intshumayelo kukho, niyabo. Kodwa ngeke ngakwenza lokho. Kodwa ngifuna ukunikhombisa. Ngenkathi uNkulunkulu enikeze uAdamu umlobokazi wakhe, ohlangothini lwakhe, wathi, “Uyinyama yenyama yami, nethambo lamathambo ami.” Kunjalo na?

²³² Ngenkathi uNkulunkulu enike uKristu uMlobokazi waKhe, uMoya unike inyama uMlobokazi, Washaywa, wagwazwa ohlangothini phansi kwenhliziyo yaKhe, namanzi, iGazi, noMoya, kwaphuma; lokho kuba “yinyama yenyama yaKhe, nethambo lamathambo aKhe.” Siyinyama namathambo; uMlobokazi uyoba yinyama namathambo kaKristu, impela. Bayi . . . Lowo nguMlobokazi waKhe.

22. Ngabe uMlobokazi kaKristu uyo...Ngabe uMlobokazi kaKristu uyoba nenkonzo ngaphambi koHlwitho na?

²³³ Impela. Yilokho okwenzekayo khona manje, niyabo, uMlobokazi kaKristu. Impela. UMLayezo wehora, niyabo, uMlobokazi kaKristu. Impela. Unabaphostoli, abaprofethi, abefundisi, abavangeli, nabelusi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lowo nguMlobokazi kaKristu. Impela. Unenkonzo, inkonzo enkulu, inkonzo yehora. Iyothobeka kakhulu.

²³⁴ Manje khumbulani. Bangaki ababelapha, ekuqaleni, ngenkathi ngi...NgeSonto eledlule, niyabo, niyakhumbula engashumayela ngakho na? Ukuzehlisa. O, ningakukhohlwa lokho. Ngizoma umzuzu, ukukwexwayisa lokho futhi. Khumbulani, uma uNkulunkulu ebikezela noma yini enkulu ezokwenzeka, abantu babuka kude kakhulu, ngokuhlakanipha kwabo, baze bageje lokho okwenzekayo. Uma uNkulunkulu esho noma yini ukuthi inkulu, izwe liyakuhleka. "Isixuku sezidomu!" Kunjalo.

Kodwa uma izwe elikhulu, futhi ibandla elikhulu eliphakeme, lathi, "Mfana, lokho kuyinkazimulo!" UNkulunkulu uthi, "Isixuku sezidomu!" Ngakho, niyabo, ufanele ubhekisise. Angikuqondile mhlawumbe ngaleyondlela, ngayo leyo ndlela impela, kodwa yileyondlela okungayo.

²³⁵ Bukani! Lapha kwakukhona elikhulu, ibandla elingcwele loMthetho, "Siyalazi iZwi. Sinezikole. Sinamakholiji. Sinomuntu wethu opholishwe kakhulu! Ngani, amakhulu eminyaka besithembekile kuJehova. SiyiBandla. Siyinkantolo enkulu yaseSanhedrin. SinemiKhandlu wamaBandla lapha. Bobabili abaFarisi nabaSadusi, nawo onke amahlelo, ahlangana ndawonye," njengoba sithola. Niyabo? "Sonke simunye, u—uMkhandlu webandla. Singabafo abakhulu lapha. Siyawazi lowomBhalo. Uyini lo omncane, umfo oyimfundu ongafundile ezansi lapho emfuleni, netshebe elengayo ebusweni bakhe, nesiqephu sesikhumba semvu, esitshela?" Impela, bangeke baWulalele.

²³⁶ Kodwa iBhayibheli lathi, kuMalaki 4 isa...noma isahluko 3, "Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukuNgilungisela indlela." Iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili lapho, uJohane...O, umprofethi omkhulu kaIsaya wama lapho, futhi wathi, "Kuyoba nePhimbo lomemezayo ehlane, 'Lungisani indlela yeNkosi, futhi niqondise indlela yaYo.'" Kunjalo. Futhi wathi...futhi uDav...O, abanangi babo! Wathi, "Yonke indawo ephakemeyo iyothotshiswa."

²³⁷ O, bathi, "Kuyobakhona i...Uma lomuntu efika, uyokhomba umunwe wakhe, futhi uyoosusa izintaba. O, futhi zonke izindawo eziphansi, imigodi, ziyophakanyiswa. Khona-

ke konke, lokho yizindawo ezimahhadlahhadla, ziyokwenziwa bushelelezi. Mfowethu, siyotshala ummbila kuyoyonke insimu kuzungeze lapha. Futhi, o, sizokwenza izinto ezinkulu uma lowomuntu efika.” Niyabo?

²³⁸ Babelindele uNkulunkulu ukuthi akhrenke futhi akuvule, ehlise iphasiji, ethi, “Yehla, wena manduleli omkhulu kaMesiya waMi.” Bese-ke kuthi nje angahamba, bese lidonswa emuva, futhi inkonzo yakhe isiyedlule. Bese belikhrenka lehle futhi, futhi libekwe phansi lapha eduze kwekhholiji, futhi bathi, “Kulungile, Ndodana yaMi ethandekayo, yehla futhi ubatshele.” Niyabo? O, he!

²³⁹ Bukani, ngenkathi eza edlula. Noma yini eyenzekayo na? Nakhu kufika umuntu owayengazi zikole zabo. Wayengenalo ngisho ikhadi lenhlanganyelo. O! Wayengenazo izincwadi ezimchazayo. Qhabo. Akekho owayazi ukuthi wake waya esikoleni usuku empilweni yakhe. Ubungeke ngisho ukusho ngokukhuluma kwakhe. Wayengakhulumi ngisho emagameni so...yezobufundisi. Wayekhulumi ngezinyoka, izimbazo, nehlane, ne—ne—nezinto ezinjalo, niyabo, izihlahla. Wayengakhulumi ngamagama obufundisi abekiwe osuku, noma lolusuku noma yiluphi olunye usuku.

²⁴⁰ Ufika “esihlahleni esincane,” njengoba sikubiza lapha eIndiana. Uqhamuka emahlathini ndawondawo. Wayengashefile ngisho, futhi izinwele zimile ekhanda lakhe. Angicabangi ukuthi wayeke wageza; kanye njalo ezinyangeni ezimbili noma ezintathu. Kunjalo. Akaze awaqoke amaphijamu ebusuku. Akakaze agibele moto. Wayengakaze awaxubhe amazinyo akhe. O, he! Umfo owayenje pho! Impela ngeke.

²⁴¹ Nangu efika, ehla kanzima edabula ehlane, kanjalo, wathi, “Ngiyiphimbo lomemeza ehlane. Lungisani indlela yeNkosi, futhi niqondise indlela yaYo!”

²⁴² Abanye bothisha bama futhi bathi, “Mh! Uthi, mfo, unayo eyakho...Ngeke sabambisana nawe kulomkhankaso. Lapha, ngeke sakwenza lokhu. Awu, liphi elakho—liphi elakho ikhadi na? Iphi inkomba yakho na?” Wavele akangabanaka. Wayenomlayezo, ngakho wavele nje waqhubecka nawo, niyabo, eshumayela ngokufanayo nje.

²⁴³ Bathi, “Ngani, linda! Awu, uma sehlela ezansi lapho, sizothatha umbhishobhi simehlise, namhlanje, futhi sibone ukuthi uthini ngakho. Sizokwehlela lapho uma sazi. Lezo izinhloko zebandla. Futhi siyazi ukuthi uzofanele akuqonde lokho. Uma engokaNkulunkulu, uzobaqonda ababhishobhi bethu.”

²⁴⁴ Wababeka bonke ezansi lapho ohlwini, futhi bama phandle lapho, izikhulu.

²⁴⁵ Wathi, “Nina nzalo yezinyoka! Nina zinyoka otshanini!” Okhololo bephendukezelwe, no, “baba abangcwele,” nokunye

nokunye. “Ubani onibonise ukubalekela intukuthelo ezayo na? Niyazi ihora lenu selifikile. Ningacabangi ukuthi... Nithi, ‘Awu, singaba *lokhu, lokho.*’ Ngicianitshela, uNkulunkulu engimkhonzayo angavusela Abrahama abantwana kulamatshe.” O, he!

²⁴⁶ Manje uzothatha okungapha nangapha kwakhe, enkulumeni yobufundisi. “Ngithi imbazo ibekiwe ezimpandeni zomuthi! Ngakho-ke wonke umuthi ongatheli isithelo esihle uyagawulwa futhi uphoswe emlilweni! O, impela ngizonibhaphathiza ngamanzi, kukho ukuphenduka, kodwa Uza emva kwami. Inyanga iyophenduka igazi! Futhi, o, he, Uzakushanelisa izibuya zaKhe! Futhi Uyothatha a-amakhoba futhi uzakuwashisa ngomlilo ongacimekiyo, futhi Uzakuwathatha amabele awayise enqolobaneni. Uzakwehlukanisa ukhula nokolo.” O, he! Umlayezo onje pho!

²⁴⁷ Bathi, “Lomfo? Ehhe! Ubezothini, kwaku—kwaku—kwakusikhathi sini na? O, ukungazi! Sinomuntu phezulu lapha, uMfowethu Jones. Ungumfo uzokwenza lokho, uma kukhona noma ubani kulonyaka. Ubhishobhi *uSibani-bani* uzokwenza; uBaba oNgewelete *Sibani-bani.*” O, he! Niyabo?

UNkulunkulu ebululeni, niyabo, esebenza ebululeni.

²⁴⁸ Khona-ke, into yokuqala niyazi, umi lapho ngolunye usuku, futhi wathi, “Yebo, Umi phakathi kwenu!” Wayeqiniseke kakhulu wayeyilowomgijimi. Wayezazi ukuthi wayengubani. Yingalesizathu wayengathintitha isikhumba siphumele kubo. Wathi, “Manje, ningaqhaqhaqazeli, kodwa nje qhubekani futhi niqhubekele phambili. Nina mabutho, lalelani izinduna zenu. Futhi uma nenze noma yibuphi ububi, thatha lokho...”

²⁴⁹ “Siyakwenzenjani na? Singayeka ukwenza *lokhu* na? Singama yini ukwenza *lokhu* na?”

²⁵⁰ Wathi, “Nje qhubeka njengoba wenza. Qhubekela phambili. Qhubekela phambili. Qhubeka. Uma utshala amazambane, atshale. Niyabo? Nina mabutho, ningenzi-dlame. Futhi—futhi wenza lokhu. Futhi noma yini oyenzayo, nje qhubeka njengoba wenza. Lalelani izinduna zenu, nokunye nokunye.”

“Rabi, sifanele senzenjani na?”

²⁵¹ “Nje qhubeka njengoba wenza, niyabo. Kodwa kukhona Oyedwa phakathi kwenu, eningamazi.” Wakwazi lokho, ihora lomlayezo wakhe. Wayazi wayefanele ethule lowoMuntu. Wayazi ukuthi Wayelapho. “Oyedwa phakathi kwenu! AniMboni. Izinto ziyaqhubeka, awazi lutho ngakho.” Futhi ngakho, khona-ke, “Kukhona—kukhona into ezokwenzeka,” wathi, “niyabo, futhi Uzoba lapha. Futhi ngizoMazi.”

²⁵² Futhi ekugcineni, ngolunye usuku, wathi, “Bhekani, naNgo! Nanto iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe!” Wathi, “Futhi isikhathi sami sesiphelile manje. Nginethulile kuYe.

Ngifanele nginciphe manje. Ngifanele ngiphume enkundleni. Uzothatha kusuka lapha.”

“Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sizoba khona, kusuka nje, niyabo, futhi i—isikhathi sesifikile.” Khona-ke nxa Eza, ngenkathi . . .

²⁵³ Ngisho uJohane wathi, “Uzo, o, Ukuzofihla ikhoba. Uzo—Uzokwehlukanisa ukolo e—ekhobeni, futhi Uzolishisa. Futhi Uzokushanelisisa isibuya saKhe, futhi imbenge yaKhe yokwela isesandleni saKhe!” Kodwa Wayeyini na? Encane, intwana . . .

²⁵⁴ Manje, babenakho konke kodonsiwe, “O, muntu! Uyoba nomkhonto oyofika ebuden'i bemayela. Uyoma emuva ngapha ePalestina, nje ukuma phezulu lapho futhi nje . . . kwelinye lalamafu amhlophe, futhi athathe lamaRoma, kanje, futhi baphoswe esihogweni. Nje qhubeka wenze kanjalo, niyabo, Aze abathole bonke.” Ngani, babenakho konke lokho kulungisiwe.

Futhi ngenkathi linjalo, iWundlu elincane lifika lihamba phakathi kwabo, limnene futhi lithobile, liphushwa lisiwa *ngapha nangapho*.

²⁵⁵ Ngisho uJohane washo. Manje bukani uJohane, umprofethi; wathi, “Hambani niMbuze. Ngabe UnguYe ngempela na?” Ethobe kakhulu, waze lowo mprofethi wamgeja. Wathi, “Ngabe NguYe, noma sibheke omunye na?”

²⁵⁶ Manje, Akamnikanga incwadi yabafundi, ku—kuMathewu 11. Woza futhi uMbuze, ngenkathi abafundi bakaJohane . . .

UJohane wayesejele. Ngakho wayeqotho kakhulu waze wa . . . Ngikholwa ukuthi kwakunguPember wathi, “Iso lakhe lokhozi laba nomthuqu, ezansi lapho,” niyabo. Ubenga . . . Wa—wayehlile emhlabeni; wayekade ephezulu emoyeni. Kodwa ngenkathi isiprofetho sakhe sesedlule, wawela emhlabathini futhi, niyabo, ngoba, wafakwa ejele, niyabo. Wayengesenamsebenzi wamaphiko amakhulu futhi, ngakho wavele nje walala phansi lapho. Kodwa wandiza phezulu kunabobonke.

²⁵⁷ Ake nginikhombise into ethize. UNkulunkulu wamsebenzisa. Futhi uJesu wayazi, niyabo, ngoba wayengu—wayenguNkulunkulu ongene kumuntu lapho. Niyabo? Waye . . . Ngakho, Wa—Washo lapho, Wathi . . .

Manje, Akazange amnike incwadi yokuthi aziphathe kanjani ejele; Uthi, “Manje awulinde umzuzu. Ngizobhala inkulomo elotshiwe ngendaba ethile lapha, futhi kuthathe ukubuyisele emuva futhi tshela uJohane ukuthi aziphathe kanjani uma esejele, ngenxa yaMi.” Niyabo? Qhabo, Akazange akusho lokho.

²⁵⁸ Akashongo ukuthi, “Hamba utshele uJohane ukuthi ufanele abe neziyu ze Ph.D. ngaphambi kokuba aphume.” Niyabo? Uma eyokwenza, wayeyoba ekade eneningi labo; wayengabangolahliwe.

UJohane wayeqotho futhi wabuza umbuzo.

²⁵⁹ Futhi Wathi, “Nje linda kuze kwedlule umhlangano, beseke nikhombise uJohane okwenzekile, khona-ke uzokwazi. Uma umtshela okwenzekayo, khona-ke uzokwazi.” Niyabo? Niyabo? “Nje hamba maka... Mtshele. Mtshele ukuthi... Usejеле futhi bekungeke kuba lapha. Kodwa—kodwa uhlezi emhlanganweni, futhi uyakubona okwenzekile. Hamba umtshela.”

Ngakho, khona-ke, abafundi bathi, “Kuhle kakhulu, Nkosi.”

²⁶⁰ Base benyukela egqumeni. UJesu ehlezi kulelidwala, nje babhekisiseni baze bawele ngale futhi benyukela phezulu ngale egqumeni.

²⁶¹ Waphendukela ebandleni, wathi, “Naphuma ukuyobona bani—bani, ngesikhathi sikaJohane na?” Niyabo? Wathi, “Naphuma ukuyobonani na? Naphuma ukuyobona umuntu onokhololo wakhe ophendukezelwe, nezingubo ezinofonofo, nopholishwe kakhulu futhi ofunde kakhulu. Yilolohlobo lomuntu enaphumela ukuyolubona na?” Wathi, “Qhabo. Niyabazi ukuthi banhloboni na? Banga izingane, futhi, niyazi, basebenza ezigodlwani zamakhosi. Ba, lolo—lolo akusilo uhlobo lukaJohane.”

²⁶² “Awu,” wathi, “khona-ke, nahambelani na? Ukubona umuntu onikezwe inkonzo futhi oyohhukana ngqo nenhlangano, noma into enjengalokho na? Untengentengiswa nawo wonke... Khona-ke, uma i—uma abakaMunye bengamfuni, uzohamba nabakaMthathu emunye na? Futhi uma abakaMthathu emunye bengamfuni, uzohamba nechurch of God, nomaphi na? Yilolohlobo lomuntu enaphuma ukuyolubona, luntengentengiswa nanoma yimuphi umhlanga na? O, qhabo. Hhayi uJohane.”

²⁶³ Wathi, “Khona-ke naphuma ukuyobonani na? Umprofethi na?” Wathi, “Futhi ngithi lokho kulungile. Kodwa ngizonitshela into ethize eningayazi; wayengaphezu komprofethi. Wayengaphezulu. Uma ungakwemukela, yilowo okwakubhalwe ngaye, eBhayibhelini, niyabo, emuva lapho, umBhalo, ‘Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi,’ uMalaki 3, niyabo, ‘futhi siyakulungisa indlela phambi kwaMi.’” Niyabo?

²⁶⁴ Futhi abaqondanga. Ngisho abafundi abakutholanga, niyabo. Kunjalo. O, he! Ubulula! Thobani, niyabo. Yehlela ezansi ngqo... Ngenkathi uNkulunkulu ethembisa into enkulu, niyabo, kukhulu ekuboneni kwaKhe.

²⁶⁵ Manje, uma nifuna ukukugcina njalo lokhu kule nqondo, ngifuna nina ni... Kugcineni lokhu enqondweni. Futhi ngenkathi lokhu kwenzeka, khona-ke ningakushintsha. Finyelelani phansi futhi nicoshe enye yalezizimbali ezincane zasentwasahlobo ezayo kulonyaka, noma tholani umucu wotshani ojwayelekile futhi kubambeni esandleni senu, futhi nithi, “Ngizobamba lokhu manje, futhi nibone leyonto, kalula

kakhulu, kwenze *lokhu*. Futhi ngifuna ukubona ingqondo, engathumela umcibisholo ovuthayo enyangeni, wenze umucu wotshani.” Uzoba nakho njalo. Ungaphumula lapho uqinisekile kulokho. Uyoba nakho njalo. Niyabo? Umucu wotshani unokuphila kuwo, niyabo. Kulula kakhulu futhi kuthobile.

²⁶⁶ Niyabo, uma umuntu engumuntu omkhulu, kulungile, kodwa uma emkhulu ngokwanele ukuthi angabalula, niyabo. Uyomthola uNkulunkulu. Kodwa uma engabilula, akasoze aMbome. Ngakho ufanele ubelula. Manje ivesi . . .

23. ESambulweni, ivesi 5:9, obani laba abatholakala becula—becula ngenkathi iWundlu lithatha iNcwadi e—e . . . thatha iNcwadi na? Ngabe laba a—abangcwele abahlwithiwe na?

²⁶⁷ Qhabo. ISambulo 6 . . . 5:9, njalo. Qhabo. Uma uqaphelisisa, laba akusibo abangcwele. Bane . . . Akakayithathi neze impahla yaKhe okwamanje. Niyabo? Lokhu akusibo abangcwele. Uma uqaphela, bangamalunga neZilo, futhi bayacula.

²⁶⁸ Asikufunde, ngakho lowomuntu . . . Futhi khona-ke ngizozama . . . Nginohhafu wedazini ngaphezulu lapha, futhi ngicabanga ukuthi ngizoba nayo emzuzwini embalwa. Ake sibone. ISambulo 5:9. Manje asifunde nje okuncanyana ngaphambili. Ngakho, umuntu, manje, uthembekile ngalokhu, futhi bafuna ukwazi. Bhekisisani.

Kuthe seliyithabathile—thabathile incwadi, izidalwa ezine namalunga angamashumi amabili nane awaphansi phambi kweWundlu, kuyilelo nalelo linehabhu, . . . izitsha zegolide zigcwele impepho, eyimikhuleko yabangcwele.

Ahlabelela igama elisha, (niyabo, niyabo,) ethi, Ufanele wena ukuyithabatha incwadi, nokuvula Yona, (niyabo,) . . . wasihlenga . . .

Futhi . . . senza ababusi nabapristi . . .

²⁶⁹ Lelo yiQemba laseZulwini, abakahlelengwa okwamanje. Kulungile, manje.

Mfowethu Branham, uma bonke a . . .

Manje umzuzu nje. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] Ngiqagele, ini . . . Ngixoleleni.

Mfowethu Branham, uma—uma bonke abamesabayo uNkulunkulu, (ya), abamesabayo uNkulunkulu bayothathwa benyuswe oHlwithweni, uyoba kuphi uEliya no . . . noMose uyoqhamuka kuphi na?

²⁷⁰ Kukhona okungalungile. Kukhona okungalungile. Yilokho nje konke okukhona kukho. Kukhona—kukhona okuthize okwenzekile. Niyabo? Kukhona okuhambe ngokungalungile ndawondawo. Wonke umuntu uzizwa kahle na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akukho . . . Akukho kugula, noma yini na?

[Umfowethu uthi ebandleni, “Funda ivesi 9 futhi, eSambulweni 5.”] Ake sibone, iSambulo...Bekukuphi, mfowethu na? [“5.”] 5. [“5.”]

O, umbuzo! O, umbuzo engiwuphendulile nje. Manje ake sibone. “Wena...” Indawo okuyiyona yona:

Kuthe seliyi ovu-...incwadi, izidalwa ezine namalunga angamashumi amabili nane awaphansi phambi kweWundlu, kuyilelo nalelo line habhu, nezitsha zegolide zigcwele imphepho, eyimikhuleko yabangcweli.

Ahlabelela igama elisha, ethi, Ufanele wena ukuyithabatha incwadi, nokuvula uphawu zayo: ngokuba wa...wahlatshwa, futhi...

Nakhu lapha! Nakhu lapha! Benginephutha kulokho. Niyabo?

...wabahlenga uNkulunkulu ngegazi...abavela kuyo yonke iminden...

²⁷¹ Kunjalo. Manje, ucabangani ngalokho na? O, uma uBukhona bukaMoya oNgewelete bungekho lapha, ini? Ubengeke avumele...Niyabo, ngifunde kuphela ingxenye yokuqala yevesi. Niyabo, ku-ku nje i ver-...noma okuthize kwabhalwa lapha, futhi bengizama ukuqedza, ngibuka ewashini. Kodwa niyaMbona engimisa kulokho na? Udumo! Niyabo, angikaze ngiyifunde enye ingxenye yalokho. Niyabo, nginakho lapha, “Futhi...” Bukani lapha, “Futhi a-futhi ahlabelela igama elisha,” futhi ngimile, niyabo. Kodwa, bukan lapha, “Igama alihlabelela, ethi, ‘Wasihlenga esivila kuyo yonke iminden, ulimi, nesizwe.’” Impela, yibo. He! O, he! O, he! Niyakubona na? Futhi, ngandlela thize, kukhona omunye umbuzo phansi lapha, futhi.

24. Ubunga (c-o-n-t-r-o-...) lawula lezo ezinikiwe...Awu, lawula “lezozingubo ezinde ezimhlophe abazinikiwe,” zeSambulo 6:11, nga “labo abahlanze izingubo zabo ezinde eGazini leWundlu na?”

²⁷² Manje ake sibone, iSambulo 6. Angeke nje ngashesha kulokhu, bantu, njengalokhu lapha, niyabo, ngoba kuzo... Ngizophendula okuthize okuyiphutha. Manje, Akafunanga—Akafunanga ngikwenze lokho. Lelo yiqaqiso, ngakho ngisizeni. UMoya oNgewelete kaNkulunkulu uyazi lokho iqiniso. Niyabo? Nje ngi...Kukhona okuthize nje...ngi—ngikubukile nje...Bengibuka iwashi, ligamenxe eleshumi-nanye, futhi ngacabanga, “Uma ngingasheshisi manje, ngeke ngifinyelele ekhulekeleni abagulayo.” Futhi ngizama ukufinyelela kulokho. Ngoba ngi...Futhi umqondo waMi kakhulu u...Angeke ngi...

²⁷³ Niyakhumbula, ufanele uqonde manje, ngi—ngingumuntu, niyabo. Futhi ngi—ngibelapho phakathi izinsuku

eziyisikhombisa, futhi okwami... Futhi nginokuthize nokho, kulentambama, ngifanele ngithole kuNkulunkulu.

²⁷⁴ Kodwa, Wazimisela kakhulu ukuthi bengingeke ngilenze iphutha, bangibizile emuva ukuba ngifunde lonke lelovesi. Nje ngi... Ngezwa nje sengathi iNto ethize nje yaginqikela phezu kwami lapho, futhi kwathi, “Buyela emuva! Buyela emuva!”

Ngicabangile, “Buyela emuva? Ini? Ngime khona manje futhi ngiqale ukhulekela abagulayo na? Kodwa kuyi—kuyini na? Ngenzeni na?”

Futhi nje ngiqalile ukufinyelela kulokho, omunye uthe, “Funda ivesi futhi.” Futhi ngilifundile futhi. Futhi lapho, ekugcineni kwalombuzo, kwakulapho, niyabo, “ISambulo 6.”

²⁷⁵ Niyabo, ngifundile okokuqala. Lokho kuzwakala njengakho, ukuqala, niyabo, “Futhi bahlabelela igama elisha.”

Kodwa ezansi lapha, niyabona bekuyini na? Okulandelayo, kwehle njalo, “Usihlengile.” Impela, kwakunguMlobokazi, abangcweli abahlwithiwe. “Unga...” Futhi lapha, ngokuqinisekileyo, i—iWundlu lalineNcwadi esandleni saLo. Usevele usishiyile isiHlalo sobukhosu somusa olamulayo. Niyabo? Niyabo ukuthi uMoya oNgewelete ukubhekisisa kanjani lokho na? Isizathu, impela, leyo into efanayo engayisho ngobunye ubusuku.

²⁷⁶ Ngenkathi Ekade ekhulume nami endlini, futhi ngehlela lapha futhi ngashumayela kini nonke, ukuthi, “Ngenkathi iWundlu lishiya indawo.” O, he! Manje ngiyakholwa nje sizovele sitthathe indikimba. Niyabo, “iWundlu lalishiyi isihlalo saLo futhi leza ngaphambili,” niyabo, njengoba ngangenyukile lapho ngenkathi Ekhona, lokho kuKhanya, okunguKristu; ngenkathi Ekhona, kwashiwo. Ngenkathi iWundlu lishiya lesosihlalo soBukhosu, libanguMlamuleli, Liba lapha, futhi uSuku lokuHlengwa lweBandla luphelile.

²⁷⁷ Ukuhlengwa okulandelayo kuvuliwe, okwamaJuda, ikhulu namashumi amane-nane ezinkulungwane. Kunjalo na? Isizathu Wethembisa Uyonquma umuthi, niyazi.

²⁷⁸ Manje, lapha, manje nangu Ephuma, iWundlu, bese-ke kuba uSuku lokuHlengwa luphelile. Futhi bonke lowo ozohlengwa, usevele uhlengiwe futhi wafakwa eNewadini, futhi Liphandle lapha livula iNcwadi. Kunjalo!

²⁷⁹ O, ngiyaKubonga, Nkosi. Niyabo? Thethelela inceku yaKho enokwethuka izama ukugijimela entweni ethize.

Manje, ubungabavumela “labo abanikwe izingubo ezinde ezimhlophe,” eSambulweni 6:11...

²⁸⁰ Manje ake sibone, 6:11. Kulungile. Sikuphi kulokhu manje na? “Izingubo ezinde ezimhlophe,” ya, lokho uku—kubethelwa, phansi kwe altare. A—amaJuda, phakathi kwalessikhathi, “Banikwa izingubo ezinde ezimhlophe.”

... ngo “labo abahlanze izingubo zabo eGazini leWundlu,” seSambulo 7:14?

²⁸¹ Qhabo. Manje, lokho kwehlukile, ngokwenele impela. Isizathu, niyabo, lapha, siyathola *lapha*, ukuthi “laba banikwa izingubo ezinde ezimhlophe,” ngapha kulesisikhathi. “Banikwa izingubo ezinde ezimhlophe,” bona uqobo, ngomusa. Futhi laba *lapha*, “Bahlanze izingubo zabo ezinde eGazini leWundlu,” futhi ngale eSambulweni ngapha, lokhu yilokhu “isixuku esikhulu esiza phambi kukaNkulunkulu, bayo yonke iminden, izilimi, nezizwe.” Futhi *laba* baqonde ngqo kubafelukholo, amaJuda, niyabo. Manje, manje lokho kulungile, manje.

25. Mfowethu Branham, uma bonke abanokumesaba uNkulunkulu baHlwithwa, bayovelaphi oEliya noMose na? Bayoba amaJuda na? Noma uEliya wethu uyo, esinikwe, si—sibenabo na?

²⁸² Qhabo. O—oweZizwe oyogcotshwa ngalomoya, ukubiza abaZizwe baphume, uyoosuswa. Isizathu, niyabo, iBandla lonke, lonke, lithathiwe lenyuswa. Futhi lababaprofethi ababili, be—besahluko 11, ueyhliswa. Futhi usuku lomusa lugcine ngabeZizwe, futhi uthunyelwe kubaJuda. Qhabo, ngeke kube umuntu ofanayo. Manje, ngi—ngiqinisekile impela ngalokho. Manje khumbula, lokhu ngokungcono nje okwedlula lonke ulwazi lwami.

Akesibone ukuthi yini lena, kuthi lapha. Umbuzo, “Ngabe ukolo newayini . . .” O, “Ngabe . . .” U-k-o-l-o. Qhabo, ngiqagele ku—kuchaza, “Ngabe i . . .” Akunaye u “ini” lapho. Nje kuthi:

26. Ngabe iyini newayini, noma ukolo newayini, yini i . . . kweSambulo 6:6 na?

Ake sibone ukuthi yini lena, uma ngehlela ezansi lapha manje, khona lapha.

Ngase njizwa kungathi izwi phakathi kwezidalwa ezine lithi, Imbenge kakolweni ngodenariyu, nembenge zebhali ngodenariyu; . . . uyabo lokho ungakoni iwayini ne . . . amafutha.

²⁸³ Ngiqagele lokhu kuchaza “ukolo newayini.” Lokhu bekuyikho, kokunye.

Njalo, ngabe uphawu, iwayini elithathwa etafuleni lesidlo, seSamb— . . . kwabaseKorinte bokuQala 11:24 na?

²⁸⁴ “Ngabe iwayini—iwayini . . .” Qhabo. Okunye kwakho uphawu lokomoya, niyabo. Futhi okunye ngokuyikho i—isambulo seZwi.

27. Ngabe kungalesosizathu ukuthi abanangi bayagula, ngoba asiwahlukanisanga uMzimba weNkosi na? (Kulungile!) . . . kodwa manje kwembulwa ngokuvula uPhawu lwestiThupha na?

²⁸⁵ Manje, ake sibone. Ake ngibone nje uma ngingakuthola lokho manje. Akusuwe; yimi. Awuzange...Ukubhale kahle; yimina nje.

Ngabe kungalesosizathu ukuthi abanangi bayagula, ngoba asiwahlukanisi uMzimba weNkosi na? (Lowo unophawu lombuzo, ekugcineni kwawo.)

²⁸⁶ Awu, umBhalo uthi, ukuthi, "Abanangi bayagula futhi babuthakathaka phakathi kwenu, ngenxa yokwehlukanisa uMzimba weNkosi." Kunjalo impela. Ngoba, niyabo, uMzimba weNkosi uMlobokazi. Futhi abanangi babo bayasuka, futhi abahambi naWo. Yiqiniso lelo. Niyabo, abazi ukuthi baziphathe kanjani. Uphila noma yiluphi uhlobo lwempilo; futhi thatha isidlo nezinto. Lokho akulungile. Niyabo? Uma abantu bethatha isidlo, lawo manga nokuntshontsha nokuphuza, futhi, lokho—lokho—lokho kubi kakhulu. Awufanele ukwenze lokho. Niyabo?

...kodwa manje kwembulwe ngokukuvulwa koPhawu lwesiThupha na?

²⁸⁷ "Ukuvulwa koPhawu lwesiThupha." Asibone manje. Qhabo. Manje, uyathola, uPhawu lwesiThupha luvulwa lapha, kwakungamaJuda. Niyabo, i—iBandla selihambile. Lesi yisikhathi seNhlpheko, ngakho bekungeke kufane. Qhabo. Qhabo. Akunjalo.

²⁸⁸ Okunye kwakho iwayini lokomoya, leso isambulo seZwi, khona-ke i—ikholwa liba ngelivuselewa amandla ngesambulo seZwi. Futhi okunye uphawu lweGazi likaJesu, lokho okuthathwa etafuleni leNkosi. Manje, lokho ukwazi kwami okwedlula konke kwakho.

28. Ngabe labo abangamiselwanga ngaphambili bayoyamukela yini iNkosi na? Uma beyemukela, ngabe bayowa na?

Qhabo uma bamiselwa ngaphambili. Qhabo. Niyabo, ngeke bawe.

29. Uphi umBhalo okhombisa ukuthi u...ukuthi ubuKatolika buyodukisa amaJuda futhi buthathe ingcebo yawo na?

²⁸⁹ Manje, "Nje kuphi lapho okusho ukuthi—ukuthi—ukuthi isilo siyodukisa ngenxa yengcebo na?" Akusho lokho. Kodwa siyacabangela ukuthi lokho kwaku...Manje, ngobunye ubusuku, niyakhumbula. Nibuke iteyipu eduze kakhulu. Akushongo nhlobo ukuthi yilokho abayokwenza. Ngathi... Niyabo, amaKatolika iqembu elicebe kunawo onke emhlabeni. Akukho-muntu onjengabو. Futhi abangenakho, amaJuda anakho konke.

²⁹⁰ Zilapho-ke ezomnotho walelizwe manje...Siphila manje emalini enentela, ngokwe *Lifeline*, lokho kuphumile ezinteleni (lokho kuvela ngqo eWashington, DC) ezokhokhwa eminyakeni engamashumi amane kusukela namhlanje. Yilokho esikusebenzisayo manje. Lokho kukhombisa ukuthi sisemuva

kangakanani, ukunikeza imali engamaphepha, niyabo, ezinteleni eziyokhokhwa eminyakeni engamashumi amane kusuka manje. Isizwe simpofu. Siphelile.

²⁹¹ Manje, uCastro, into kuphela enomqondo ake ayenza, kwakungenkathi enza imalimbumbulu futhi wakhokha imali engamaphepha, ibhondi, futhi wayishisa, futhi—futhi washintsha imali. Yileyonto kuphela ayengayenza.

Futhi yinye kuphela into esalele le United States ukuba iyenze. Manje khumbulani, lona uWilliam Branham, niyabo, okhulumayo. Lona umbono wami. Kuphela ngukucabangela, ukukubuka nje ngokubuka ngokwemvelo, okungaqhela ngezigidi zamamayela. Ngiyakukholwa lokho khona lapho, kuleyomali... “Uthando lwemali impande yakho konke okubi.” Futhi ngiyakholwa ukuthi ngokuhambisanyo phakathi lapho kuzoqala ukuginqa ibhola.

²⁹² Manje, ibandla eliKatolika emuva lapho, ngokubiza imisa, nokunye nokunye, libambe ingcebo yomhlaba. Niyakhumbula, iBhayibheli lathi, “Lalicebile,” futhi lalinjalo. Futhi, khumbula, hhayi nje isizwe esisodwa kuphela. Licebile kunaso sonke isizwe phansi kweZulu. Lifinyelela ngaphandle. Linemali. Manje, abangenakho, iWall Street inakho, elawulwa amaJuda.

²⁹³ Manje, futhi niyakhumbula, wayenemali ngenkathi uJakobe ebuya (izolo ebusuku sitholile) futhi uba nguIsrayeli. Wayenemali ngempela. Kodwa imali yakhe ngeke yamthengela lutho, niyabo, kuEsawu. UEsawu wayenayo, naye. Niyabo, bobabili bephikisana, futhi—futhi okukodwa... Niyabo, kuphelele nje.

²⁹⁴ Manje bhekisisani lapha. Ngathi bangahle bafune ukuhlanganisa ndawonye imali, futhi a—futhi amandla eRoma athatha amandla eJuda, nawemali, ukwephula isivumelwano. Lokho kungahle kungabi njalo. Niyabo, ngiyazi bayokwephula, kodwa a—angazi ukuthi sizathu sini, ngoba akwembuliwe kimi ngalokho abayokwenza.

²⁹⁵ Kodwa buka. Manje, uma namhlanje, manje kanjani uma namhlanje, into kuphela esingayenza, kuyoba ukwenza na? Uma sikhapha izintela (uma leyonkulumo-mbiko iqinisile) sizikhapha emalini, sikhapha emalini yentela iminyaka engamashumi amane ukusuka manje, niyabo, igolide lethu li... Sesivele silisebenzisile. Sesimpofu. Asisenamali. Futhi siphila kuphela ngodumo olwedlule.

²⁹⁶ Yilokho ibandla elikwenzayo namhlanje, ibandla; hhayi uMlobokazi. Ibandla liphila ngodumo olwedlule libuyele emuva phansi kwenkonzo yesikhathi sengonyama. “SiyiBandla! SiyiBandla elingumama! Siqalile...” Kunjalo. Niyabo? Kuphila ngodumo!

²⁹⁷ IMethodisti iphila ngodumo lwabo. IBaptisti iphila ngodumo lwabo. Futhi iPentekoste iphila ngokwabo. “Udumo

kuNkulunkulu! Esikhathini eside esedlule, ngenkathi abangcweli babevamise ukusina eMoyeni, futhi ukuthi kanjani...INkosi yenza *lokhu nalokho*.” Lokho, lokho into edlule. “Sonke sibakhulu manje, mflowethu.” O, he! Niyabo? Lonke udumo olwedlule!

²⁹⁸ Lesisizwe siphila—siphila ngodumo oselwedlule salokho ababeyikho obabamkhulu, niyabo, futhi kungalesosizathu sicabanga ukuthi siyosindiswa. UNkulunkulu akamhloniphanga uIsrayeli ngalokho ade beyikho, ababeyikho; ababeyikho ngaleyonkathi! Qaphelani.

²⁹⁹ Kodwa, manje, nakhu engikucabangayo, e—engicabanga ukuthi kuyokwenza. Manje, kungahle kungabi njalo. Ngiyaholwa isikhathi sizofika lapho siyophoqwa ukwenza ukukhipha. Futhi ngenkathi kuyoba, ukuthi, esikhundleni sethu sokushintsha imali...Lokho bekungenzani kuPhilip Morris na? Lokho bekungenzani e—ezinkampanini zikagologo na? Lokho bekungenzani embonini yensimbi na? Lokho bekungenzani kwezokudayiselana na? Lokho bekuyokwenzani na? Bekuyobephula. Bebeyoba mpofu. Kodwa, uma, “Singayibileka leyomali.” Niyabona ukuthi uhlakaniphe kanjani na?

³⁰⁰ Bese-ke isizwe sidayisela ibandla. Bese-ke ibandla nohulumeni kuhlangene futhi, futhi naso sifika. Niyabo? Yilokho. Qaphelani. Kulungile. Manje, kulokhu:

30. Uma oyedwa esenhlanganwenibambisene nohulumeni wethu, noma akhulumo ukuphoqeleta kwenhlizyo yayo uqobo, noma eQinisweni losuku-lokugcina, ngabe iyonikwa igama njengenye ye “zifebe” na?

³⁰¹ Asibone. “Uma enye enhlanganweni ebambisene i...” Awu, niyabo, inhlangano ibambisene; i—inhlango, inikezwe amalungelo nguhulumeni, ukukhuluma. Niyabo, lokho akuhlanganise lutho nenhlizyo zayo. Niyabo? Manje, uma iyikholwa langempela, futhi izelwe ngoMoya kaNkulunkulu, ngesinye isikhathi noma enye izohlolisiswa. Niyabo? Ngeke kubesobala kangako futhi-ke yona ingakuboni.

³⁰² Manje, ngifuna nina...Niyabo, uyafuna ukukhumbula lokhu, mngane, ukuthi uNkulunkulu—uNkulunkulu akakwenzi nhlobo, noma wakwenza noma ngasiphi isikhathi, njengoba ngingakhumbula, niyabo, kodwa ini...

³⁰³ Buka, uJesu waye yi—wayeyinotti eligqamile lakho konke, ngoba WayenguNkulunkulu, uEmanuweli, enziwe inyama. Manje, buka lo—loMfo, uJesu. Ngenkathi...Ubuwazi, ngenkathi Efika emhlabeni, kwakungekho, ngiqagele, okukodwa eshumini kwezwe okwazi ukuthi Wayelapha na?

Uyazi, ngenkathi lowo manduleli efika, ngenkathi zonke “izintaba,” futhi izinto beziyokwenzeka, kwakungekho abantu

abayikhulu ngesibalo bakwaIsrayeli, ngiqagele, owake wakwazi na? Akuxakile lokho na?

³⁰⁴ Ngani, babengamaJuda nezinto, nabantu kuwo wonke umhlaba wonke. Manje, khumbula, uJesu wafikela ukuba ngufakazi, njengoMsindisi wezwe. Kunjalo na? Ngani, babengabantu nje, emva kwabantu, emva kwabantu, emva kwezinhlanga, emva kwabantu, abangakaze bazi lutho ngakho. KwaqhubeKA, njengezwe alikaze lazi lutho ngakho; kodwa, sonke isikhathi, okwakuqhubeKA ezweni. Niyabo?

³⁰⁵ Akabavumelanga ngani bakwazi na? Wafika, futhi labo ababemiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade kwakuyilabo abaMemukelayo. Kwakungekho lutho o—okuhle ukusho noma yini kubonke, ngoba Ubengeke abahlenge, ngoba babengahlengeki. Kwakungani, ngenkathi labobapristi bemile lapho na? Ngenkathi, Efanele afike endawaneni ngoba abamiselwa ngaphambili babekwa phandle phakathi lapho, kuzungenze, ngakho Ufanele ashumayele kubo njengeqembu.

³⁰⁶ Futhi izazi ezinkulu ezazifanele ziMazi, kwathi, “Lomuntu unguBelzabube. Ngeke saba naloMuntu abuse phezu kwethu, nokunye nokunye, niyabo. Ngeke sikwenze.”

Kodwa isifebe esidadlana esincane, sinokuPhila kuso, simiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, futhi igama laso alifi eZwini likaNkulunkulu lapha. Wenyukela lapho, futhi, okuqala ngqa lokho kuKhanya kwashaya leyombewu encane, masinyane sakwazi. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.]

³⁰⁷ Buka, umdobi omdala uyafika wedlula lapho. NaNgo wayemi lapho, enza izibonakaliso nezimangaliso, futhi—futhi etshela abantu abehlukene izimfihlo zezinhliziyo zabo, futhi ezeMbula yena qobo.

Futhi, he, kwakukhona abaFarisi bemile lapho, futhi bathi, “LoMuntu uBelzabube.” Babefanele baphendule ebandleni labo.

³⁰⁸ Bonke bemile bezungezile, “Dr. Jones, uzokwehlela ezansi futhi ulalele loMuntu na? U—Ubonakala sengathi Uyakwazi Akhulumu ngakho. Akakhulumi njengabantu abejwayelekile.”

³⁰⁹ “NgizoMuzwa.” Wehlela ezansi lapho, niyabo. Ya, uNkulunkulu—uNkulunkulu ubengeke angene kuye.

Futhi nango Emile ezansi lapho, futhi Wathi . . .

Bathi, “Manje buka lapho. Buka lapho. Nakho kuza umuntu lapho. Nango oyedwa wabafundi baKhe. Nakho kunyuka umuntu manje. Manje, igama lalomfo, uAndreya. Uyakhumbula. O, uyabakhumbula abadobi abadala—abadala ezansi lapha na? Yibo. Ya, nango—ngango uSimoni, umfowabo. Niyabo? Futhi lona nga—lona ngabantwana bakajona. Manje lapho ba . . . Buka, u—uletha othize kuYe. Ubani na? Ya, bona ukuthi

Uzokwenzani manje. Ungo—ungolandelayo phezulu lapho.” Futhi uyenyuka.

Futhi Wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.”

³¹⁰ “LoMuntu unguBelzabube! Niyabo, Unohlobo oluthize lomoya kuYe. UNGuMfo oyinqaba. Niyabo? Ngokuqondile, ningalaleli nonke lutho olunjalo, niyabo. Sukani lapho. Angisoze ngaya nakowodwa waleyomihlangano, nhlobo, niyabo. Kothi nje masinya lento ingaphela, sizophuma lapha. Asisoze saphuma, ngokuzungeza lapha futhi.” Niyabo? Ngani na? Manje, yilokho akucabangayo, futhi nokho wayefanele abenguye. Buka, bona impela Afika kubo yibo abaMbethela. Niyabo?

³¹¹ Kodwa kwakukhona isifebe esincane ukuthi wonke umuntu wayesikhahlelile wasikhipha! Angivumeli ubufebe. Qhabo, impela! Kodwa ngnikhombisa iMbewu eyamiselwa ngaphambili.

³¹² Awubuke lomfo lapha, lomdobi omdala, ubengakwazi u... IBhayibheli lathi wayengafundile. Kunjalo na? Hhayi lokho kuphela, kodwa wayengazi lutho. Manje, lokho kuyiqiniso noma iphutha na? O, uma besingathola ukungazi lutho kokuningi kwalezizinto lezi esicabanga ukuthi siyazazi. Niyabo? Kulungile. Niyabo, wayeyikho kokubili engazi lutho futhi engafundile. Futhi-ke wenyukela phezulu lapho eBukhoneni beNkosi uJesu, futhi Wamtshela ukuthi wayengubani. Khona lapho kwakuxazulula.

³¹³ Manje, yini impikiswano ngalokhu kulomunye umfo na? “Awu, buka, uyakukholwa. Buka ukuthi ubani. Uyazi ukuthi ubani. Awu, lomuntu akaze...Ngani—ngani, ungumdobi. Ngani, akabazi o ABC bakhe. Ngathenga inhlanzi kuye; ubengakwazi ngisho ukungisayinela irisidi. Lokho, niyabo, yilolohlobo lwento! Yilolohlobo lwabantu olulalela into enjaLo.” Ayibongwe iNkosi. Amen. Niyabo? “Ngani—ngani, aka...Buka uyise; wayengazi lutho. Akabasanga ngisho esikoleni.” Kodwa yiLowo amusa esikoleni; wafundisa ngendlela Ayemfuna ngayo.

³¹⁴ Angesekeli ukungayi esikoleni, manje. Ngiyethembra niyaqonda. Kodwa kukhona uhlobo, niyabo, okutholayo kulokho. Yilolohlobo, futhi isizathu kuhamba ngaphezu kwabo.

³¹⁵ Futhi uyazi ukuthini? Hhayi oyedwa...Ngizo, ngithi akukho okukodwa kokuthathu kwawo onke amaJuda ezweni okwake wazi utho ngokuza kwaKhe. Futhi—futhi, khonake, oyedwa—oyedwa kwabahlanu koqedwa kwabathathu abaMlalelayo. Futhi, khonake, oyedwa kwabayikhulu woyedwa kwabangamashumi amahlanu abaKwemukelayo. Uyazi ukuthi Wayenabangaki. Wayenabayishumi nambili ababemi esiphambanweni, kusosonke isixhuku. Baphi bonke abanye na? Niyabo? Abangamashumi ayisikhombisa bahamba.

³¹⁶ Manje, Esaphilisa abagulayo, futhi nje ehlela ezansi, engasho lutho ngeMfundiso yaKhe; Wavele nje waqhubekela phambili, ephilisa abagulalyo futhi yonke into. O, he! Lokho, lowo kwakunguMoya kaNkulunkulu kuYe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngenkathi Ephilisa abagulayo, kuyamangalisa! “Lowo uRabi omkhulu. Uthi, nonke bazalwane, benifanele nonke nibe naYe ebandleni lenu. Mfana, ukhulumu ngamandla, lowoMfo wayengabaphilisa ngempela abagulayo! Benifanele nibone. Unesiphiwo sokuphilisa.”

³¹⁷ Awu, kusobala, bazoba nokulingisa kulokho. Nampa beza behambisana, ngoba iqembu ngalinye lifanele libe nomuntu walo uqobo.

Nangu Eza. Futhi-ke, into yokuqala niyazi, ngolunye usuku Wahlala phansi.

“O, impela, Rabi, sizohamba naWe.”

³¹⁸ “Kulungile, hhalani phansi. Asambeni.” Kulungile, wathuma abangamashumi ayisikhombisa, nokunye nokunye.

Khona-ke ngolunye usuku, emva kokwenziwa kwesimangaliso esikhulu, Uhlala phansi futhi uqala ukubatshela iZwi, niyabo. “Ekuqaleni kokumemeza kwe...” Kulungile. Uqala ukubatshela iZwi, iQiniso.

Bathi, “A, manje, awume umzuzu! Mh! Angazi nga*Lokhu*.” Kuphambene nemfundiso yabo. Uthi, “Awu, ngiyazi sishiye isinagogo nayoyonke into enjalo, kodwa mhlawumbe be—besinephutha, bazalwane. Kungcono sibuyelete emuva, isizathu lowoMuntu ukhulumu ngezindida. Uwuhlobo loMfo oyinqaba. Angikuqodi *Lokho*.” Niyabo? Kwakuyini na? Imbewu yayingamiselwanga ngaphambili kwase kuqaleni.

³¹⁹ Khona-ke, into yokuqala uyazi, Uneqembu elincane eliphathelene nobufundisi, futhi ukhulumu kubefundisi. Bathi, “A! Mh! Kungcono sibuyelete emuva, nathi, futhi sibuyelete emuva futhi singene enhlanganweni, sithathe amaphepha ethu futhi, niyabo. Isizathu, loMfo, ngani, ubani ongaqonda uMuntu onjalo na? Usho *lokhu* lapha, futhi Usho *lokhu* ngapha. A!”

³²⁰ Abanye babo abaKuqondanga kanjalo. Wayekhombisa izindida kwabanye babo, kodwa hhayi kwabanye.

Ngakho bahamba. Khona-ke Waphenduka futhi wabuka abayishumi nambili bemi lapho. Wathi, “Nifuna ukuhamba, nani na?” Niyabo?

³²¹ Manje bhekisisani. UPetru wathi, “Niyazi ukuthini na? Ngethamela leyondawo endala ezansi lapho sonke lesosikhathi. Beningaya kuphi ezwени na? Ngingayaphi na? Beningaya—ngingayaphi na? Emva kokwenza umsebenzi lapha... Futhi ngeke ngisaya kulowomqomo kadoti futhi, lapho yonke inhlobo yebhakede lamanzi angcolile ezwе elele kulo. Niyabo? Ngi—ngi... Beningaya kuphi na? A—angeke nje ngakwenza.”

³²² Wathi, “Khona-ke, kulungile, woza, sihambisane.” Manje, nakho lapho okhona. Niyabo? Kwakunjani lokho, khona-ke na? Abayishumi nambili cishe ezigidini ezimbili nengxenye. Futhi uMsindisi wezwe, ezigidigidi, nokho othobile, niyabo. Hlala uthobe nje. Bhekisia.

Manje, nabobonke labobaFarisi; futhi lesosifebe esincane senyukela lapho. Sathi, “Uthi, Ufanele ube nguMprofethi! Manje, siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi uma Efika Uzokwenza lokho.”

Wathi, “NginguYe.”

³²³ Sathi, “Yilokho,” futhi sasuka sahamba. Uzama ukummisa kanye na? Ubungeke ukwenze.

31. Mfowethu Branham, ngiyakubingeleta eGameni leNkosi uJesu. Ngiyacela uchaze umuntu, kuMathewu 22:11, umuntu owayengayigqokile ingubo yomshado, engayigqokile ingubo yomshado. Ngiyazi lomuntu ube—bengeke angene eZulwini engayigqokile ingubo yomshado. Lesi kwakuyisivakashi, ngiyazi, hhayi uMlobokazi.

³²⁴ Yebo, kunjalo. Ubeyoba i... Ya, wavele nje wanyelela wangena. Niyabo? Manje buka. Manje, ngi... Bekungathatha inkonzo yonke kulokho.

Manje nginemizuzu eyishumi, ukukhulekela abagulayo futhi nqiqede lena. Futhi nginengxenye eyodwa yayo eseeyenziwe, nqiqagele. Qaphelani. Kodwa ngi—ngizosheshisa, kulungile, impela ngokwenele, emva kwalona. Niyabo?

³²⁵ Nakhu okwenzekayo, uma uwazi amasiko asempumalanga. Niyabo? Uma umkhennyana ekhipha izimemo zomshado wakhe, ukhipha nje eziningi izimemo. Futhi kusosonke isimemo asithumelayo, ubenomlindi-mnyango omile emnyango, ukwembathisa ingubo ende kuye. Noma wayempofu, noma ngabe wayeyini, wayene...uma wayeceble noma wayempofu, noma ngabe kwakuyini, yena, bonke, bafanele bagqoke lengubo yomshado.

³²⁶ Ngenkathi bemi emnyango, bamgqokisa lena, yayimboza lokho ingaphandle lakhe eliyikho. Umenyiwe, noma unguusoqidigidi noma noma ungmfokazana, noma unguylimi, isimba-mgodi, noma ngabe uyini, noma isicebi esibusayo, u—ulapha embethe ingubo ende manje. Ngoba, ingubo ende igqokiswe yena emnyango, ngenkathi engena emnyango.

³²⁷ Manje, thatha uJohane oNgewe 10, ngikholwa ukuthi nguye, Wathi, “Ngiwumnyango.” Niyabo? “Ngiwumnyango ongena...ongena ngawo.” Manje nango emi emnyango, futhi nangu uMuntu ukumgqokisa ingubo ende, uMoya oNgewe, ukumnika ingubo ende yokulunga uma engena.

³²⁸ Manje, lomuntu wayengene ngenhlangano ethize, ngemuva efasteleni ngapha, imbobo ethize yokunyelela. Futhi wangena

etafuleni futhi wahlala phansi. Futhi ngenkathi uMkhwenyan eghamuka futhi uyabukabuka, wayeyi... yena... *Lawa kwakukade kungamadada ayinqaba, ngaphambili, manje uyidada eliyinqaba.* Niyabo? "Wenzani lapha kanjalo, ungenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele nazozonke lezizinto na? Ungene kanjani lapha na?" Awu, ungena ndawana thize ngaphandle komnyango. Futhi ufika ngaphandle kwesimemo esiqondile. Niyabo? Ufika ngenqubo ethize yemfundo, niyabo, noma into enjengalokho. Wangena.

³²⁹ Futhi Wathi kubo, "Mbopheni, izandla nezinyawo; nimphose phandle lapha, ebumnyameni obungaphandle, lapho kuyobakhona ukukhala kakhulu, futhi ukukhala, nokugedla kwamazinyo." Niyabo? Waya esikhathini seNhlupheko. Niyabo? Akangenanga ngomnyango. Ngakho, kulungile. Umbuzo:

32. Ngabe uEliya kaMalaki 4 nguEliya ofanayo oshiwo eSambulweni 11:3 na? Futhi omunye wofakazi se-... Ngabe abanye ofakazi ababili abantu abehlukene ngamunye, abehlukene na?

³³⁰ Yebo. UEliya kaMalaki 4 ungeke abe uEliya kaMalaki 3. Sedlulile kulokho, izolo ebusuku. "Futhi ngabe omunye ufakazi wehlukile, ababili babo na?" Yebo, mnumzane, uMose noEliya; esambulweni sethu. Manje, angifuni ukunibamba isikhathi eside lapha.

33. AmaKhosi okuQala 19, Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi inombolo yabangakhothamanga ngamadolol kwaku se-...

³³¹ Ya, kunjalo. Amakhulu ayisikhombisa esikhundleni sa... Ngiyabonga. Kulungile. Kwakungamakhulu ayisikhombisa esikhundleni sezinkulungwane eyisikhombisa... "Mfowethu Branham..." Izinkulungwane eziyisikhombisa esikhundleni samakhulu ayisikhombisa. Manje, niyakubona lokho na?

³³² Niyazi, ngempela, uma umuntu eza kanjalo, u-ukushumayela... Ngifuna ukunibuza into ethize, manje, ngakho nizoqonda.

Ngenkathi uEliya eghamuka ehlane, wayenomlayezo owodwa. Wayeqqishazela ephuma kulelohlane, futhi efika ehla ngqo futhi watshela leyonkosi, "Amazolo awayikwehla evela ezulwini ngize ngiwabize." Lelo amazwi ayenawo. Futhi wagqishazela wabuyela khona ngqo emuva, futhi akashongo lutho kunoma ubani. Niyabo?

³³³ Ngenkathi enomunye umlayezo, ufika ehla ngqo futhi washo lomlayezo. Futhi aphendukele emuva ngqo, wabuyela emuva phandle ehlane. Niyabo?

³³⁴ Manje, uma nizobhekisia, ngenkathi ngibeka itshe legumbi phansi kwalelotabernakele, Wathi, "Yenza umsebenzi wobuvangeli." Futhi manje ihora liyeza ngenkathi lowomsebenzi

wehlukanisa. Kukhona into eyenzekayo. Khona-ke ngi ngakho... Niyabo, ngiyangena lapha futhi ngizama ukwenza ubuvangeli nokunye okuthize, futhi uyabona ukuthi ukuphi na? Niyabo? U... O, ngi—ngilindele ibandla ukuba libe ngelikamoya ngokwanele ukuqonda.

34. Mfowethu Branham, ngiyaqonda ukuthi uElisha ufanele abe kathathu. Usitshela ukuthi usebekabili vele, futhi uzofika futhi. Manje, ngabe lomuntu, ukuthi umoya kaElisha uyoba phezu, futhi uyoba ofakazi ababili bakaMose noElisha ngapho na?

³³⁵ Qhabo. Qhabo. Uyoba ngoweZizwe, niyabo, eBandleni labeZizwe. UNkulunkulu uthumela, njalo, kubantu bakhe, niyabo. “Wafika kwabaKhe uQobo; abaKhe uQobo abameMukelanga.” Uhlala njalo ethumela owaKhe, uMlayezo wehora.

³³⁶ Ngenkathi uNkulunkulu esebeznana namaJuda, kwakungekho baprofethi beZizwe abafikayo. Uma uNkulunkulu esebeznana nabeZizwe, akukho baprofethi beJuda. Uma uNkulunkulu ebuyela emuva emaJudeni, akuyikubakhona baprofethi beZizwe. Niyabo? Niyabo ukuthi ngiqondeni na? Kulungile.

Emva kokuba uHlwitho selwenzekile...

³³⁷ Manje, kuyobakhona isikhathi esiqhubekayo, kusobala, omunye uMlayezo uqhubekela komunye. Ufanele ufike ngokuyikho kanjena, niyabo, njengoba ngikuchazile lokho, niyabo; njengoPawulu kwabeZizwe, nokunye nokunye. Kulungile.

35. Emva kokuba uHlwitho selwenzekile, ngabe noma yiliphi ibandla liyosindiswa ekugcineni, elingathathwanga oHlwithweni na?

³³⁸ Qhabo. Ehhe. Isizathu, iGazi selisukile. Uyabo, akusekho kunxusela. Unyaka wabeZizwe uphelile. Akekho oyosindiswa emva koHlwitho, noma akukho bandla, ehhe, ibandla. “Ongcolile, akangcole njalo; ongcwele, abengcwele njalo.” Niyabo? Ngeke kwenzeke, niyabo, hhayi emva kokuba iBandla selihambile.

36. Mfowethu Branham, ngikuqaphelile, ukukhomba kwakho emasontweni angamashumi ayisikhombisa kaDaniyeli ngoMlayezo woPhawu lokuQala. Ngiyaqonda, kuDaniyeli, eteyipini kaDaniyeli, ngenkathi iVangeli liphendukela kubaJuda, amasonto angamashumi ayisikhombisa ayoqala. Ngabe kukhona okukodwa kokungamashumi ayisikhombisa... isonto elilodwa, iminyaka eyisikhombisa, esalele amajuda na? Noma, nokho, ngabe likhona iviki elilodwa ngengxenye, unyaka owodwa kokuthathu nengxenye obasalele na?

³³⁹ Isonto elilodwa nengxenye kuphela. UJesu waprofetha, isonto elinguuhafu lokuqala, njengoba kwabikezelwa. Isonto elilodwa nengxenye kuphela elibasalele.

Mfowethu Branham, selokhu ungabakhulekelanga abagulayo phakathi nesonto, unga...? (Lokho isicelo salokho nje.)

Mfowethu Branham, ungangibona emva kwenko-...na? (Lokho isicelo, niyabo, lapho.)

37. **Ungachaza yini ngoSathane eboshwe iminyaka eyinkulungwane, futhi wadedelwa ngempi—impi yeSambulo 20:8 na? Kunabudlelwane buni lokhu neMpí yaseHarmagedoni njengoba kuphathwe oPhawini IweSine na? Ngabe uGogi noMagogi bayobuthana ndawonye ngabantu abavela emhlabeni omusha na?**

³⁴⁰ Awu, lona ngomude, futhi ngi—ngizofanele ngithinte indawo yawo, niyabo. Manje, into yokuqala, “Uyo...” Manje, mhlawumbe angeke ngikuchaze lokho. Ngizokwenza okuhle ukwedlula konke okwami.

Ungachaza ukuthi uSathane uboshwa kanjani iminyaka eyinkulungwane, aze adedelelwé futhi impi yeSambulo 20:8 na?

³⁴¹ Leyo akusiyó iMpí yaseHarmagedoni. IMpi yaseHarmagedoni yenzeka ngakuloluhlangothi, niyabo, kulungile, uma isikhathi seNhlupheko sesiphelele.

Manje, lokhu kunabuhlobo buni neMpí kaGogi noMagogi na?

³⁴² Akukho. Enye ileminyaka eyinkulungwane, futhi omunye ukuphela kwe—ukuphela kweminyaka eyinkulungwane.

...njengoba kuphathwe oPhawini IweSine na? Ngabe uGogi futhi—ngabe uGogi noMagogi bayohlanganiswa abantu abavela emhlabeni omusha na?

³⁴³ USathane wadedelwa waphuma etilongweni lakhe, futhi wahamba ukuhlanganissa abantu bonke, ababi, ukubaletha kulendawo. Futhi uNkulunkulu wanisa umlilo nesibabuli sivela ezulwini, futhi babhujiswa, niyabo. Izimpi ezimbili, ndawonye. Umbuzo:

38. **Maqondana nezigidzi ezingamashumi ayisithuphanesishiyagalombili ezanqunywa yibandla lamaRoma aKatólika, kwenzeka ngasiphi isikhathi emlandweni na? Futhi kusemva kwasikhathi eside kangakanani lokhu kwenzeka na?**

³⁴⁴ Thatha *iGlorias Reformation* kaSchmucker. Ngiqagele abanye balezizifundiswa banakho lokho. Futhi kungumlando webandla. Futhi ngiyakhohlwa manje nje ukuthi kukuliphi ikhasi, kodwa kwenzeka ngesikhathi so—so...into yavezwa,

noma kwanikwa ebandleni, ngoAugastine oNgcwele wase Hippo, eAfrika. Lokho kwakungu 354 A.D.. Futhi kwahlala kwaze kwaba ngu 1850, isibhicongo saseIreland, niyabo. Ngakho lesosikhathi sisuka ku 33 A.D. noma 30 A.D....354. Ake ngilungise lokho, manje, niyabo. Kusuka ku A.D. 3-5-4 kuya—kuya ku 1-8-5-0 A.D., 1850, ngokomlando, kwakukhona amaProtestani ayizigidi ezingamashumi ayisithupha nesishiyagalombili afayo, okubhalwe kweyabafelukholo baseRoma, ngokuphikisana nopapa waseRoma. Lowo umlando. Uma ufunu ukuthi kuyiphutha, awu, khona-ke, mhlawumbe uGeorge Washington wayengekho lapha, noma uLincoln. Niyazi, akekho owethu owaphila emuva ukukubona. Kodwa ngikholwa ukuthi babe lapha, noma kanjani. Ngibona izimpawu ukuthi babelapha.

39. Mfowethu Branham, isahluko 19 sika... nevesi lama 18, “Nokho ngizigcinele izinkulungwane eziyisikhombisa zikaIsrayeli, izinkulungwane eziyisikhombisa kuIsrayeli, bonke abawakhothamisanga awabo...bakhothama kaBalimu, nawo wonk’umlomo...noma—noma bakhothama kuBali, futhi wonke...okungukuthi okungamanganga, umlomo ongamanganga.” Ngicela ungichazele lokhu, nga—ngamakhulu ayisikhombisa.

³⁴⁵ Kwakuyizinkulungwane eziyisikhombisa. Niyabo? Futhi lokho, “ukwanga uBali,” awazi...Bangaki lapha owayeyiKatolika ekuqaleni na? Impela. Niyabo? Nanga izithixo. Niyabona?

³⁴⁶ Futhi, khumbula, esikhathini sasseBabiloni noNebukadinesari, ngenkathi umbuso wabeZizwe ukhishwa, niyabo; ngenkathi umbuso wabeziZwe ukhishwa, kungena ngokukhonza umuntu. UNebukadinesari wenza isithombe somuntu. Futhi uma unomqondo wokomoya, manje lalelani lesisambulo. Lowo moyo, lowomuntu wenze isambulo so, noma wenze isithixo so, ngesambulo sakhe, kwakunguDanyeli, umuntu okholwayo ekhonzw. Niyakubo? Ngoba, wasetha ngoBeliteshasari, kwakungesikho na? Noma, uBeliteshasari, okwakuyigama likankulunkulu wakhe. Futhi wenza isithixo salowonkulunkulu, okwakuyisithixo sikaDaniyeli. Futhi uDaniyeli wala ukukhothama esithixhwensi sakhe uqobo. Niyabo? Niyabo?

³⁴⁷ Futhi nakhu futhi, niyabo. Manje bhekisisani. Umbuso wabeZizwe wakhishwa, ngezinsuku zaseBabiloni, yiNkosi uNebukadinesari; inkosi yabeZizwe, ukubeka ibandla nohulumeni ndawonye, ngokuthatha esigcwele isi-...noma isithixo somuntu ongcwele, futhi kuphoqwa ukukhonza kuso. Umbuso wabeZizwe uphela ezinyaweni, nesandla esilobayo odongeni, ngamandla epolitiki lelo elihlangene nohulumeni ndawonye; ukuphoqa ukwanga izithixo futhi, niyabo, into efanayo, isithixo somuntu ongcwele. Impela.

- 40. Mfowethu Branham, uma loluHlwitho lwenzeka—uma uHlwitho lwenzeka, ngabe izingane ezincane ezingakwazi okuhle kokubi ziyoya oHlwithweni na?**

Uma amagama azo eseNcwadini. Ya. Kunjalo. Niyabo? Kulungile.

- 41. Mfowethu Branham, uthe izolo ebusuku ukuthi i... kwakukhona abantu abangamakhulu ayisikhombisa ukuba basindiswe, bayosindiswa phansi kokushumayela kukaEliya. Uqonde isikhombisa thou...na?**

³⁴⁸ Ya. Kunjalo. Ngicela ungithelele ngalokho, niyabo. Kulungile, niyabo, ngikwenzile.

Mfowethu Branham, ungahumusha...Emva kokuba wena uvula...Mfowethu Branham, ngabe i—i (d-e-s-p-e-...) isikhathi... .

Ngiyaxolisa. “Ngabe i despen-...” Manje, akusuwe. Yimi, niyabo.

- 42. Ngabe isikhathi somusa siyophela, emva kokuba usuwembule uPhawu lwesiKhombisa na?**

³⁴⁹ Angethembi kanjalo. Qhabo. Qhabo. Bangane, ningakufaki lokho emqondweni wenu manje, niyabo. Vele uqhubeke nje. Gubha amazambane, futhi yiya esontweni, futhi kuqhubeke. Uma kwenzeka ekuseni, uzotholakala wenza nje lokho impela obufanele ukwenze. Unga—ungaqla... .

³⁵⁰ Niyabo, uma wenza, usonteka yona impela into e—enhlosweni yokuhlosiwe. Uthola imicabango emincane engejwayelekile, futhi uthola imibono okungeyakho uqobo ngento. Ungawuthathi umbono wakho uqobo. Nje uma uhlala futhi ulalele izinto kanjalo, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi. Ngizosondela nje kakhudlwana kuWe.” Niyabo? “Ngizohamba...” Ungayeki ukusebenza futhi uthi, “Ngizodayisa yonke into.”

³⁵¹ Umuntu egijima engena, phezulu lapha, ngolunye usuku, eqhamuka eNorth Carolina, ngaphambi nje kokuba sisuke. Futhi wathi, “Udumo kuNkulunkulu! Ungangitshela lapho othize omkhulu *omunye umuntu wayekhona na?*”

Futhi ngathi, “Qhabo.”

³⁵² “O, yebo, mnumzane,” wathi, “lomfo une...” Wathi, “Lomfo ungumongameli waseAudio Mission.”

Ngathi, “Ini?”

Wathi, “Audio Mission.”

Ngathi, “Angiqondi.”

Futhi wathi, “O,” wathi, “lomfo ungumongameli.”

Ngathi, “Uthe ngubani igama lakhe na?”

³⁵³ Wathi, “UBranham, ngiyakholwa. Into efana nalokho, uBrown noma uBranham.”

Ngathi, “Awu, igama lami nginguBranham.”

Wathi, “Ungumongameli weAudio Mission na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

Wathi, “Awu, ikuphi iminyaka eyiNkulungwane na?”

Ngathi, “Angazi.”

³⁵⁴ Wathi, “Ngani, ungu...U—uqonde ukuthi ku—ku—ku—kuyaqhube ka khona lapha, futhi awukwazi na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane, angiqondile.”

³⁵⁵ Wathi, “Awu, udumo kuNkulunkulu!” Wathi, “Nginabangane abathize—abathize abafikayo bangitshela,” futhi wathi, “Ngiyayeka ukusebenza.” Wayesagqoke izimpahla zomsebenzi. Wathi, “Mfowethu, ngifuna iminyaka eyiNkulungwane.”

³⁵⁶ Futhi ngathi, “Awu, ngi—ngiyakholwa nje udidekile kancanyana, awunjalo, mfowethu na?”

³⁵⁷ Futhi ngalesosikhathi imoto yenyuka, kwenyuka itekisi. Owesifazane wathi, “Mana! Mana! Mana!” Owesifazane omncane wafinyelela lapho, wathi, “Manje uzokhulekela umyeni wami.”

Ngathi, “Yebo, memu. Uthini—uthini ngakho na?”

³⁵⁸ Wathi, “Awu, ngiyaqonda ufanele ulinde inyanga engxoxiswaneni, niyabo, ukuthola ukukhulekelwa.”

Futhi ngathi, “Ini?”

³⁵⁹ Futhi wathi, “Yebo, mnumzane.” Wathi, “Kodwa ngishisekele. Ufanele ukhulekele umyeni wami.”

Ngathi, “Impela. Ukuphi na? Mlethe.”

³⁶⁰ Lomfo emile lapho, esusa amehlo, wathi, “Uyabakhulekela abagulayo, futhi na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

³⁶¹ Wathi, “Uthe ungubani igama lakho, uBranham na?” Ngathi...“Futhi awazi lutho ngeminyaka eyiNkulungwane na?”

³⁶² Ngathi, “Awu, ngi...Qhabo, angazi.” Ngathi, “A—angikuqondi. Nje ngokuyikho eBhayibhelini.”

³⁶³ Wathi, “Qhabo, kukhona manje. Abantu uqhamuka ndawo zonke.”

Ngathi, “Kukuphi na?”

Wathi, “EJeffersonville, eIndiana, khona ngaphansi kwebhuloho.”

³⁶⁴ Ngathi, "Mnumzane, uyangithola, kahle hle." Futhi ngathi, "Angazi lutho ngakho." Ngathi, "Asingene sihlale phansi. Mhlawumbe singaxoxa lento yedlule." Sakwenza, uyabo.

³⁶⁵ Ninga, ninga, niyabo, bangane, ningayifisi inkonzo. Niyazi ngiqonde ukuthini. Niyabo? Uyojabula kakhulu nje lapho okhona. Niyabo? Uvele nje uqhubekele phambili.

43. Emva koHlwithe loMlobokazi, kunini lapho ibandla, elifanele ledlule esikhathini sokuHlupheka, lime ekwahlulelweni na? (Alimele ukwahlulela...) Ngabe ngaphambili noma emva kweminyaka eyiNkulungwane na?

Ngokuba "ibandla." O, ngiyaxolisa. Ngithetheleleni, noma ngubani obhale lona. "Kunini lapho ibandla ukuthi..."

Emva koHlwithe loMlobokazi, kunini lapho ibandla, elifanele ledlule esikhathini sokuHlupheka, lime ekwahlulelweni na? Kungemva noma ngaphambili na...?

³⁶⁶ Emva! "Bonke abafayo abangaphilanga iminyaka eyinkulungwane," labo abahambanga noMlobokazi. Ake sibone:

44. Ushilo izikhathi eziningi ukuthi ubukhomanisi bavuswa nguNkulunkulu, ukufeza inhloso yaKhe, ngeNkosi uNebukadinesari. Manje ubukhomanisi bunela kuphi kulesisithombe esizo...ekugcineni ku...ngabe ekugcineni kuyokwenza na? Kuphelela kanjani na? Izifundiswa eziningi zikholwa ukuthi embusweni wasentshonalanga, uGogi noMagogi abaphathwa emiBhalweni, bayehla bamelane noIsrayeli e—e...(angikwazi ukuveza ukuthi lokho kuyini. Ya. Ya.) ngiyakholwa, ye...amanye amateyiphu athathiwe, athi, wathi ekugcineni kuyoqathaza i...lobo bukhomanisi ekugcineni buyobhubhisa ukuKatolika, noma iVatican, ngokuqhumisa. Kunjalo na?

³⁶⁷ Yebo. ISambulo 16, uzokuthola, neSambulo 18:8 ne 12. Uma umuntu elapha, efuna ukuthatha lesiqephu sephepha, kulokho, ungakubheka. Ya. Niyabo, "Maye, maye lowomuzi omkhulu! Ngokuba ehoreni linye usefike ekugcineni." Niyabo, abathengisi, nakho konke, eyamlethela impahla yokuthengiswa. Kuyoba njalo. Kunjalo. Futhi unga...

³⁶⁸ Yeka nje, khohlwa nje ngobukhomanisi. Niyabo? Akulutho ezwensi kodwa isigejane sa—sabantu abangalutho kodwa amaqaba a—angangcwele. Yinquo. Ake nginikhombise okuthile, nginikhombise nje ukuthi kulula kangakanani. Ngani, kunephesente elilodwa kuphela layoyonke iRashiya engubukhomanisi. Badinga isithunywa. Niyabo? Iphesente elilodwa; bese kuthi-ke, amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye awo asesohlangothini lomKristu. Iphesente elilodwa, futhi iphesente elilodwa lingalawula kanjani amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye na?

Lokho bekufanele kukuchaze kuwe, khona lapho. Uma uNkulunkulu engakuvumelanga, ngani, awu, bebeyolahlw a kudala. Niyabo? Impela.

- 45. Mfowethu Branham, ushilo ukuthi iRoma iyothatha umbuso wamaJuda eminyakeni emithathu nengxenye yokugcina. Lokho kuya i—iminyaka emithathu nengxenye yokuqala yeNhlupheko, noma ngabe kuyoba iminyaka emithathu nengxenye yokugcina na? Ngabe lokhu kuyikho na?**

³⁶⁹ Kuyoba iminyaka emithathu nengxenye yokugcina. Kunjalo. Hhayi eyokuqala, ngoba isivele yedlulile.

Konomunye emva kwalona:

- 46. Mfowethu othandekayo, ngabe uEliya kaMalaki 4:5 uyoya ehlane, njengoba amaKhosi okuQala 17 esitshela ukuthi omunye uEliya wenza na?**

³⁷⁰ Awu, bengingekusho lokho ncamashi ukuthi uyokwenza, ukuthi uyoya ehlane. Kodwa uyoba ilokhu, niyabo, waye... uElisha noEliya, nike naqaphela na? Amadoda amaningi anjengaleyo angamadoda aqhelile; wona, bayaqhela kubantu. Bayinqaba kakhulu. Abahlangani kakhulu nabantu.

³⁷¹ Niyaqaphela ukuthi uElisha wayenjani, noEliya, noJohane umBhaphathizi, naleyomvelo yallowomoya, niyabo. Futhi aba...U—u, ngikholwa ukuthi indoda iyoba ngumthandi wehlane, futhi mhlawumbe ihlale ehlane. Kodwa, manje, ukusho nje ukuthi uyoba umhlalawodwa futhi ahiale ehlane, angazi ngalokho. Ngezinye izikhathi bakwenza. UElisha akakwenzanga, kodwa uEliya wakwenza. Bese kuthi-ke, uJohane, wa—wayehlala ehlane.

³⁷² Futhi, kunzima ukusho, lababanye abaprofethi, ngenkathi bephuma ejJudiya lapho, angazi ukuthi bayohlalaphi. Bangahle bakhempe phandle eqhumeni ndawo ndawo. Noma—noma, abayokwenza ezinsukwini zesiprofetho sabo, a—angazi ukuthi bayokwenzani.

Kodwa wena...Engizama ukukusho ilokhu. “Bona, ngabe bayo, ngabe bayoba i—i—i...” Bazama ukubuza, “Ngabe bayoba abahlali-mahlane na?”

³⁷³ Awu, bayofanele baye entshonalanga yeBritish Columbia ukuthola ihlane elenele ukuhlala kulo manje, ndawo ndawo, niyabo. Ngakho kuyoba othile...Lonke ihlane linqunyiwe. Niyabo? Akusekho hlane elisele kangako. Niyabo? Ngakho, into kuphela, ba—bangahle babe umthandi wehlane, niyabo, futhi bahlale mhlawumbe kakhulu ehlane, futhi bayoba... Ungayiqaphela imvelo yabo, iyileyo engaxegisi, niyabo, futhi uyo—uyoyazi uma isifika. Niyabo? Uyoyibona; u—uphapheme kabanzi.

³⁷⁴ Manje, nanku owodwa, angazi ukuthi ithintwa kanjani. Futhi nginomunye ngaphambi kwalona, manje-ke ngizobacela ukuba bamise iteyiphu umzuzu nje.

47. Uma uNkulunkulu eyisiqu sinye, kungani noma Angakhulum kaJani kuYeNa uqobo eNtabeni yokuPhenduka esinye isimo na?

³⁷⁵ Awu, ngikuchazile nje lokho, niyabo. Niyabo? Ngithanda ukunibuza lokhu. Ngizo...Ngenkathi uJesu ekhulela kuBaba, niyabo.

[UMfowethu Branham uqala ukukhuluma kumfowethu ebandleni—Umhl.] Ngikholwa ukuthi unawo umbhaphathizo kaMoya oNgewe. Awunawo, mfowethu na? Ungesukume umzuzu nje. Uzisho ukuba nombhaphathizo kaMoya oNgewe angithi? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”] Nginawo, nami. Manje-ke, kuyini lokho na? Khona-ke angizisho ukuthi ngina—nginamandla ngaphakathi kimi ukuthukulula lezizimfihlakalo. Anginawo amandla okuphilisa abagulayo. NguNkulunkulu.

³⁷⁶ [UMfowethu Branham uyaqhube ka ukhuluma kumfowethu ebandleni—Umhl.] Ngiyaholwa unggumfundisi. Uma ngingaphazami, uvela eArkansas. Kulungile, manje. Futhi kuwe, une, ngu—ngukushumayela iVangeli. Ngokuvamile, wakhuliswa eplazini nangapho kanjalo. Awazi lutho ngakho; kodwa Okuthile kufika kuwe, ukushumayela iVangeli. Ungeke wakubiza lokho kuwe uqobo, nhlobo. Lowo ngomunye uMuntu, obizwa ngoMoya oNgewe. Kunjalo na? [“Yebo, mnumzane.”] Okay.

³⁷⁷ [UMfowethu Branham uyaqhube ka ukhuluma kumfowethu ebandleni—Umhl.] Manje ngifuna ukukubuza. Ngabe... LowoMoya oNgewe uhlala ngaphakathi kuwe. Ngabe kunjalo na? [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”] Ngabe uyakhuluma kuYe na? [“Yebo, mnumzane.”] Ukhuluma kuYe na? Ukhuleke kuYe na? Kulungile. Yilokho engikufunayo. Ngiyahonga, kakhulu.

Niyabo? Manje niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁷⁸ Ngizonibuza owodwa. Kwafika kanjani lokho ngenkathi... uJesu, kuJohane oNgewe 3, Wathi, “Ngenkathi iNDodana yomuntu iyakuba, okungukuthi manje iseZulwini.” Niyabo? “Manje iseZulwini; iyaku re...fika emhlabeni.” Niyabo? “INdodana yomuntu ukuthi manje iseZulwini,” futhi Nangu umi khona lapha ekhuluma kumuntu. Manje ngiphenduleni lowo. UJesu noBaba kwakunguMuntu ofanayo.

³⁷⁹ Nje ofanayo noMoya oNgewe ophakathi kimina; ningibuka ngishumayela, kodwa akusimina.

Akusimina ongakhuluma izwi elingaletha, njengoba nazi, isilwane; sihleli lapho futhi usibuke, futhi ubulale isilwane futhi usidle. Lawo ngamandla anokudala. Lokho akuhlali esidalweni esingumuntu.

³⁸⁰ Akusimina ongathatha umfanyana lapha, elele... Odokotela bemlalise ngomhlane wakhe, nenkinga yenhliziyo, kulobubusuku. Futhi ngithi, "Usho kanje uWilliam Branham"? Qhabo. "ISHO KANJE INKOSI, kufeziwe." Futhi umlethe ezansi kudokotela, ngosuku olulandelayo, futhi konke sekuhambile.

³⁸¹ Inganyana inesifo ilukhemiya, kuze kuba amehlo akho asedumbile, futhi ephuzi yonk'indawo, isisu; kuze kuba bakuyise esibhedlela, ukukunika igazi nezinto, baze ngisho bakulethe lapha. Futhi esikhathini esiyimizuzu emihlanu, kukhalele ihem-bhega! Futhi bakubuyisele kudokotela, osukwini olulandelayo, futhi bengatholi ngisho umkhondo wakho. Lokho ngu "Usho kanje uWilliam Branham"? Lowo ngu "ISHO KANJE INKOSI!" Nokho, Ungoyedwa ohlkile kimina, kodwa indlela kuphela Abonakaliswa ngayo ingami. Niyabo?

³⁸² Yileyondlela uJesu noBaba owayengayo. UJesu wathi, "AkusiMi owenza imisebenzi; nguBaba waMi ohlezi kiMi."

Manje, "INDodana yomuntu iyakukhuphukela ivela eZulwini, okungukuthi manje iseZulwini." Niyabo? Kwakuyini na? Wayengosezindaweni zonke ngoba WayenguNkulunkulu.

³⁸³ Manje, omunye lapha, ngi...[UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Ngifuna ukusho lamazwi.

Chaza obukhuluma ngakho...

[Akuqoshwang eteyipini. Umfowethu ukhuluma ebandleni.—Umhl.]

NgiyaKubonga, Baba Nkulunkulu. SiyaKubonga ngoMoya, wobukhona baKho lapha. Futhi siyatshelwa, Baba, ukuthi ngesinye isikhathi, ngenkathi i—isitha sasiza, noMoya wawela phezu komuntu futhi waprofetha kuye, futhi wamtshela. Uhlela into ngokohlelo, lapho abazi khona ukuthi uhamba kanjani futhi unqobe isitha, nokuthi usithola kuphi isitha.

³⁸⁴ Futhi ngiyaKubonga, Baba, ukuthi Uselokhu unguNkulunkulu ofanayo Owawulokhu ungyue. Usalokhu unjalo. Siyaguquka, neminyaka iyaguquka, nizikhathi ziyaguquka, nabantu. Kodwa Awukaze uguquke. Izinqubo zokwenza zisenjalo. Umusa waKho usenjalo. Imisebenzi yaKho isenjalo, ngoba iyamangalisa, futhi idlula kude le nomu ikuphi ukwazi komuntu ukuba aze aqonde.

³⁸⁵ Ngakho sinokubonga, Nkosi, ukuthi izimfihlo zaKho zifihlwe phakathi ezinhliziyeni zezincke zaKho. Futhi sijabule kakhulu ngalokhu, Nkosi. Futhi kwangathi singaqhubekela phambili njengamaLambu akhanyayo, uku... ukusuka endaweni uya endaweni, futhi sizama, ngothando, uku—ukungenisa abanye; ukuthi singakhukhula lonke ikhona elincane, futhi siphonse amanethi phakathi, ukuba siqiniseke ukuthi sithola yonke inhlanzi engeyaKho. Bese kuthi-ke

iWundlu liyakuthatha uMlobokazi waLo, ukuba njalo njalo abe sohlangothini lwaLo. Silinde lesosikhathi, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

³⁸⁶ Bangaki ogulayo phakathi lapho, asibone izandla zenu. Awu, kubukeka kuba cishe... Phakamisani izandla zenu futhi. Cishe munye, bibili, bathathu, bane, bahlanu, bayisithupha, bayisikhombisa, bayisishiyagalombili, bayisishiyagalolunye, bayishumi, bayishumi-nanye, bayishumi-nambili, bayishumi-nantathu, bayishumi-nane, bayishumi-nahlanu, bayishumi-nesithupha, bayishumi-nesikhombisa, bayishumi-nesishiyagalombili, bayishumi-nesishiyagalolunye, bangamashumi amabili... [UMfowethu Branham nomunye othize bayaqhube ka ukubala ngokuthula izandla eziphakeme—Umhl.] Amashumi amane-nesikhombisa, cishe amashumi amane-nesikhombisa. Kulungile.

³⁸⁷ Sekugamenxe eleshumi-nanye. Singabakhulekela abagulayo manje; beka ubusuku banamhlanje e-e... Nizo, ningathanda ukwenza lokho na? [Ibandla lithi, "Amen." —Umhl.]

³⁸⁸ Ngiyakholwa khona manje kungaba isikhathi esihle ukukwenza. Nginitshela ukuthini: uMoya oNgcwele, umi khona phakathi lapha, ugcobo. Manje, njengoba nje senyukele kulowoMoya manje, niyabo, futhi niyayibona leyoNto ethize, niyayazi leyoNto ethize—iTNT ethize ikhona, niyabo. Futhi uma ungake ukholwe, ubufanele ukukholwe khona manje. Niyabo? Uma ungake ukukholwe, kumanje.

³⁸⁹ Manje, sifuna wena nje uze ngokuthula ngempela. Futhi uyekele labo abakulelophaseji *lapho*, ophakamise izandla zabo, phumela *kuleliphas*eji, bese wehle ngalendlela. Bese-ke sibathatha, iphasiji ngephaseji. Futhi nje amashumi amane-nanhlanu—amashumi amane-nanhlanu, amashumi amane-nesikhombisa abo; angeke kwathatha isikhathi eside.

³⁹⁰ Ngizocela uMfowethu Neville uma ezoza, yehlela khona lapha nami, futhi sizobakhulekela.

³⁹¹ Kuqala, labo abezayo manje ephaseji, yimani nje umzuzu manje, ukuze sinikhulekele lapha futhi sibeke izandla kuwowonke umuntu. Manje, kulungile, nje wonk'umuntu ozoza emgqeni womkhuleko, niyabo, labo abazoza emgqeni womkhuleko. Niyabo? Manje—manje, niyabo, ukonga isikhathi, ukuze siqiniseke ukukuthola, sizonikhulekela manje.

³⁹² Bukani, bangani. Ake ngikuchaze kini. UJesu Kristu washo lokhu, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Manje bhekisisani. Akazange athi, "Uma bebakhulekela." "Uma bebeka izandla kwabagulayo, bayakusinda!" Futhi uma uNkulunkulu engathatha udaba olungahluleki lwasifo ilukhemiya, nentombazanyana engeke yaba nokukholwa okungokwayo, futhi enze leyonto yonke ngokuphelele; uma

Engathatha udaba olulandelayo, umfana omdadlana, futhi amphilise kakhulu kuze kuthi odokotela abakwazi ngisho ukuthola imfiva yamathambo egazini lakhe noma enye into; Engakwenzelani na? Manje, labo bafo abancanyana, abaqondi ukuthi umkhuleko uyoba yini. Kodwa kwabekwa izandla kubona, futhi kukwenzile. Singakuqonda.

Manje, nisamile, ukukhuleka manje.

³⁹³ Baba waseZulwini, ngoBukhona baKho obukhulu bulele lapha, uMoya oNgcwele omkhulu, Lowo esinesithombe sakhe, Lowo esimfundayo eBhayibhelini, Ukhona khona lapha manje. Uzembula Yena uqobo ngenyama yomuntu.

³⁹⁴ Ukuthi siMbone kanjani ngale kokwehluleka isikhathi esisodwa, eminyakeni, ukwazi ukwembula yona impela imicabango yenhliziyi yomuntu, ukwembula isono abazenzile, abatshele khona impela okwenzekile nokuthi kuzokwenzekani, ngale kokwehluleka isikhathi esisodwa! Manje-ke, siyazi ukuthi uNkulunkulu ka-Abrahama, uIsaka, nokalsrayeli, uselokhu enguNkulunkulu, kuMuntu kaJesu Kristu.

³⁹⁵ Futhi manje ngoMoya oNgcwele wehla uvela eZulwini, ngaphansi kweGazi elachitheka eKalvari, wehlela phakathi kwabantu, ukwenza Yena uqobo abonakaliswe enyameni yomuntu ngaphambi nje kokusha komhlaba; uMoya oNgcwele umelwe enyameni yomuntu. Labobantu abaligugu abamukele inhlawulelo yeGazi, noMoya oNgcwele uthatha ungena ebuntwini babo; UNkulunkulu, emelwe enyameni yomuntu.

³⁹⁶ Ngakho-ke, bekungeke kwaba inyama yomuntu, kuphela nje ukwenza isenzo, njengasembaphathizweni noma okunye nokunye, ngokuyala, ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngokubeka izandla kwabagulayo, uMoya oNgcwele uzokubonelela ukuthi baphilisiwe, uma bezokholwa. Manje, Baba, siyazi ukuthi lezizinto ziqinisile.

³⁹⁷ Bababantu bemile, bazodlula ngaphansi kwezandla zabefundisi abemukele uMoya oNgcwele, futhi balungele, Nkosi, ukubeka izandla phezu kwabagulayo. Futhi siyazi, Baba, ukuthi uma lababantu bezokholwa kuphela! Njengalonke iZwi Olethembisile, kuzofanele kwenzeke, ngakho yenza... Futhi ngeke kwenzeka ngale kokukholwa, ngokuba akunakwenzeka ukujabulisa uNkulunkulu ngale kokukholwa. Singeke nje sakwenza.

³⁹⁸ Futhi manje ngokwethemba, ukukholwa, ngalesisithembiso silele lapha phambi kwethu, neziMpawu zeBhayibheli zivuliwe phambi kwethu, ukuthi uNkulunkulu ugcina iZwi laKhe! Kwangathi lababantu abaligugu, abagulayo, Nkosi,... nomuzwa wami ngabo, njengesidalwa esingumuntu emzimbeni ofayo njengowabo. Futhi manje owabo... uMoya oNgcwele ofanayo ohlala ngaphakathi kithi, Nkosi, uhlala kubo. Futhi siyadabuka ngomunye nomunye. Futhi sazi ukuthi

isiVumelwano esisha eGazini elisha... Uma elidala lanikela ukuphilisa, kangakanani leli “elisha nelingcono” liyokwenza na? Baba, kwangathi kungabanjalo, ukuthi lababantu angeke bahluleka, kodwa bazokwemukela ukuphiliswa kwabo ngenkathi bedlula ezandleni zezincku zaKho, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

³⁹⁹ Manje—manje, sizo, *loluhlangothi* luzohlaliswa, ngenkathi *loluhlangothi* luza ngapha. Bese kuthi *loluhlangothi* luzobuyela emuva, nolunye uhlangothi... Manje, abanye benu bazalwane lapha, lelo luzoma. Ngiyakholwa ningabefundisi ngapha, nonke ngapha.

Uphi uDokotela, uMfowethu Ned? Ubuzoba semgqeni womkhuleko, Mfowethu Ned na? [UMfowethu Ned Iverson uthi, “Yebo. Ngimele omunye umuntu.”—Umhl.] Kulungile, Mfowethu Ned. Kulungile. Inqobo nje uma ukhulekelwe, gxumela khona ngqo emgqeni.

⁴⁰⁰ Manje yenza laba abakuloluhlangothi *ngapha*, hlanani nje umzuzwana nje, futhi ngizothatha labo abavela *kuloluhlangothi*. Manje-ke, sizokwehla bese sithatha iphaseji elimaphakathi, futhi sibabuyisele ngalendlela. Bese-ke sithatha *leliphaseji*, futhi sibayise ngakulendlela, futhi sizokhulekela wonk’umuntu.

⁴⁰¹ Ngizocela uMfowethu Teddy... Ukuphi na? [UMfowethu Teddy Arnold uthi, “Khona lapha.”—Umhl.] Kulungile. Ngifuna nina nidiale lapho, “INyanga enkulu manje iseduze.” Nomshayipiyan, noma ngabe bakuphi, hambisana naye, uma uthanda.

⁴⁰² Lalelani, niyakhumbula ngesikhathi lapho lelo lalidlala, nomfana omcane walethwa eplatifomu? Intombazane encane eyiAmish idlala, “INyanga enkulu manje iseduze.” Yayinezinde, izinwele ezimnyama, noma—noma izinwele zayo, njalo, iMennonite noma intombazane eyi Amish, eyodwa, ilele emuva ngekhandala layo.

⁴⁰³ NoMoya oNgewelete washaya lomfana omncane, nje ngokubeka izandla; ekhubazelike ezinyaweni zakhe. Futhi wagxuma wasuka ezingalweni zami, futhi wagijima wehla eplatifomu. Umama wakhe wasukuma, futhi wawa waqethuka; iMennonite, ngiyakholwa, kwasekuqaleni.

⁴⁰⁴ NoMoya kaNkulunkulu washaya lentombazane encane eyiMennonite, noma iAmish, noma ngabe yayiyini. Ubaba wayo nabo behlezi lapho, ne... .izingubo zabo, njengamaMennonite, noma ngabe kwakuyini. Futhi yagxuma isuka opiyanweni, nezandla zayo zisemoyeni. Nezinwele zayo ezinhle zawa ngale; yayibukeka njengeNgelosi. Yaqala ukucula eMoyeni; ngenkathi yenza lokho, upiyano lwadlala ngokuqhubeka, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.”

⁴⁰⁵ Wonk’umuntu emi lapho, izinkulungwane, zibuka phansi lawomabhathini enyuka ehla, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.” Abantu basukuma ezhilalweni ezinamasondo,

baphuma ezinhlakeni, imibhede ewuhlaka, baqhubeke nokuhamba.

⁴⁰⁶ Leyo Nkosi Jesu efanayo ikhona lapha, kulokhu ukusa, njengoba Kwakunjalo ngalesosikhathi. Kholwani nje manje.

Dlala leloculo, uma uthanda, *INyanga Enkulu*.

Manje wonke umuntu makakhuleke.

Mabahambe khona ngqo ngapha endlini, yehlani khona ngqo ngalendlela, futhi khona ngqo niye ezihlalweni zenu noma ikuphi lapho enifuna ukuya khona, ngenkathi nenza indlela yenu. Ngabe nenze kwangabikho lutho emuva lapho na? Kulungile. Ngakho, buyelani nqo esihlalweni, khona-ke sizoma.

⁴⁰⁷ Manje lalelani. Ngenkathi laba besakhulekelwa, bakhulekeleni. Bese kuthi-ke uma senikhulekelwe, bazonikhulekela.

Manje, nina befundisi ngapha, sukumani. Futhi ngifuna nina ukuba nibeke izandla kulaba ngenkathi bedlula.

⁴⁰⁸ Manje, wonk'umuntu, amakhanda ekhotheme, futhi gcinani amakhanda enu ekhotheme. Qhubekani nikhuleke. Futhi uma nidllula, khona-ke bekani...izandla zibekwe kini. Khumbulani, yisithembiso sikaNkulunkulu esembula izimfihlo zeNcwadi yaKhe, izimfihlo zenhliziyo yomuntu. UnguNkulunkulu ozofakazisa lokho, uma nizokukholwa. Niyabo? Manje wonke umuntu emkhulekweni.

Manje nina bafowethu abangabefundisi phezulu lapha, uma nithanda.

Kulungile, asikhothamise amakhanda ethu.

⁴⁰⁹ Manje, Nkosi Jesu, njengoba lababantu beza, kwangathi aMandla kaNkulunkulu uSomandla angavusa ukukholwa kwabo masinyane njengoba bedlula, bonke eGameni likaJesu.

⁴¹⁰ Manje, kulungile, mawuqale umugqa ngalendlela. Cela wonk'umuntu, abeke izandla phezu kwabo, nina befundisi, njengoba bedlula.

⁴¹¹ [UMfowethu Branham nabefundisi baqala ukukhuleka futhi babeka izandla zabo kumuntu ngamunye oza ngomugqa womkhuleko, ngenkathi umshayi-ogani ngokuqhubeka edlala *INyanga Enkulu—Umhl.*]

EGameni leNkosi uJesu!

Ngibeka izandla zami, eGameni leNkosi uJesu, mfowethu.

EGameni leNkosi uJesu!

Nkulunkulu, kuphe udadewethu, uRosella, eGameni likaJesu.

EGameni likaJesu Kristu!

EGameni likaJesu Kristu!

⁴¹² Hlala; buka lokho kuze kuphele umugqa.

EGameni leNkosi uJesu! . . . ? . . .

Khumbula, Uthobekile. Woza ngokuthobeka.

⁴¹³ [Amazwi kaMfowethu Branham lapha azwakala kuphela ingxenye, futhi awenele ukubhala wonke umqondo ozwakalisiwe. Umugqa womkhuleko uyaqhubecka lapha imizuzu eyisithupha nemizuzwana engamashumi amabili nanhlanu—Umhl.]

⁴¹⁴ [Akuqoshwangwa eteyipini. UMfowethu Billy Paul Branham ukhuphukela kwimayikrofoni futhi uthi, “Nina bafo ningeqhubeka niye emuva, ngiyacela? Nina bafo enimi kulelo phaseji, phumanि kulelophaseji bese niya emuva na? Qhubekani niye emuva, ngiyacela. Ngiyabonga. Nina bafo enimaphakathi nephaseji, ningazungeza, nani na?”—Umhl.]

⁴¹⁵ [Amazwi kaMfowethu Branham lapha azwakala kuphela ingxenye, futhi awenele ukubhala wonke umqondo ozwakalisiwe. Umugqa womkhuleko uyaqhubecka lapha imizuzu emibili nemizuzwana engamashumi amabili—Umhl.]

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, Mfowethu Mitchell.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa, mfowethu.

Mukela ukuphiliswa kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa, dadewethu.

Mukela ukuphiliswa, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu.

Mukela ukuphiliswa, mfowethu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu . . . ? . .

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu . . . ? . .

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu.

Mukela ukuphiliswa kwakho.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu . . . ? . .

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu . . . ? . .

Mukela ukuphiliswa kwakho kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho.

Mukela ukuphiliswa, dadewethu . . . ? . . . , kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa.

Mukela ukuphiliswa . . . ? . .

Mukela ukuphiliswa, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa.

Mukela ukuphiliswa, dadewethu . . . ? . . .

Mukela ukuphiliswa, eGameni likaJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa, eGameni likaJesu. Amen.

Mukela ukuphiliswa.

Mukela ukuphiliswa.

Mukela ukuphiliswa kwakho.

Mukela ukuphiliswa kwakho.

Mukela ukuphiliswa kwakho kuvela kuJesu Kristu.

⁴¹⁶ [UMfowethu Billy Paul Branham unyukela kwimayikrofoni futhi uthi, “Ukhona omunye ofunayo emgqeni womkhuleko na? Ungangena, ngiyacela. Uma kakhona noma ubani ofunayo emgqeni womkhuleko, ungangena, ngiyacela.”—Umhl.]

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

⁴¹⁷ Mukela ukuphiliswa kwakho, Dadewethu Wood, kuvela esandleni sikaJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho . . . ? . . .

Mukela ukuphiliswa . . . ? . . .

⁴¹⁸ Mukela ukuphiliswa, Dadewethu Roberson, ngesandla sikaJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa, mfowethu, ngesandla sikaJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa, dadewethu . . . ? . . . , kuvela esandleni sikaJesu Kristu.

EGameni likaJesu Kristu, mukela ukuphiliswa kwakho.

Mphilise, eGameni likaJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa, dadewethu . . . ? . . .

Mukela ukuphiliswa kwakho, ndodana, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Mfowethu Weerts, mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu, kuvela kuJesu Kristu.

Dadewethu, mukela ukuphiliswa kwakho kuvela kuJesu Kristu.

Mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu . . . ? . . .

Mfowethu, ngeGama likaJesu Kristu, mukela . . . ? . . .

Egameni likaJesu Kristu . . . ? . . .

Egameni likaJesu Kristu . . . ? . . .

Egameni likaJesu Kristu iNkosi yethu, mukela ukuphiliswa kwakho.

Egameni likaJesu Kristu, mukela ukuphiliswa kwakho, mfowethu.

Egameni likaJesu Kristu . . . ? . . .

Egameni likaJesu Kristu, mukela ukuphiliswa kwakho, dadewethu.

Egameni likaJesu Kristu . . . ? . . .

⁴¹⁹ [UMfowethu Billy Paul Branham unyukela kwimayikrofoni futhi uthi, "Ibobonke abafune ukukhulekelwa okwamanje na?"—Umhl.]

⁴²⁰ [UMfowethu Lee Vayle ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Kwangathi isandla seNkosi uJesu singakupha, Mfowethu Vayle, lesicelo sothandiweyo wakhe, eGameni likaJesu.

⁴²¹ [UMfowethu Billy Paul Branham ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Billy Paul, njengoba emaningi amakhadi njengoba uwakhiphile, manje mukela ukuphiliswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu.

INyanga enkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo,
Ukhuluma inhliziyoyeyethileyo ukuze yename,
O, yizwa iphimbo likaJesu.

Sonke:

Gama eliminandi kunawo onke eculweni
lamaserafi,
Gama eliminandi kunawo onke olimini
lwabantu,
Ihubo lokuthokoza eliminandi kunawo onke
asake aculwa,

⁴²² Nkulunkulu, phezu kwalezizithandani ezincane ezithandekayo esilethwe ngaphambili, ezweni, ezinye za . . . ? . . . Kwangathi zingemukela isicelo sazo, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu.

⁴²³ . . . ? . . . likaJesu Kristu, kwangathi umuntu kadadewethu anaye emqondweni wakhe manje, kwangathi amandla kaNkulunkulu angahamba nalesosicelo. Kwangathi angakhululwa. Siphe khona, Nkosi. Amen.

⁴²⁴ Nkosi Nkulunkulu, eGameni likaJesu, yipha isicelo salendoda. Ngiyayikhulekela, Nkosi, ngomkhuleko wami. Amen.

⁴²⁵ O, akumangalisi lokhu na! [Ibandla liyajabula futhi lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngiyakholwa ukuthi uma wonk’umuntu oza ngapha, kulokhu kusa, ngaphansi kwalolugcobo olukhulu kakhulu, ngi—ngiyakholwa uma nje nizo... Manje ningahloli into ethize enkulu kakhulu. Khumbulani nje into elula yokukholwa lokho Akwethembisa.

⁴²⁶ Manje asikusho sonke ndawonye. Asi [Ibandla lithi, “Asi.”—Umhl.] bheki [“bheki”] into enkulu. [“into enkulu.”] Kodwa, eGameni likaJesu, [“Kodwa, eGameni likaJesu,”] semukela isithembiso saKhe. [“semukela isithembiso saKhe.”]

⁴²⁷ Lokho kuyakuxazulula. Lokho kukweza kuphele. [Ibandla lithi, “Amen,” futhi lijabula ngokuzwakala kakhulu—Umhl.] Amen! UNkulunkulu anibusise!



ISAMBULO SE ZIMPAWU EZIYISIKHOMBISA
(The Revelation Of The Seven Seals)

LemiLayezo eyishumi ngoMfowethu William Marrion Branham okokuqala yethulwa ngesiNgisi ngoMashi 17 kwaze kwayoba nguMashi 24, 1963, eTabernakel likeBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., noPhawu lwesiKhombisa lwaqhubeke ngoMashi 25 eSherwood Motel. Ngokuthola acace kakhulu naphelele kakhulu amateyipu asekuqaleni, lemiLayezo iphindie yenziwa ngokwesimo samanje. Kwensiwe yonke imizamo ukwedlulisa ngokucophelela uMlayezo womlomo usuka eziqophweni zeteyipu kazibuthe uya ekhasini elishicelwelwe. Lokhu kuhunyushwa kwesiZulu okungafinqiwe kushicelwelwe ngabe Voice of God Recordings.

Onke amalungelo kulencwadi agodliwe. Lencwadi ingethengiswe, iphindie ishicilelwie, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume eshiwoyo ebhaliwe ye William Branham Evangelistic Association.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org